

uTshaka.

"Ilemb' e l'eq' amany' amalembe ngo kukalipa. Inyon' e-dhl' ezinye!"

# uTULASIZWE

(Incwadi ye zindaba za Bantu ba kwa Zulu, na ba seNatali)

I BUTWE, YA HLELWA

NGU

J. STUART

o wake wa *Assist. Secy. Native Affairs, Natal*; uMahlalesihlalweni, *Zulu Orthography Conference*, 1905–1907; umLobi we *History, Zulu Rebellion*, 1906

I ne mfanekiso e itshumi ne situpa

*I CINDEZELWA KABUTSHA*

LONGMANS, GREEN AND CO. LTD.

39 PATERNOSTER ROW, LONDON, E.C.4

NEW YORK, TORONTO

CALCUTTA, BOMBAY, AND MADRAS

1934

BAA 496.3712 406 STY
43884

# UKUCAZA

Ukuti : ‘ (hard breathing), ku lingene no *h*.

Isiboniselo : “*M ‘beke, a ngab’ e sa buyel’ emuva.*” Lapa-ke uhlamvu lokuti : *‘beke*, lu lingene nokuti : *bheke.*

Ukuti : ’ (soft breathing), ku lingene nokuti u-*h* kako.

Isiboniselo : *’Beka pansi ;* u-*h* ke-zwakali-ke ku *beka.*

Ukuti : ^ (circumflex), ku lingene nokuti ku kon’ igama, ingabe mabili, matatu, a nga ngeniswanga.

Isiboniselo : *înkomo ;* loku-ke ku lingene nokuti : *izinkomo.*

Ukuti : ¯ nokuti ˘ ku lingene nokuti : kude ; kufutshane.

Isiboniselo : *uTshaka wā tat’ igazi le nkomo wă li tel’ emnyango esigodhlweni sake.* Owakuqal’ u-*wa*, mude ; owesibili, mfutshane.

*Made in Great Britain. All rights reserved*

# ISAZISO

Isu lo kuloba la lel’ ibuku, li suk’ emtetweni omkulu o wa menyezelwa Umhlangano wa beLungu na Bantu abafundile, a bā ketw’ izwe lonke, o wa qal’ eTekwini ngo 1905, wa u su-ya eMgungundhlovu ngo 1906, waze wa gcin’ eTekwini ngo 1907. Lowo mteto-ke, *o fuz’ ukuloba kwe zizwe zonk’ ezikanyisiweyo*, o wokuti: Ukulotshwa kwe siZulu ma ku qondane ne zinhlamvu zo kukuluma, ukuze zi-me z’ahlukene, zi nga banqani zi sitasiteke. (*The different ‘parts of speech’ should be written separately.*)

Izindaba-ke, ne zinganekwane, ne zibongo, ne ziga, nani-nani, konk’ o ku butene lapa, na kwe ziny’ izincwadi e zi kanye na le, kwa tatwa ku Bant’ abamnyama. Le nhlanganisela eyabo. Izinhlobonhlobo ze zindab’ ezilibazisayo ne zihlekisayo, ezivusayo ne zisizayo, zi gcwele kubona, kakulu kwa *badala*. Okuningi, o ku sa sel’ emuva. A i papame-ke intsha ya namuhla e si fundile, i kw-enz’ igug’ elikulu loku, i ku landalande masinyane kwa badala; i ku hlakanipele, ku bekwe kahl’ ezincwadini, ku ngaze ku tshone pansi ku lahleke. *Zonk’ izizwe ezikanyisiweyo za beLungu, za qala ngo kw-enze nje.* Bonelani lapo-ke. Ukukanya ku suka kona lapo.

# LEL' IBUKU LI PET' EZOKUTI


| Isifundo | iKasi |
|---|---|
| 1. uManqondo u fukul' isitole, a gijime naso | 7 |
| 2. uTshaka na bant' a ba qala ngo kulandul' ugwayi, kanti ba nawo | 8 |
| 3. uRubu w-etwes' uTshaka nge sikumba | 9 |
| 4. uGubudele ka Nomantshali (inganekwane) | 11 |
| 5. *Izibongo zi ka Tshaka* | 17 |
| 6. uQubabanye u jikijel' isikuni so mlilo, a s'eqis' umful' u gcwele | 19 |
| 7. Umling' o w-enziwa uMabaso ebaTenjini | 21 |
| 8. Ku fuq' umusi emlonyeni ku Tshaka | 23 |
| 9. uTshaka u bon' iqawe lake e gwaz' umufo | 24 |
| 10. uManzabilayo (inganekwane) | 25 |
| 11. Isidwenga e sa lahlekayo | 32 |
| 12. uMhlongamvula ka Hlati, wa seMgazini | 32 |
| 13. Izindhlondhlo e za zi bulal' abantu kwa Zulu | 33 |
| 14. uNtanjana u bulal' uSibiba nge sibamu, mhla ku zingel' inqina | 36 |
| 15. uMabejana (inganekwane) | 37 |
| 16. Ukusikwa kwe zihlangu | 43 |
| 17. Indhlu ka Ntombazi wa oLanga | 46 |
| 18. Indhlala ka Madhlantule | 47 |
| 19. Ukubulawa kwe zangoma uTshaka | 50 |
| 20. Ukubazwa kwa mawisa ne zagila | 52 |
| 21. uMpitikezi u citsh' ukubulawa iNkosi | 55 |
| 22. uTatise (inganekwane) | 57 |
| 23. Ukubulawa ku ka Manembe, inyang' enkulu ye-mpi | 62 |
| 24. *Izibongo zi ka Dingana* | 63 |
| 25. Ukupumputis' iNkosi, ku buyw' empini | 65 |
| 26. *Izibongo zi ka Mpande* | 68 |
| 27. Imbongi ya kwa Zulu i gwazana ne ya kwa Mzilikazi | 69 |
| 28. Ukukalel' amabele | 74 |
| 29. uMantingwana ka Ndingiyana u bona lukulu | 75 |
| 30. Imiyalo: E ya yi-tshiwo uGwazela ku bantabake | 79 |
| 31. Impi ya seMaqongqo, no kufa ku ka Dingana | 83 |
| 32. *Iziga* | 89 |
| 33. Ukudabuka kwe sifunda sa kwa Zulu | 90 |
| 34. uManjazi (inganekwane) | 91 |
| 35. Ukubulawa ku ka Matshukumbele ka Gcwabe, wa sEmbo | 96 |
| 36. uGcugcwa, isel' e l'eb' izinkomo zi ka Tshaka | 99 |
| 37. Ukubazwa kwe zicamelo ne zinkezo | 102 |
| 38. Ukwonakala kwe zintombi, zi menyezelwe ukuti ka zi kehle, zi gan' iNdhlondhlo | 104 |
| 39. Ukubulawa ku ka Zihlandhlo ka Gcwabe | 110 |
| 40. *Izibongo zi ka Cetshwayo* | 111 |
| 41. Ukulwa ku ka Mpeyan' eMfihlweni | 112 |
| 42. uHlati: "uJoj' o wa mila nsib' emlenzeni" | 116 |
| 43. Insumansumane e y'enziwa uTshak' eZimpohlweni | 116 |
| 44. *Izibongo zi ka Dinuzulu* | 118 |
| 45. Abalobokazi ba ka Cetshwayo ba m ciba nge mnyakanya | 119 |
| 46. Inkasa-kabili, i sa u'pind' i suke nje na? | 120 |
| 47. Ukufa ku ka Sokufoca | 121 |




# uTULASIZWE

## 1

### uMANQONDO U FUKUL' ISITOLE, A GIJIME NASO

KWĀTI, ku hleziwe nje, ku hlez' ibandhla nje eMgungundhlovu, ibandhla lite xebu—li kak' iNkosi-ke. I-te-ke, ake ku botshw' inkomo. " Bopani nans' inkomo (e-tsh' umtantikazi ompemvukazi, onsundukazi nga semhlane); i botshwe ngapambili na ngasemuva." Ya botshwa-ke. Ya i si-t' iNkosi—i komb' icibi le zinkomo—" O ya ku yi tata, a yi fukule, a gijime nayo, u ya ku-zi-tata zonke lez' izinkomo ! " Kwakuya suka lowo, w'ahluleka. Kwakuya suka lowo, w'ahluleka. Kwakuya suka lowo, w'ahluleka. Ku hamba ngo-hla. Kwakuya suka lowo, w'ahluleka. Kwase kwaye kwa fika ngay' uManqondo. Wa ye pimisel' amat' ezandhleni, e se suk' e yi dumela. U se yi dumela qede, e yi tata ; wa gijima nayo, a sez' aye a y'etule. I si-t' iNkosi : " Weu ! Ni ya bona, Zulu, ka ngi se na kukuluma. Zi tate zonke Manqondo, se ku ngezako ! I tukululeni leyo, ni yi ngenise kuzo lezo." I si ngena-ke kuzo lezo nkomo. Za fik' ekaya, za icibi ; za yi qeda yonk' imizi. E se z'aba nge mizi, yonk' imizi yake, e hamb' e zi tela, e zi tela. Se ku sal' e za seMantandeni, umuzi o wa ye hlala kuwo. I sit' ub' i hlale, i si zi tulul' izinkomo. I si zal' amatshum' amabili ; yat' i

si-za ku leli le sitatu, y'ahluleka. Ya i si gingqiza eNkandhla pezulu, emahlatini, eSibudeni.

Inkomo yā fika no Manqondo uTulwan' e butiwe, e se zinsizwa. Ya zal' inkabi, " uZa-wu-dhliwa-ubani-walunga-na ? " Okokuti, la e keta (yen' uManqondo), i fakw' iziqova ze nsont' ebomvu, ye mfabamfaba,—y'ehl' ezihlatini, i bi si y'etwaliswa isiqova se-ntshe esimnyama, ebusweni. I bi si-za na makosikazi, lapa ku ketwayo, i hambe ngapambi kwabo, ba yi pahle pakati. Ukuketa loko kwa kw-enziwa ku gan' intombi, i gane ku Manqondo.

Isikumba sa leso sitole sa palwa, s'enziwa isidwaba sa makosikazi.

## 2

## uTSHAKA NA BANT' A BA QALA NGO KULANDUL' UGWAYI, KANTI BA NAWO

KwĀti, ku hleziwe, iNkosi ya xox' ukuti imbala uk' az' a vele nje umunt' o tshiyel' umuntu, e nga bonang' e landula na ? Lok' umunt' u yati, kon' e zo ku-m-tshiyel' umuntu, ak' a landule, ak' a-ti : " A ngi m bemi." So ku ketw' amanxusa-ke, se ku-tiwa : " Nas' isitole esimiti ; ake ni hambe-ke, ni hambe ni cel' ugwayi kahle ; ni ya ku-m-bon' umunt' o yo pika ngo kukip' itshungu nje, e nga bonang' az' az' a landule ; a ni tshiyele nje. Ni-ze naye-ke lowo muntu." Kwa kupela-ke. Kwakuyate ku lowo muntu, ba cele, a landule ; a be se buy' e ba tshiyela, kanti u qale ngo kulandula. Se be dhlula-ke njalo. Se be hlangana na banye ; ba cele, ba landule,—kade ba ba tshiyele. Ba hamba-ke, be hamba b'enze njalo ; a landul' umuntu, a buy' a ba tshiyele. Ba dhlule. Ba li zungez' izwe, be hamba b'enze njalo. Baze ba fik' endodeni. Ba cela. Ya fika ya pika ngo kukip' itshungu ; a yaze ya landula.



Ya i si ba bukuzel' ugwayi. Hau ! Se be-ti-ke : " Hamba, si hambe-ke." " Hau ! Ngi y'epi na ? " " Qa, iNkos' i-te ka so-za nawe ! " Umunt' u hamb' e se no valo, sengati u zo fik' a banjw' a bulawe. U se fika-ke eNkosini. " Wa ku tshelwa ubani okokuti abantu, be landula *kangaka*, wena amanxus' ami u fik' u wa tshiyele, u nga bonang' u landula na ? " " Nkosi, ukuma kwami ; ku ya nge-hlula uku-landul' ugway' e kona." " Ngi-tsho pela, ngoba bonke ba landul' u kona. U yati ingan' umuntu u zo m tshiyela, ak' a qale ngo kulandula." " O, qa mina, Nkosi, a ngi kw-az' uku-landul' ugway' e kona." " O ! U s'ahlule-ke wena, tata nans' inkomo, eyako." Se be bona bonke, ekade ku celwa kubo be landula, kanduba ba ba tshiyele ; se be bon' e se dhlula ne nkomo. Se be rauka bonke.

Ba-ti inkomo ya zalis' o kwe mbuzi. Za umhlambi izinkomo zayo. A i bonang' i li zal' iduna. Za gcwal' umuzi izinkomo zo gwayi. Wā-ti-ke ubaba : " Nga yaleka lapo, ni bona ngi tshiyela kangaka nje. Ngoba ngi tshiyela ne ngane nje. Ngā bona loko. Ngi bon' umunt' izinkomo se zi gcwel' umuzi, e zi botuluza ngo gwayi."

## 3

## uRUBU W-ETWES' uTSHAKA NGE SIKUMBA

uTshaka, mhla be kupuka kwa Mtetwa, wā-ti ku Rubu, wa kwa Mpanza : " Tata nas' isikumba sami, 'Salusa Mtsholoza, aq' a bulawe'."[1] Wa si twala-ke nembala.

[1] Kwa ba " uSalusa Mtsholoza " ngoba uMtsholoza wa ye zo bulawa, ngoba wa ye inkosana ye siny' isizwe, sa kwa Nxamalala. Ku-tiwa nay' u tshay' uselwa. Wa-t' uTshaka ku Manqondo (ka Mazwana, wa kwa Magwaza) : " M 'beke, a ngab' e sa buyel' emuva." Wa-ti-ke uManqo-

Wati nxa se be-ya nga sezintombini, wa si lahl' uRubu isikumba. Wa ye se-ti ku Tshaka : " Tata nas' isikumba sako," ngoba u se bon' izintombi. Wa kw-azisa njalo-k' uTshaka loko. Ute lap' e se busa, wa ye se buza ku Manqondo, e se-ti : " uRubu wa tshonapi na ? " Wa-t' uManqondo : " Nkosi, ka ng' azi ! " Wa-ti, " K'u m azi ngani ? Ingani wa ye-t' u-za nga kuwe uRubu na ? " E se-ti : " iNkosi i nga-k' i pak' impi, i yo fun' ekaya lami, ukuba i nga m bona kuyo yonk' imizi yami na ? " Kanti u s'enz' unyandhla, (lw-enziwa uManqondo). U se-ti ku Rubu ka ngen' embizeni yo tshwala, ku sitshekelwe nge qoma. Bala-ke, wa ngena kuy' imbiza. Ya m funa, ya m funa impi, ka yaze ya m bona. Ya buya-ke, i si buyela ku Tshaka. " Wo ! Ka si m boni ! " uTshaka u se-ti : " Kant' uManqond' u be qinisile—kako." " Be ngi m funa njalo, Manqondo, be ngi za ku-m-bulala. Ka hamb' e funwa, e cingwa kahle kuzo zonk' izizwe. Ngoba sā-ti, lapa si-ya nga sezintombini, wa ng' etwes' isikumba. Ka funwe zonk' izizwe ; ku hambe ku cingwa nje kahle." Kwa satshalalwa-ke, ku hambe ku cingwa kulo lonk' izwe. " Ka kuko munt' o nguRubu lapa na ? " Ba landula, ba-ti : " A si m azi, nina ba kwomkulu." Ba m swela-ke njalo. Wa-t' uManqondo ku Rubu : " U ngab' u sa kupuka, uku-za kwomkulu. U su yo ba induna yami ya manina, lap' e-yo hlakula." Kwa kupela-ke. Nembala, ka be sa vela njal' impela. Kanti ka delil' uTshaka. Ut' e se tata, wa-ti a ku butane ongoqo bonke, a ba nga sa konziyo. Wa buy' uManqondo wa-ti : " U ngab' u sa vela njalo. U nge-zw' ukuti ku bizw' ongoqo, u bu su vela." Wa catsha njalo-ke. Kute, mhla se be ndo ku Rubu : " M 'beke, Rubu." Wa m 'beka-ke njal' uRubu. Kute, mhla e se hamb' uMtsholoza, e se-y'ekaya, kwa mhla e se landelwa impi, e se yo bulawa.



bulal' uTshaka, wa qamuka-ke. Ut' e se qamuka, wa ye se-ti " :

> " Yek' odadekazana, be ngi songela,
> Be ngi songela nge nkom' e nga ka vacwa." [1]

U se vela njalo, u se vela ku Dingana. U se ku xoxa·k' uManqondo, lapa ku hleziw' ebandhla. uDingan' u se hleka nje, u se-ti : " Wo ! Wa m enzel' ubuqili, Manqondo ; wa ye zo m bulal' uTshaka, ukuti kad' e si vumile isikumba, kuti, ngoba se ku-yiw' ezintombini, a be se si twes' umntane-nkosi na ? Qa ! Manqondo, ka su be sa butwa ; a ku be umfokazana wako, wo ku-ku-twalela. Nawe u-k' u m etwese kakulu ; u-k' u m lingise kwake naye, ngob' e-twes' umntwan' isikumba. Tina-ke, a si tandi uku-m-bulala. U se wa sinda, wa sinda." Kwase ku-ba ixegu lakiti nje. Wā gugela kwa Magwaza. So kuze ku wel' amadodan' ake (uRubu), mhla ku bang' uQetuka no Mpeyana, be wela be-za ngapetshey' emaKabeleni, be-ti : " Qa, funa si ngene pakati kwa le ndaba, iNkosi i bulale tina." Amadodana lawo uNoq́ongoza (uTulwana), no Gence (iNdhlondhlo).

## 4

### uGUBUDELE KA NOMANTSHALI

(Inganekwane)

Kwe sukela, uGubudele ka Nomantshali,—

> " uMtungi we mbeng' ebanzi,
> A nga tung' ezincane, zi ya zibekelana,"

wa kip' izinkomo, wa z'is' emadhlelweni, wa-yo kw-alusa ; indaw' i na mazimuzimu. Kwati, ngo luny'usuku, kwa

[1] Ukuti 'vaca,' ukuhlonipa kwa bafazi ; ba-tsh' 'uku hlaba.' uRubu pela, ngob' a hlala kakulu na manina, wa ye se hlonipis' okwawo,

fik' izimu, la m bon' ukuti u insizwa, u kulupele. La-ti: " Saubona, Gubudele ka Nomantshali ! " Woza, mngane wami, si dhlale." La li pet' ingogo,[1] (isikumba se nkomo esipindiweyo). La li faka ku son' abantu, uma li ba bulele. Wa fika-ke ku lona uGubudele. La-ti : " Ngena la ! " W'ala. Wa-ti : " Ak' u ngene wena." Lase li ngena. La puma-ke. Wa ye se ngen' uGubudele. Se be dhlala. Laze la tshon' ilanga, be dhlala ngo kungena-be-pum' engogweni. Ntambama, b'ahlukana. uGubudele wa qub' izinkomo. La fik' ekaya lalo izimu, la-ti: " Ngi bon' insizw' ekulupeleyo kakulu. Kade ngi yi ngenisa lap' engogweni. Ku nga dhlul' izinsuk' ezintatu, ngi zo yi twala, ngi-ze nayo lap' ekaya. Ngi yoti, nxa ngi qamuka lapaya pezul' okalweni, ngi yo memeza, ngi-ti: ' We, Nobamba ! We, Nobamba ! Tshis' indhlu leyo ! ' Ngi ya u'fika naye-ke ; be se ngi m ponsa nga kini, elangabini." Weu ! Kwa-sa kusasa-ke, futi-ke. uGubudele wa zi kip' izinkomo, wa-ya nazo kona lapo. La fik' izimu. Ba dhlala njenga izolo. Kute, nxa se li tshonile, uGubudele kwangati u hambis' izinkomo, kanti ka zi hambisile. La hamba la-y' ekaya, kant' u ya m landela. Lati li fik' ekaya, la-ti : " Kade ngi dhlala naye futi. U kulupele ini po ? " A ye se-t' amany' amazimu : " O buya naye kusasa, si zo mu-dhla." Kanti nang' uGubudele, eceleni kwe-ndhlu, esitumbanjeni ! Kanti u ye-zwa konke loku o ku kulunyw' amazimu. Base be-ti : " U yo memez' upi na ? " La-ti : " Ngi yo memeza ngi sokalweni. Ngo biz' uNobamba. Ngi ya u'fika ngi m ngenis' ogogweni katatu. Ngo kwesine, ngo m twala ngi hambe naye, ngize ngi fike naye lapa. Wena Nobamba, u tshis' indhlu." Wa hamba-ke uGubudele, e se ku-zwile konke

[1] Abanye ba-ti : Umhlanti ; inhlanti.





" A ku ngene wena kuqala ! "

loko. Waye wa fik' ekaya. Kut' ekuseni, wa vulel' izinkomo, e pet' amawis' ake. Kut' e sa fika ku leyo ndawo, la fik' izimuzimu. La-ti: " A si dhlale, mngane wami. Woza, ku ngene wena kuqala." uGubudele w'ala, wa-ti: " Ak' u ngene *wena* kuqala." Lase li-ti: " Hau! W-enziwa ini namhlanje, Gubudele ka Nomantshali?" Wa-ti: " Ngen' ogogweni, si dhlale." Lase li ngena-ke. La puma. Wabuye wa ngena. Wa puma; la ngena nalo. Kute, ngo kwesitatu, wa m twala, li twalwa uGubudele. La-ti: " Hau! Ng' ehlise, mngane wami! Mus' uku-ngi-twal isikat' eside." Wa-ti: " Hayi! Ngi za u'buye ngi kw-ehlise. Wa hamba nalo. Wa 'bek' ekaya lalo. U-t' e se bon' ekaya le zimu, wa memeza, wa-ti: " We! Nobamba!" uNobamba wa sabela. Wa-ti: " Tshis' indhlu leyo!" La-t' izimuzimu: " Hayi, wena! U na manga. Imin' a ngi tweleyo." uGubudele wa-ti: " U tshelwa ubani ukuti bang' umsindo ngi ku twele, les' isipukupukwana?" Wa l'ehlisa pansi, wa tshaya nge wis' engogweni. Wabuya wa li twala. Wa memeza, wa-ti: " We! Nobamba! Tshis' indhlu leyo!" La-ti: " Hayi! U na manga wena! Imin' a ngi tweleyo!" Wa ye se-ti uGubudele: " Tula! U bang' umsindo!" Wa ye se li tshaya nge wisa, e li qinisa, e-ti: " Tula!" Wa memeza fut' uNobamba; na lo izimuzimu la memeza, ukuti: " U na manga; imin' a ngi tweleyo; u nga yi tshisi." Wa li beka pansi uGubudele, wa li tshaya kakulu. Kut' e seduze, wa memez' uNobamba, ukuti: " Tshis' indhlu leyo." Wa yi tshis' uNobamb' indhlu. Wa fika wa li ponsa pakati endhlin' etshayo. Wa hamba wa buyel' emuva. Wa-ti: " Dhlanini! Nans' inyama yenu!" Weu! Wa ye wa fik' ekaya. Amazimuzimu a tukutel' onke. Uyise ka Gubudele wa-ti a ba yo hlab' inkomo ezinkomen' endhle. Ba fika



ba yi hlaba. Bate, la be y'osayo, usi lwe nyama lwaya lwe-zwakal' emizini ya mazimuzimu. A bizana wonk' amazimuzimu, a fika lapo. uGubudele wa wa bona. Wa-ti ku yise, a ba baleke. Wa balek' uGubudele. Uyise w'al' uku-baleka. Wa ye se m gqiba ngo mswani we nkomo. A fika a yi-dhl' inkomo le. Kant' eliny' ixegu, se lite li semswanini lapa, la bon' unyawo; lase li wu nquma, li wu-dhla. Ate ngo kuqeda kwabo inyama ye nkomo, base be-dhla uyise ka Gubudele.

Kute nge zinsuku, uGubudele wa-ti a ku-gayw' utshwala kubo. Wa hamba, wa vun' izinhlamvu ze nsangu. Wa-ti a ba vubele ngaz' utshwala. Kute, se bu vutiwe, wa puma wa-yo wa mem' emzini yawo. Wa hlab' izinkom' ekaya lapa. A salayo, a nga fikanga ku wona. Wa biza ne zingane, na bafazi. E-za; kwa gcwala-ke ekaya, wa wa fak' izindhlu zonke. Weu! A puza-ke, a-ti: " Bu mnandi, Gubudele ka Nomantshali!" Wa-ti: " Na ngi siza, na ngi bulalel' ixegwana; lase li ngi hlupile." A-ti: " Impela, Gubudele ka Nomantshali." Wa-ti: " Weu! Madoda! Puzani, ku valw' ezindhlini. Kubi uma amadod' a-t' e-dhla, kube ku vulw' emnyango. Kwase ku valwa-ke, zonk' izindhlu lap' e kon' amazimuzimu. Wa ye se bek' izinyanda zo tshan' emnyango. A memeza, a-ti: " Ku fudumele, mngane wami!" Wa-ti: " Wo! Puzani madoda!" Wa ye se w'okel' umlil' ezindhlini. E se memeza, e se-ti: " Au! Ku ya tshisa, Gubudele." Wa-ti: " Na m bekap' ubaba? M kipeni konamanje! Ngi-za u-ni-tshisa, lez' izipukupukwana." Weu! A-tsha-k' onk' amazimu. At' e setshil' a pela, wa ye se-y' emakay' awo, e yo bulala a ba be sele. Wa wa bulala-ke. Kwa sind' ingane eyodwa, i sinda ngo kubaleka. Yaye ya fika kwa many' amazimuzimu, a kude. Wa ye se buya-ke uGubudele, e se-y'

ekaya. Se be-zwakal' emazimeni, ukuti uGubudele u wa qedil' amazimuzimu. Weu! U ya fik' ekaya, u-ti a' ku butw' umlota lo, o bu tshis' amazimuzimu. Wa-ti a wu yo telw' emfuleni. W-ehla na manzi. Kute, lap' amazimuzim' e butene kona, e kuluma nge ndaba ka Gubudele, amanzi a ye se dungekile umlota. A ye se tuma intombazan' ukub' i y'ok' amanzi. Ya i si fik' i-ka, i puza. Kwangabe ku sa vum' ukub' a suke. Ya i si puza njalo. So ku qamuk' elinye; se li memeza. I si-ti intombazana: "Ngi nat' amanzi." Lase li-ti: "Kupuka! Tshiy' ukunat' amanzi lapo." I si-t' intombazana: "U nge we-zwe njena wena na?" Lase l'ehla, se li-ya kona. La fika la nata. Langabe li sa suka. Az' a pelela wonke, isizwe sa mazimuzimu lapo, ne zingane. Kute ku isikatshana, wa qamuk' uGubudele. Wa bona amadoda ne sifazane ne zingan' emfuleni. Wa-ti: "Hau! Luhlobo luni lolu, o lu gcwala ne sifazan' emfuleni kangaka na?" A-ti: "Nat' amanzi, Gubudele ka Nomantshali,

Mtungi we mbeng' ebanzi,
A nga tung' ezincane, zi ya zibekelana."

Wa-ti: "Ni nat' amanz' ani? Onk' amadoda ne sifazane a zo nat' amanzi?" Ba-ti: "U nge we-zwe nje?" Wa-t' uGubudele: "Ni za u ngi bona, lezi izipukupukwana! Ni-tsho ku bani ukuti: 'A nge we-zwe nje?' Up' ubaba?" A-ti wona: "Hayi wena, Gubudele ka Nomantshali, mngane wami!" Wa ye se fika-ke uGubudele, e se wa bulal' onke. A pela-ke ezweni lakubo ka Gubudele.




# 5

## IZIBONGO ZI KA TSHAKA

uDhlungwane ka Ndaba!
O dhlung' emanxulumeni,
Kwaze kwa-s' amanxulum' e sibikelana.
uSitshaka ka si tshayeki;
uNodum' e hlezi ka Menzi;[1]
Ilemb' e l'eq' amany' amalembe.[2]
uTshaka ngi y'esaba ukuti nguTshaka,
uTshaka kwa ku inkosi ya seMatshobeni.
Inkom' e kal' eMtonjaneni,
Izizwe zonke zi yi-zwil' ukulila;
I-zwe uDunjwa, wa seLuyengweni,[3]
Ye-zwiwa uMangcengeza, wa kwa 'Kali.[4]
Uteku lwa bafazi, ba kwa Nomgábi,[5]
Be tekula be hlez' emlovini,[6]
Be-t' uTshaka ka ku-busa, ka ku ba Nkosi,
Kanti ilap' e za ku-netezeka.[7]
Umlilo wo 'tate, ka Mjokwane!
Umlilo wo 'tate, u buhanguhangu;
O tshis' izikova,[8] e zi seDhlebe,
Kwaye kwa-tsha ne zi seMabedhlana.

[1] uSenzangakona.
[2] Ilembe igeja.
[3] Umuz' omkulu ka Dingiswayo, kwa Mtetwa.
[4] Isifunda sa semaMbateni.
[5] eSixebeni, kwa "Tunga li gaba li nga gcwele"; kwa Langazana.
[6] Abanye ba-ti ku kon' isifunda sa seMlovini, esincane, nga kwa Mpukunyoni; abanye ba-ti umlovu umuti we hlanze.
[7] Uku-hlala kahle, ati nete, pakati kwo kudhla kwa mafuta; o mfuma.
[8] Ku kabili: Abanye ba-ti, *izikota*, abanye, *izikova*. O ku qinile o kwe 'zikova.'




Inxiwa la kuqala, la kwa Bulawayo, umuz' omkulu ka Tshaka. Wa w'ake kwa Ndhlayangubo, nga seMhlatuze.



## 6

## UQUBABANYE U JIKIJEL' ISIKUNI SO MLILO, A S'EQIS' UMFUL' U GCWELE

Umpande wā hlomis' impi, wa-ti a i hambe i-y' eSwazini; i yo fik' i qotule, ku nga sali luto,—ku sal' imbokodo ne sisekelo. Kwati, ukuba ba fik' eSwazini, uQubabanye wa



Inxiwa le sibili, la kwa Bulawayo, umuz' omkulu ka Tshaka. Wa w'ake eduze ne nxiwa la kuqala, kona futi kwa Ndhlayangubo.

qal' uku-gwaz' iSwazi li pet' isihlangu. Uku-li-gwaza kwake, wā li tshaya ngo mtshiz' ekanda, ngoba wa qala wa dubula kanye nge sibamu, e si mlomo munye, kwase ku ba kupela-ke; lase li ficezele iSwazi, li bon' ukuti se ku pelil' ukudubula. uQubabanye wa ye se kip' umtshiza-ke, e se li tshaya; wa li dabul' ikanda. La-fa. Kwase ku ba: "uGongod' umuntu ngo mqweleba"—isibongo

sake leso. U se qamuka-k' umfazi, wakubo lel' iSwazi a se li bulele, e belet' ingane, e baleka. Wa m gijimela-ke. Umfazi wa ye se gqabul' imbeleko ; i s'iw' ingane. I si fik' insizwa, e ya i no Qubabanye, i si fik' i m gwaz' umfazi. uQubabanye u se tat' ingan ' e yi beleta,—ingane leyo umfana. Ya-t' impi yakubo, la be ngenise kona : " U yi beletelani ingane ? Loku be ku-tiwe a si qotule na ? Y'ehlise, si yi qaqe." U y'ala-k' uQubabanye, u-ti impi yake, a yo bonakala nga y'eNkosini, ukuti wa hlabana. Ya buya-k' impi. I si-t' u'ba i fik' eMkondo-ke, la pendul' izulu, kwa gcwal' umfula ; wa yi nqamula pakati impi, enye i be ngapetsheya, enye i be nganeno. Yati, ukuba y'ahlukane kabil' impi, ya bas' umlilo ; a yaze ya ba nawo e ngapetsheya. Izinduna za-ti : " Jikijelan' umlil' empini leya, i base nayo, i-dhle, y'os' inyama." Ya jikijel' impi. Izinkuni za tshay' emanzini *zonke*. Wa suka-k' uQubabanye, wa-ti : " N'enza ngani ukuba izikuni ni loku ni zi jikijel' emanzini ? " Ba-ti : " Au ! U-tsho ngoba u bu belet' umntwana ? Si jikijele pela wena, si bone." Wa si jikijela. Wa si ponsa *pezulu !* Sase si tshaya ngapetsheya. Ya basa yonke ; y'okelan' umlilo yonke. Kute, uma se ku-s' izulu, ya hlangana. Ya buz' uku-ti : " Ubani lon' o jikijel' umlilo ? " Ba-ti : " uQubabanye ! " Ya hamba-ke, i si-ya ku Mpand' i buya, i qub' izinkomo e zi-dhle lap' eSwazini. Iy' i fike ku Mpande. U ya bikwa-k' eNkosin' umntwana, lo o beletwe. U ya buza-k' uMpande, u buz' uQubabanye, u-ti : " W'enza ngani ? " U-ti : " Nkosi, ng' ēnza ngoba ng' āhlul' uZulu wonk' e pelele, nga hlabana ngo mtshiza ; ngabuye nga hlabana ngo mlilo, e se-hlulekile wonk' uZulu ! " Wa sukum' uMpande, wa-ti : " Iko loku, Zulu na ? " Ba-ti : " Yebo, Nkosi ! "—ku vum' uZulu wonke. Wa-ti ku Qubabanye : " I tate ! o wako ! "



## 7

### UMLING' O W-ENZIWA UMABASO EBATENJINI

Ku fike kwati : A ba kwa Mabaso, ba nga baTembu, kodwa uMabaso inkosi encane ku baTembu ; ku kubo eba-Tenjini. Ba tat' intombi-ke, udadewabo ka Mabaso. Wa mu-s' ebaTenjini, enkosini yak' enkulu. Ya fik' intombi ya zal' intombazana. Yabuya ya pinda, ya zal' eny' intombazana. I-te, lap' i si zo belet' okwesitatu, wa-ti uMabaso ko tshelwa nxa se ku inyanga yo kubeleta. Wa tshelwa-ke. U s'enz' icebo. Kwă twalw' utshani bo kufulel' indhlu, obuningi, bu twalwa abant' abaningi, abafazi, be bu leta lapa ebaTenjini, ku le ntombi yabo e zal' amantombazana. Be-za be pet' umntwana wo mfan' omncane. Umntwana lo, ba m fak' enyandeni, ku-tsh' uMabaso, u-ti : " Ikona ku yoti, um' udadewetu e zel' intombazana, bese ku-tiwa lo mfana u zelwe uye futi—amapahla." (Ibizo lake lowo mfana abaTembu ba-ti : " *uMvelase, o vel' enyandeni kwa Mabaso.*") Ba fika naye-ke, nge langa lo kuzala. Ya zala-ke inkosikazi. Wa zal' intombazana ye sitatu. Kwa bikelw' abaTembu-ke, kwa-tiwa inkosikazi i zele, i zel' amapahla ; elinye intombazana, elinye umfana. Kwati-ke, mzukwana ku sindwayo, kwa fik' uMabas' ebusuku. Wa fika-ke ku s'akiwa igonqo [1] endhlini, indhlu i nqanyulwe kabili. U hlezi pakati-ke egonqweni' uMabaso. Ba fika-k' abaTembu, be-za ku-bon' umntwana,—izikulu zonke za sebaTenjini. Umteto wa kuqala, inkosikaz' i zele, abantu ba ya bizwa, be zo bon' ingane. Kwayo bikelwa-ke uDumisa no Mbeje, ukuti inkosikazi i zele, i zel' abantwan' ababili, omunye

[1] Umgonqo.

umfana, omunye intombazana. Umfana-ke lo-ke, u fike na lab' a ba be twel' utshani, ba kwa Mabaso; ka zalwanga inkosikazi. Ku fike-ke, uMbeje no Dumisa, a ba semaMbateni. Ba fike ba hlale nje ebaleni. Ku pum' intunga (isitsha so tshwala) endhlini; ba nikezwe yona, ukuba ku-tiwa a ba puze. Ba puza-ke. Ba-ti, nxa se be pumulile, ba-ti, "Ake ni veze-ke *loko!*" Wa vezwa-ke. Kwa vezw' intombazana kuqala. Ba-ti: "Ake ni vez'okunye-ke." Ba m veza-ke umfana. Ba-ti-ke: "Ho! Kwa qinaqina-ke loku!" uMabaso nangu-ke endhlini, egonqweni, la e hlezi kona. U y'esatshw' uMabaso, u ne miti emikulu. U yati a nga komb' abantu be hamba, be ludwendwe, be-me, ba ngabe ba sa kwaz' ukuhamba. Bati-ke, nxa be-ti: "Kwa qinaqina loku," wa vez' ikand' uMabaso emnyango, wa-ti: "*Ho! Na vungama Dumisa noMbeje wenu?*" Ba suka ba baleka, ngoba be-ti: "U se zo si komba" (ngo mlingo wake); ba tshiya no tshwala, a ba bu puza; a ba bu qedanga. Tina maMbata, so ku-tiwa si nga "maVungama," ngoba kwa vungama lawo makos' akiti.

Wă kula-ke umntwana, wa inkosi ya sebaTenjini. So ku-tiwa-ke, *a ba kwa Mvelase*-ke. Ku kaula lapo-ke leyo ndaba. Ya ba isiga. Kw-esatshw' ukukuluma, ukuti: "Lo muntu, a ku wakiti," ngoba ku satshw' uMabaso. Waze wa o wa sebaTenjini njalo.

uMabaso wă dabuka nay' imiti. A kw-aziwa ukub' uMabaso lona umlingo wo ku-mis' abantu be hamba, wa u tatapi.



## 8

## KU FUQ' UMUSI EMLONYENI KU TSHAKA

uNORADU wa ye inceku ka Tshaka. Wa hamba wa yo ful' umbila we Nkosi. Wa fika nawo-ke. Wa ngen' esigodhlweni; wa wu nikel' amantombazana. iNkosi-ke yona, ya yi bulal' abantu esibayeni. Ute-ke e penduka, kanti-ke ne Nkosi i si penduk' esibayeni, i si-za nga sendhlini. Se be tshayana nge zifuba esangweni. Ut' etuk' e-wa, wa-ti: "Bayede!" Wa ye se penduka, e-t' uku-yi-buk' iNkosi. U se bona ku fuq' umus' emlonyeni ku Tshaka! U se buza-ke, ukub' a penduke-ke, a-ti: "Mina, Noradu, ukudhla kwami loku, ni ku pata nje, ni ya hlamba nje?" "Baba, si ya hlamba. Sibe si ya wela mfula, si hlambe. Kuti, umuntu e piswa umtshobingo, a ka qal' a bek' ukudhla kwe Nkosi pansi; a tshobinge-ke, a-ti du; a hlambe-ke, a ku tat' ukudhla kwe Nkosi." uTshaka wa-ti: "Ngi-tsho ngoba pela, ukudhla kwakini, ngi ku-dhle qede nga hlãnza, nga hlãnza, *nga hlanza!*" Waze wa kwic' izandhla, wa-ti: "*Nga hlanza!*" Be ku yo fulwa uba kona loko kudhla na?" "Nkosi, be ku yo fulwa uMlindazwe (inceku)." I si-ti-ke: "Wo! Wā sinda." Se ku ukunyomuka kwake-ke. Sekuti, ngemuva kwake, se ku pum' umusi. U se fulatela njalo, e se bodhla: e se yo ngen' esigodhlweni, kwe simnyama, lapa ku nga-yiwa; ku gcinwa kwe simhlope.

## 9

### uTSHAKA U BON' IQAWE LAKE E GWAZ' UMUFO

YA i hlasele, uTshak' e pak' iZimpohlo, i-ya kwa Sikunyana. It' ub' i fike kona, lapa ku kon' impi, wa-t' a i tshay' umkumbi. Wa-ti ka yi 'cele uCole (inyanga ye Nkosi). Lase li konjwa-nje ihlati, ukuti: " Nansi lap' i si kona ! " Wa ye se yi paka-ke. U se sus' iZimpohlo; u zi susa nge zigaba zazo njalo. I sit' i sa suka lapa, i si pum' e ka Sikunyana, osebeni lwe hlati. I si ba udonga nje. Zite ziti zi ya tatel' iZimpohlo, basehle ba zi tela nge tala. Basehle ba m fak' eqakaleni ngo mkonto uNoradu. Zase zi tatela-ke iZimpohlo. Zasehle za ba tel' ehlatini. Ut' eti ka buyel' emuva, yena lo mfokazan' o hlab' uNoradu, uNoradu kaz' a wu kumul' umkonto; wa gijima nawo, e se bon' umfokazana e banjwe umzungulu, yena lo o m hlabileyo. Wa ye se m pete. Wa m gwazela kona lapo osebeni lwe hlati. Kanti u ya buka uTshaka, pezul' entabeni, lapa kad' e hlezi kona ne zinyanga. La li ngena nabo ibuto; li ba ćacaza, li ba gwaza. Zase zi kumuka-ke zonk' izinkubele, lezi a ba zi tele nge tala, ba zi tela nge tala, ba-ti: " Zad'uye ! " (isiga sabo). Wa ye se m qaqa-ke uNoradu, osebeni lwe hlati. U se kumul' umkonto lo. Se be-ya ku Tshaka-ke entabeni, lap' e hlezi kona. Se beti be fika, uTshaka u se buza, u-ti: " Hau ! Lel' ihemu leliya, e li gojel' osebeni lwe hlati, e li ka ba na ? " U se-tsho-ke uNoradu (" uMagaju njenge-ngwe "), e-ti: " Nkosi ! Elami lelo hemu, osebeni lwe hlati. Ngoba umfokazana u ngi gwaze qede, a ngaze nga wu kumula, Nkosi. Wenel' uku-ngi-ti kehle nje, nga m bon' e banjwa umzungulu, a ngabe ngi sa wu kumula-ke.



Ngaye nga m qeda-ke, Nkosi. Inkosi i bon' ihemu njalo, elami Nkosi, e li sosebeni." " Wo ! " se ku-tsh' uTshakake, " Cole, bon' itole lapaya ezinkomeni, u li ncindis' iqawe lami." uCole u se yo li tat' itole. Se be ncindiswa-ke, kon' egangeni. Se be yi cit' impela-ke, e ya kwa Sikunyana. Se be-dhl' izinkomo-ke. So ku-tiwa-ke:

" uMagaju njenge-ngwe,
Inhlangu e yeq' i pindela."


## 10

### uMANZABILAYO

(Inganekwane)

KWA ku inkosi uManzabilayo. Kwa fik' intombi ya kwe liny' izwe, ye nkos' enye; ya-yo gana ku Manzabilayo. Kant' uManzabilayo, intombi iti, ma i m ganile, i zal' abantwana ba be batatu. Ya y-enek' imitomb' emnyango. Kwase ku fik' izimvu, se zi-dhl' imitombo. Se be-t' abantu: "Nans' imitombo i-dhliwa izimvu ! " U se pum' umfazi, e yo tshay' izimvu. E se zi tuk' izimvu, u se-ti: " Yeka, le mbomb' emibi, ne msil' emibi, ne pung' elib' elinukayo ! " Se zi muka-ke izimvu ze nkosi, zi ka Manzabilayo. Umfazi lo, ó ka Manzabilayo, lo o tuk' izimvu. " Naz' izimvu se zi muka ! "—ku-tsh' abantu. U se gijima-k' umfazi, e yo zi buyisa. U se-ti: " Zimvu ze nkosi, zi ka Manzabilayo, hambani si buye ! " Se zi-t' izimvu: " U si tukile; u-te si mbombo-mibi; wa-ti si msila-mibi; wa-ti si punga-libi. Si ngeke si buye. U si tukeleni ? " Umfazi u se hamb' e kala, e landel' izimvu, e bona izimvu zi muka, e zo tol' ical' enkosini. U se-ti:

" Zimvu ze nkosi, zi ka Manzabilayo, hambani si buye ! " Se ku qamuk' inkuku, iqude. Se li-ti : " Ku-ku-kū ! Ngi inkuku nje, ngi zo bik' uMamiyolane, u banjwe ukezo empinjeni. Se si sike sa sika, si zam' ukezo, lu nga vumi uku-pum' empinjeni ku Mamiyolane. U be-dhl' amasi ; a ngena kanye no kezo. Lwase lu m bamba-ke." Za suka-ke izimvu lezi, za-ya kona. Za-yo kumula lo mfaz' ukezo. Se be bonga-ke, abakub' uMamiyolane. Se be-ti izimvu zi ngabe zi sa dhlula, ngoba naku zi ba sizile, za



" Ngi inkuku nje, ngi zo bik' uMamiyolane."

kip' uMamiyolan' ukezo. Se be-ti ka zi hlale ku bona njalo. Zase zi hlala ku bona. Umfaz' e se pindel' emuva, wo ka Manzabilayo. E se fik' e-t' uManzabilayo : " Zip' izimvu zami ? " U se-t' umfazi : " Nga z'amukwa inkuku, i-t' a zi yo kip' umfaz' ukezo." " Umfazi ku ngo wa bantu ini na ? " Umfaz' u ya vuma, u-ti : " Yebo, nkosi, o wa sebantwini lowo mfazi." uManzabilayo u se tukutela-ke, u se-t' a ku hamb' impi i yo zi tata ngenkani. Se beti ba ya-ya, be land' izimvu, i si ba bon' inkuku leyo, iqude, se li-ti : " Ku-ku-kū ! Ngi inkuku nje, ngi ya ni



tshela, nang' uManzabilayo e se land' izimvu." Se be ngena pansi emhlabatini naz' izimvu, la be catshel' impi ka Manzabilayo. I si fik' impi ka Manzabilayo, i fik' abantu be nga seko, kanye ne zimvu. I si kohlwa nje, i ng' azi ukuti ba-ye ngapi. I hamb' i buyel' emuva. Iti, nxa i si buyel' emuva, ba qamuke futi bona, laba akade be ngene pansi. I buye. Ba ngene pansi futi. I buyel' emuva. Se be kip' umfana, lab' a ba ngena pansi, se be m beka pezulu, be-ti, ka hlale la ngapezulu. U se hlala-k' umfana. So ku fika yon' impi-ke. Se be-ti : " Abantu ba-ye ngapi, mfana ? " U se-t' umfana : " A ngi b'azi." Se be-ti : " Izimvu zipi ? " U se-t' umfana : " Zi tshone ngala." Se be-ti : " Woza, u zo si kombisa." Se be hamba-ke no mfana. Se beti, la be sokalweni, umfana a be se penduk' umfazi. Se be kohlwa nje. " Hau ! " Se be-y'enkosini, ku Manzabilayo. " Au ! Nkosi, si fumanis' umfana, sa buza kuye ; wa-t' abantu a ka b'azi. Sa buz' izimvu. Wa-ti : 'Zi tshone ngala, okalweni.' Se si-ti, ak' a si kombise. Se si hamba naye-k' umfana. Se siti si sokalweni, umfan' u se penduk' umfazi." Inkosi i si-ti-ke : " Hambani ni yo m biza umfazi lowo." Se be-yo m biza-k' umfazi. U se fik' e-t' uManzabilayo : " U ya z'az' izimvu zami na ? " A-t' umfazi : " A ngi z'azi." " Ingani laba ba-te u ya z'azi na ? " " Nkosi, a ngi z'azi mina." Base be-ti, amadoḍ' a sempini : " Kade ku umfana lo mfazi ! " I si-t' inkosi : " Ni qamb' amanga ! Umfazi lo ! " " Hamba wena, mfazi, u yo gana ku loya muzi." (Lowo muzi-ke u zal' amagwababa, abafazi bakona.) Wa hamba-k'umfazi, wa-ya ku lowo muzi. Wa funyanis' izingane zakona zi ngamagwababa ; abafazi ku ngabantu, ne ndod' i umuntu, kep' izingane zakona, amagwababa. Ya-ti leyo ndoda : " Ngi ya jabula, ngoba ngi tol' umfaz' omuhle, abafazi bami ba zal' amagwababa.

Kwa kuhle. Wa hlal' umfazi. A kaz' a tola mntwana, amagwababa elo e tshaya lo mfazi ofikile, e-ti ka zali. Kwase ku fik' inyanga, i dhlula; ya i si funyanis' e hlupeka. Ya i si m gcab' enhlafunweni. U se-ti ka let' isigubu. E se tat' isigubu, u se si beka kuye lap' enhlafunweni, lap' a gcabe kona. So ku pum' ihlule. Inyang' i si li fak' esigujini. So ku pum' elinye futi, nalo u se li fak' esigujini. U se-ti: "Hamb' u yo si 'beka les' isgiubu, la ku nga hambi muntu. U si 'beke pansi kwo munga,



U se yo 'bek' isigub' emungeni.

indawo e ihlane." Wa si tata-ke umfazi—umfazi lona mfutshane kakulu. Wa si 'beka-k' isigubu. Wa buya-ke, wa zo hlala. Alok' e m tshay' amagwababa, e-ti: "U inyumba, a u zali." Ba kul' abantwana lap' esigujini—ngoba inyanga ya i m elapa nje, i m raukela ngob' e nge na bantwana, e dhlala ngay' amagwababa. Ba puma pakati kwe sigubu; ba hlala kona pansi kwo munga. Ba-dhl' impande yo munga, baze ba kula be-dhl' impande yo munga. Baze ba ba badala. Bati, la se be ba-



dala, ba sukuma, ba hamba be hlabelel' igama labo, be-ti:

"Si fun' umama,
Umfaz' omfutshane,
O wa si beka pansi kwo munga,
Sa-dhl' impande yo munga,
Saze sa kula."

Baze ba yo ngen' ekaya, be hlabelela lelo gama labo, be-ti:

'Si fun' umame,
Umfaz' omfutshane,
O wa si beka pansi kwo munga,
Sa-dhl' impande yo munga,
Saze sa kula."

Wa pum' umfaz' omfutshane, e pum' ekaya, e-zwa ku hlatshelelwa lel' igama, a ba-ti:

"Si fun' umame,
Umfaz' omfutshane,
O wa si beka pansi kwo munga,
Sa-dhl' impande yo munga,
Saze sa kula."

Wa pum' unina, wa hlab' umkosi, e-ti: "Hi! Hi! Hi! Hi! Hi! Kuhle kwami!" Ya pum' indoda, ya buza, ya-ti: "U hlab' umkosi nje, ini e ku jabulise kangaka na?" Wa-ti: "Ngi bona namp' abantabami; kade ngi hlutshwa amagwababa, e ngi tshaya, e-ti ngi inyumba, ka ngi zali. I zele-ke namhlanje." Indoda ya jabula. Ya i si bulal' amagwababa la onke. Kwa sala lab' abantwan' ababili a ba pum' emungeni, omunye intombazana, omunye umfana. Wa-t' uyise: "Lo mntanami wo mfana, isihlangu sake, ku yo ba e se Nqamundolo, no muntsha wake, ku yo ba o we Nqamundolo nawo. Ne mkonto yake, ku zo ba e ye Nqamundolo. Ne ntombi, e yo m gana lo mfana, i yo ba e ye Nqamundolo.



Sa kamisa. Umfana wa ye se pons' isinkwa.



A hambe-k' umfana, a gayelw' izinkwa, (ku gayw' umbila), a zo hamb' e zi-dhl' endhleleni, nxa e-ya kwa Nqamundolo. Ba m pekele-ke. Zi vutwe-ke. A zi fak' emhlantini, a twale-ke. A hambe-ke. E hamb' e-lal'-e-vuka; ku kude kwa Nqamundolo. A fike-ke kwa Nqamundolo. uNqamundolo u hlal' esizibeni. A be se fik' e-ma pezu kwe siziba; a be se-ti: "Nqamundolo! A ngi ku-lal' edwaleni. Ubab' u-ti isihlangu sami, ku zo ba nge se Nqamundolo; no muntsha, u zo ba o we Nqamundolo; ne mkonto yami, ku zo ba e ye Nqamundolo. Konk' okwami, no makoti wami, u zo ba o we Nqamundolo." Isiziba sa-ti nyakanyaka,—ku nyakaz' amanzi. Ya qamuk' iNqamundolo, isilwane esikulu, e si hlal' emanzini. Sa kamis' umlomo. Umfana wa ye se pons' isinkwa; ya si nqaka. Ya si-dhla. Wa ye se suk' umfana, e se baleka. Ya i si m landela njalo. Umfana wa pinda wa pons' isinkwa, ku lezi a ye zi twele. A hambe umfan' a baleke. I m landele. Iti, la i si zo m funyanisa, a pons' esiny' isinkwa, a gijime. U ya gijima nje, i sa-dhl' isinkwa iNqamundolo. I ya si qeda, i si m landela futi; a gijime njalo, az' a yo fik' ekaya kubo. A ngen' esibayeni; iNqamundolo nayo i ngen' esibayeni. Bese ku pum' uyise-ke. U se-ti: "U fike nay' iNqamundolo, mntanami?" E se-t' umfana: "Yebo, baba!" U se ngen' endhlini uyise; u tat' umkonto. U se yo gwaz' iNqamundolo. U se yi gwaza. I si qaqwa. So ku pum' isihlangu, so ku pum' imkonto, so ku pum' umuntsha wo mfana, so ku pum' umakoti, intombi; so ku pum' izinkomo, so ku pum' izimbuzi, so ku pum' izimvu. Se ku ba impahla yo mfana. Kwā-tsh' uyise, wa-ti: "Konk' okwako, mntanami, ku zo ba o kwe Nqamundolo." Nembala-ke.

## 11

### ISIDWENGA E SA LAHLEKAYO

Kwā lahlek' isidwenga [1] so mlobokazi ka Macingwane. Sa funwa, sa funwa-ke, a sabe si sa bonakala. Kwaze kwa-tiwa a' ku yo bulw' ezinyangeni. Izinyanga-ke za nuk' izinduna zi ka Macingwane, za-ti si tatwe zinduna. uMacingwane wa-ti: "Ca! Ake ku yo bizw' uGagaga ka Yengwayo, kand' ukuba zi bulawe izinduna lezi. Wa fika-ke uGagaga, e se hamba ne rele la bantu bakubo, imboqo.[2] Wa-t' uGagaga: "Ake ku yo buyisw' izinkomo." Za buyisw' izinkabi ne zinkomo. Wa ye se komb' inkab' emhlope, igugu li ka Macingwane. Wa ye se-ti: "I gwazeni!" Ya i si gwazwa, ya-fa. Wa-ti a yi hlinzwe masinyane. Se be-nel' uku-y'ambula nje, wa ye se fika nge-*xwa* lake le sinqindi, wa ye se yi dabula pakati kona lapo; wa ye se li kipa *ixwa* lake, wa li fak' emswanini, e se li kipela ngapandhle. Wa ye se hlab' igama, wa-ti a yi suk' i hambe. Ba hamba. Isidwenga sa pum' enkabini; kanti sa si gwinywe iyo, si pezu kwe sigodhlo!

## 12

### uMHLONGAMVULA KA HLATI, WA SEMGAZINI

"uMtshitshizelwa ka Hlati!
Injuqu ba-dhl' amahleza;
Umnyezane o wengam' iziziba;
Ingcamunye ya ǒTangayi;
uHaha wa oNozidumo."

I biti iMdhlenevu i ya u'ngena nge sango kwa Nodwengu, yena a be se yo ngena nge ntuba, e land' utshwal' esigo-

[1] Isikumba se mpunzi esitshukiweyo. [2] Ukuti: Irel' elikulu.



dhlweni. U se za u'fik' ohohweni, o lu hlal' ukudhla kwe Nkosi. U se fik' e tat' isicumo, e puza ngaso; a nga-tsho ukuti ka tunge, a tel' okambeni. iNkosi i si-zwa lapa ku kuz' amantombazana, ukuti: "Wa tat' utshwala be Nkosi na?" iNkosi i si-ti: "Hau! Kanti ka ni m azi uMhlongamvula na? Ni-ti umnta ka Hlati, ngi za uku-m-bulalel' utshwala na?" I si m biza-ke njal' iNkosi; i si-ti ka vele lapa emnyango (elawini layo, kwa Nop̓anjwa). I si-ti-ke: "U su delile, siruq'esidala na?" Se kute pihli utshwal' emlonyeni, na sesifubeni, e nga be suli; lok' omuny'umuntu u puz' a sule. iNkosi i si-ti: "Hamba-ke, u yo' 'bek' impi leyo esibayeni." U ye suka-ke, iNkosi i si m bonga, i-ti: "Ya bonakal'—

Injuqu ba-dhl' amahleza, ka Hlati;
Umnyezane o wengam' iziziba;
Ingcamunye ya ǒTangayi;
uHaha wa oNozidumo!"

## 13

### IZINDHLONDHLO E ZA ZI BULAL' ABANTU KWA ZULU

Nga se Zimfabeni, lapa kwa kw-ake uZiwedu ka Mpande, kwa ku kon' inyok' e vimbel' abantu bonke endhleleni, a ba-ya kwa Gqikazi, ngapetsheya kwe Mfoloz' emnyama. I vimbel' a ba zi hambelayo, na ba twel' imtwalo; i vimbel' a be-za neno, na ba-ya le. Leyo nyoka kwa ku indhlondhl' uqobo lwayo—inyok' enkulu esabekayo. Wă tshelwa wonk' umuntu, ukuti: "Ni nga hambi nga leyo ndhlel' ekad' i hamba, ngoba ku vimb' isilwane!" Bala-ke. A kwabe ku sa hanjwa; kuze ku hanjwe namhlanje. Leyo ndhlondhlo ya bulal' abant' abaningi, abesifazana, ne zintombi, na bafan' a ba twal' ucansi.

Ku sind' umunt' obalekayo, a ngen' ehlanzeni. Leyo nyoka ya i nkulu, i-nde, i no pap' ekanda, na lapa ku pela kon' umsila. Ku kal' upape, lu-ti "mpe," njengaloku ku kal' imfengwana ya mapoyisa. Ati umuntu a nga sitela, i bi si suk' ima, i pakamis' ikanda, i bi si m bona, i si hamb' i m landela, i hamba nge ndhlela. Ngob' omuny' u zo hamb' a hambe nge ndhlela, a be se hlal' esihlahleni, e se bon' ukuti: "Se ngi yi tshiyile, ngi hambe kakulu." Kant' i ye-za. Yaye ya ba tshel' iNkosi uCetshwayo, ukuti: "Yekani ukuhamba nge ndhlela ma i si m xotsh' umuntu. Ka bo pambuka. I be lok' i gijima nge ndhlela nje-ke yona, kanti lo opambukile, wa gijim' esikoteni, u ya sinda. Lo opambukile, wa ngen' ehlanzeni, u ya sinda, ngob' u pambene nayo; i si za u'hlangana na lo ohambayo, ozayo; u se limala." Ngoba ka kw-akiwe mizi lapo; ihlanze le zinyamazane. Le ndhlondhlo-ke yāze ya bulawa umntwana, uDabulamanzi. Wa yi tshaya nge sibamu, e si mlomombili, ku sa hlohlw' uhlwayi. Naye wa yi tshaya ngoba sa si hlohlw' uhlwayi, lol' olukulu; wa yi nqum' ikanda, i si qed' izinkabi ze Nkosi, iNyonikayipumuli. Ngoba ya bonakala ngaloku: Kwa bonw' izinkomo zi dindilizile. I ya hlinzwa, se ku funyanisw' ihlule e li-ye la pumel' ekanda, la-ye la pumel' etshobeni. Se zi suswa-ke inkomo, se zi-siwa eZihlalo pezulu, enkangala; u se hamba-ke uDabulamanzi ne zinja zake, e zingela. Se zi yi-zwa-ke ngo kunuka, ngob' i nukis' o kwe nsimba, no kwo selwa. Se zi-ya zi pikisen' izinja. Kanti nans' i semtini pezulu, emnqaweni, (esihlahleni so mnqawe). U se-ti: "Hau! I butisile, i tule, ite du; ilok' i zi tshakel' amate nje. I ya zi buka nje." I si fun' ukw-ehla. Izinja se zi xweb' umuti. Ngo kuqamuka kwake nge siny' isihlahla, u qamukel' eduze. Ya i si yehla. Ite i sat' ukw-ehla, sase si pumile, sa-ti "Kāā!" Wa yi tshaya wa yi nqum' impela. Kute se ku fik' amapis' amanye ne sibamu, i si inqwaba pansi. I si twalwa i-ya kon' eMahlabatini. I si ya u'tshiswa izinyanga; se zi y'enz' isihlungu. Nanso into e ya i hlupa.



Kwabuye kwa vel' enye eSikwebezi, kwo Mnyamana ka Ngqengelele. Leyo ndhlondhlo-ke i vel' ezifeni. I nqab' ukuba ku yo fulw' umbila, ngo kungen' ukwindhla. Inyoka lena i vel' eceleni kwo muzi we Nkosi, kwa Gqikazi. U se-t' uCetshwayo, ka yi qatshelwe lap' i ngena kona. Se be yi bona-ke a ba kwa Mnyamana, ukuti i ngen' emlalaneni, esikoteni e se sa ba mhlope. So ku menyw' inqina-ke, eMbelebeleni, na kwa Gqikazi, na seKubuseni. I si menywa kwo Mnyamana, eNsukazi. U se-t' uMnyamana a'ku qatshelwe izulu ukuba li balele, li-ti ho! Ngoba ma li sibekele, i tshak' amate, ku nga be ku sa-tsha. Wo! Se li ya balela-ke. So ku twalw' utshani; se bu bekw' ekugcineni kwe sikota. Kanti-ke y'alukile, ka iko. Nans' entabeni, enhla kwa lap' i lala kona! I si yehla-ke ukub' i bon' abantu ne zinja. I si quz' umoya, ya-ti vu! Ya i si-zile, i nengwa izinja. I zi bona i se sekudeni. So ku raza. Yaze ya zi pons' emlilweni, i rolwa izinja. I si tshay' enye, i si-fa. Inyoka ya i si ponsek' emlilweni. Ya i si ngen' emgodini. I si qum' amehlo. Se ku ba lubambalala nje. So ku-tsha lapo, so ku fulwa-ke. Leso sikota sa si nga sa-tshi, ngob' indhlondhlo leyo i nqaba naso. Na namhlanje ka si-tshi si-ti qu! Isikota, lapa ku kon' imamba, si ya sala.

Nazo izici e za zi vela, e z'ona ku bantu be Nkosi.

## 14

## uNTANJANA U BULAL' uSIBIBA NGE SIBAMU, MHLA KU ZINGEL' INQINA

Kwa menyw' inqin' enkulu, i menyelw' eMhlatuze, eMandawe; i menywe uCetshwayo e se ngumntwana. Kwa kw-enile lapo. uNtanjana ka Kayisa, wa kwa Sikakane, wa bon' amakasi e sihlahl' e nyakaza, e fukuza. U se funisela nge sibamu, e-ti kumbe imbabala,—ngoba, pela, izo zodwa lapo, na namhlanje. U se dubula-ke. U se-zwa nge mkonto, ukuti 'xaka, ukuciteka, ne rawu. U se buy' ate u ya kotam' ukupenya, a funyanis' umuntu e nga 'bekile, se kute nya, e se-fe nya. U se-ti: "Kanti ngi zi bulele! Kanti nami ngi za u-zi-gwaza." U se tat' umkonto, e seti u ya zi bulala, e sab' ukuti u zo bulawa uCetshwayo. Wa zi gwaz' amanxeb' amatatu esifubeni, umkonto u nga ngeni. Ukuba isibamu sa si hlohliwe, wa ye yo zi dubula. Se be m bamba-ke inqina. Se be fika abafowabo lo ofile, se be kwela pezu kwake, beti a ba m gwaz' impela. Inqina se li nqaba naye. Se ku yo bikwa ku Cetshwayo, kon' enqineni. uCetshwayo u-te: "Au, ingozi!" Ba ngaze ba m gwaza. A ku yo bikwa ku yis' ekaya, a kip' amatshum' amabili e zinkomo, a yo kal' isililo, ba yo-dhl' imiti. Ba sulel' izinyembezi kona. uNtanjana mkulu, u inkosana emzini ka yise. U se twalw' uSibiba ka Magolwana, u se yo lahlw' ekaya. uCetshwayo wā-ti a ku kitshwe umkonto, no mese, ne sibamu, ne zintambo endhlini ka Ntanjana, a nga z'a zi bulale. A lindwe nga madoda. Uyise-ke wa-ti: "Ka bulawe." Y'al' iNkosi.



## 15


## uMABEJANA

(Inganekwane)

uMabejana wa ye ngumfazi o no pond' ekanda, olude. Wa zal' intombi. Ya hamb' intombi ya yo gan' enkosini, igama le nkosi ku uMahlokohloko ka Sikulumi, inkos' e nge na 'nxa' ku muntu. Ya fika-ke intombi. Kwatiwa a ba-yo yi bik' abantu. Ba hamba-ke, be itshumi. Ba fika kona kubo. Kwa-tiwa a ba ngen' endhlin' e ngenhla. Kute kus' ekuseni, wa ye ngen' unina, uMabejana. Wa fika wa ba tela ngo mlota. Wa-ti: "Pumani ni yo kw-alusa, ku ye-luswa lapa!" E bulal' abantu lowo mfazi. Ba puma-ke. Ba zi kip' izinkomo. Bate be sentabeni, wa-ti: "A li fik' izulu la kwetu, ka Mabejana!" La fik' izulu, la ba bulala bonke. Kwase ku tunyelwa ukuti se ba-fa. Ya tum' abanye fut' inkosi. Ba itshumi. Ba fika. Kwa-tiwa a ba ngen' endhlin' e ngenhla futi. Wa ngen' unina. Wa ba tela ngo mlota futi. Wa-ti: "Hambani ni yo kwe-lusa; ku ye-luswa lapa kiti!" Ba puma ba yo kwe-lusa. Kute be sentabeni, wa-ti: "A li fik' e la kwetu izulu, la kwa Mabejana, li ba bulale bonke!" La fika, la ba bulala bonke lapo. Ba tumela, ukuti ba file. "A ku-z' intombi, ne nkosi, y'ende manje." Bala, ya fik' inkosi ya mem' abantu, ukuba kw-endiwe. Ba hamba-ke. Ku kude kakulu kubo we ntombi. Ba hamba, ba hamba. Ba fic' isalukazi. Sa-ti: "Sanibona!" Ba-ti: "Yebo." "Ni ya nga-pi bobaba?" Ba-ti: "Si y'enda." "N'enda-pi?" Ba-ti: "S'endel' intombi." Wa-ti: "E ya ka bani?" Ba-ti: "E ya kwa Mabejana." Sa-ti: "Iyo e gane ku Mahlokohloko?" Ba-ti: "Iyo." Sa-ti: "Ha! Yek' umnta we

nkosi! U pi yena?" Ba-ti: "Nangu." Wa-ti: "Woza, baba!" Wa-ya ku son' isalukazi. Sa-ti: "Ngi kot' ubici." Bala, inkosi ya si kota. Sa-ti-ke: "U ya bona, nkosi, ngi za ku nik' inyongo ye sibankwa. I yo ku tshela konke. Kodwa-ke, a k'oti nxa ni fika, ni yo ku-m' enhla no muzi. Kuti ma be ni kombis' indhlu e ngenhla, ni nga ngeni kuyo, ni yo ngen' endhlini e sesangweni, e fuzwa zinkomo." Ba hamba-ke. Ba fika kona. B'e-nyuka, ba yo-ma ngenhla. Kwa-tiwa: "Ngenani lapa, bakwenyana!" Yat' inyongo: "Hambani ni yo ngen' esangweni!" Ba hamba, ba yo ngena kon' esangweni. Ba-ti laba: "N'enzani, bakwenyana, ukuba ni yo ngen' esangweni na? Inkosi ni yo yi ngenisa la ku kubi na?" Ba tula nje. Kwa letw' amacansi, okuba ba hlale. Ya ti inyongo: "Alen' amacansi! Hlalani pansi!" Ba w'ala. Ba-ti: "Hau! Bakwenyana, ni hlaleleni pansi?" Ba tula nje. Ba ngenis' utshwala o bu na mapela, no bu ne zimpukane, no bu ne zintutwane; no buhle, obumnandi kakulu. Ya-t' inyongo: "Bu yekeni! Ni nga bu puzi lob' obumnandi. Puzan' o ba mapela!" Bala, ba puz' o ba mapela. Ba-ti: "Hau! Inkosi na yi puzis' amanyala!" Ba tula nje. Ba-ti: "Hau! Si zo kw-enze njani, loku ba nga maqili njena namhlanje!" Base be let' izingubo zo kulala. Ya i si-t' inyongo: "Musan' ukulala! Pumani ni hlale pandhle, kuze ku-se." Bala, ba puma. Ba hlala pandhle kwaze kwa-sa. Kut' ekuseni, ba ngen' endhlini. Ba-ti: "Hau! Ni lala pandhle, ni zinkomo ini?" Ba tula nje. Wa ngen' unina. Wa ba tela ngo mlota. Wa-ti: "Pumani, ni yo kw-alusa, ku ye-luswa lapa kiti!" Bala, ba puma. Ya-t' inyongo (is' enkosini): "Ni ya bona, akoti la se li fik' izulu, ni ngene pansi kwe zinkomo nonke. Ku zo fik' isingqum' esikulu." Bala, ba zi kip' izinkomo. Ba






"A li fik' izulu la kwetu!"

fik' endhle. Wa pum' unina, wa-ti: " A li fik' izulu la kwetu, li ba bulale bonke!" La fika, bala. Ba ngena pansi kwe zinkomo. La tshaya, la tshaya. Laze la-sa. Ba-ti: " Wo! Li ba bulele! Si delile, ngoba kuf' uMahlokohloko, uqobo lwake." Bate be sa-tsho njalo, ba bona se be qamuka naz' izinkomo. Ba-ti: " Hau! Si zo kw-enzenjani kanti? U zo bulawa nga-su lini lo muntu?" Wa-t' unina we ntombi: " Ku yo gcina mina. Ngi ya ku-m-bulala, nanini-nanini." Ba fika-k'ekaya. Ba hlatshisw' inkomo. Ya-t' inyongo: " Ni nga yi-dhli; kanye no makoti, a nga yi-dhli. A no y'ipa bona." Bala, ya hlinzwa, ya qedwa; ya pekwa, y'epulwa, ba yi ngenisa; ba y'ip' abantu yonke. Ba-ti: " Hau! Bakwenyana, le nkomo kanti, si yi hlabise bani na? E ni nga sa yi-dhli na?" Ba-ti: " Si ya yi-dhla, ngob' i-dhliwa abantu." Ya-t' inyongo: " Hambani naye umakoti; ni nga m tshiyi la! Futi wena, Nkosi, u nga hamb' endhleleni, u zo ku landela unina we ntombi. La u-ke wa hamb' endhleleni, u yo fik' a lumek' unyawo lwako, a ku bulale, la e bon' unyawo lwako lu kona." Bala, ba hamba. Wa hamb' eceleni kwe ndhlela njalo. Kant' unina we ntombi u ya landela ngemuva. Kute, la se ku kude emuva na pambili, wa ngena pakat' endhleleni. Ya-t' intombi; Hau! Nkosi! Wa ngi kolisa, u nyatelelani endhleleni? Lok' uMa, nôba nga u ya si landela?" Ya-t' inkosi: " Se ku kude." Bala, ut' e fik' unina, wa e lu bon' unyawo, la e nyatele kona. Wa e lu gcaba. Wa lu lumeka. Ba pindel' emuva. Manje inkosi ya qal' uku-ti: " Nga katala." Ya-ti: " Ngi sindwa izinduku zami." Ba zi tat' abantu. Ba zi twala bona. Ya hamba-hamba. Ya-ti: " Madoda, ngi sindwa isipuku sami," e ya yi s'embete. Ba si twal' abantu. Ya hamba--hamba. Ya-ti: " Hau! Madoda! Ngi sindwa ibe-



tshu." Ba li tat' abantu. Ya hamba-hamba. Ya-ti: " Hau! Ngi sindwa inyongo!" I si yi nik' intombi. Wa ye se-ti: " Ngi sindwa umzimba wami." Ba-ti: " Nkosi, a si ku belete!" I ya kal' intombi le, i-ti: " Nkosi, u ngi kolisile wă nyatel' endhleleni." Ba yi beleta. Ba hamba-hamba. Wa-ti: " Ng'ehliseni, se ngi n'esaba." Ba y'ehlisa. Ba-ti: " Nkosi, si zo kw-enze njani? Kuhle, Nkosi, si ku belete, nokub' u s'esaba,



Wa ye se penduk' inkomo, inkunz' emnyama.

u yo fel' ekaya." Bate be sa-tsho njalo, wa ye se penđuk' inkomo, inkunzi emnyama. Wa bodhla. Wa gijima, e se baleka. Ba m xotsha, e hamb' e-ti umuntu: " Ni nga yi tshayi! Inkosi! uMahlokohloko!" Ba m xotsha. Wa-ya wa fik' ekaya, emzini wake. E se ngen' esibayeni. Wa lala kona; bonke abantu bake se be lal' esibayeni. Abafazi bake ba kala nga le ntombi. Ya tul' intombi. Ya cabang' isu, ukuti i zo kw-enze njani. Ya-t' inyongo: " Tat' isinqindi, u fik' u gwaz' inkosi!" Ya-t' intombi:

" Ngi zo ngena ng' enze njani esibayeni na ? " Ya-t' inyongo : " A kôti, la be-ti : ' U ngenelani esibayeni sa semzini ? ' U bu s'u-ti : ' A ng'azi ukuti ngi sa gane bani.' " Bala, ya si tat' isinqindi ekuseni. Ba m bon' e puma. Wa yo ngena nge sango. W-enyuka. A t'a-madoda : " Hau ! Nang' umlandakazi e ngen' esibayeni ! " Wa-t' : " A ng' azi ukuti ngi umlandakazi ka bani, lok' inkos' i si isilwana." Bate be sa babaza loko, wa e se yi gwazile nge sinqindi. Ba balek' abantu, amadoda a ye hlezi nayo. Ya i si-t' inyongo : " Hamb' u tez' izinkuni, u zi bekele, zi be ningi." Wa hamba, wa zi teza. Ya-t' inyongo : " O-ti, a ba ku tatise." Bala, wa-t' a ba m tatise. Ba m[1] tata, ba m kipela ngapandhle, be m kip' esibayeni. Ba bas' omkul' umlilo. Ba m tshisa. Wa-tsha waze wa umlota. Ya i si-t' inyongo : " U tutel' emanzini (umlota)." Bala, kute ku-sa, wa ye wu tuta, e yo wu tel' emanzini. Kut' ebusuku, ya-t' inyongo : " Vuk' u vunule." Ya vuk' intombi, ya vunula. Ya-ti : " Pum' u hlabelele," igama a ye li hlabelela. " Ba zo pum' abafazi bake, be-ze kuwe. U hamb' u-y'emfuleni, ku nga ka-si kahle." Bala, wa puma-ke. Wa hlabelela. Ba pum' abafazi, be-za kuyena (ku yon' intombi). Ba m vumela. Ba hamba, ba y' emfuleni. Ya hlabelela-ke, ya-ti :

> " Inyanda ye mkonto,
> A hlom' a hlasel' uNdaba ! "

Ba vume-ke. Bate be bona, wa ye vela nge kand' ema-nzini. Ba hlabelela-ke njalo, be-tsho njalo. Waze wa vela, wa gamanxa. Kute-ke manje, wa tula nje, inkosi. Baye ba hlabelela, a ya nga b'i sa qubeka, ukub' i kupuk' i pume. Ya i si-t' inyongo : " O-tani : ' Wa yi ginq'

[1] Inkunzi, uMahlokohloko.



imbokodo ! Ba zo ku-fa. Namp' abaRulazi ! ' " Ba-tsho-ke, ba-ti :

> " Wa yi gingq' imbokodo
> Ba zo ku-fa ;
> Namp' abaRulazi."

Abanye ba-ti-ke :

> " Ba ye-za ! Namp' abaRulazi ! "

Waze wa puma-ke, wa pumela ngapandhle ku kon' ama-doda-ke manje. Ya-ti-ke inkosi,—i si hlabelela yona, ya-ti :

> " Inqoba yetu yo kutolwa,
> Nga ngi nge nje ! "

Ba-ti-ke abantu :

> " Ba ye-z' a be-zayo."

Kwa hanjwa-ke, kwaye kwa yo fikw' ekaya-ke. Kwa kuhle-ke. A ba nga be ba sa yi sola manj' intombi, ukuti ya bulal' inkosi. Ya i si pela-ke lapo indaba.

## 16

## UKUSIKWA KWE ZIHLANGU

Ku ketw' inkom' enhle, inkab' enonile, e no boy' obuhle ; inkab' e no boy' obubi, a yi sikwa ; y'enz' isihlang' esibi. Ingati, nom' i sikiwe, be se kuti isihlangu sayo si 'bekelwe umfokazana, a nikelwe sona. Abantwana bo musibani ba ketelwe inkom' enonile, ecwebile, e no boy' obumnandi, eti, nom' inkosi i si 'bek' isihlangu sake, i si bukisise ; i kolwe isona, ukuti si m fanele. Ukusikelwa isihlang' esihle ingozi, ngoba noma se ku-liwa ne zita, ba m joka ngaso, ba-ti : " Umnta ka bani lowaya ; a si m bulale." Ku fana ne betshu le silo, um' e li bincile, ba be m bulala

ngalo kwa Zulu; ku nga-liwa, ba m joke ngalo, ba m bulale; omunye ba li gqabule, ba li tate. Isihlangu lesi futi, si ketelw' inono, e li zo si sika si be sihle; si funelw' amagabel' amhlope esimnyama; esimhlope si funelw' amagabel' amnyama; esibomvu si funelw' amagabel' amhlope; esimtuku, si funelw' amagabel' amhlope; esinye esimtuku, si funelw' amagabel' amnyama; esirwanqa, e si pet' umbal' omnyama no mhlope, si funelw' amagabel' abomvu. Indhlela inye njalo na serawini. Kunye njalo loko nesihlangu ne rawu, no pape lwe gwalagwala, ne betshu le silo, ne betshu le nsimango,—o ku ka mnta ka musibani konke loko. O kwa bantwana no kwe zinduna; o kwa banumzana, amalung' ezwe.

Uma umuntu e se si sik' isikumba, u s'imbela emquben' esibayeni; at' omunye a si cwilis' emanzini. A be se ku buyisa-ke, e ku sika. E se ku ncwela. E se tata lesiya sihlang' esidala; u se si beka pezu kwa lesi sikumba; u se si sika, u se si kipilida. U se si kipilida njalo, noma a nga zi kipilida zi be itshumi, noma zi be amatshum' amabili, nge langa. So ku fik' amadod' a se zo zi kanda, ba fika ne zimbokodo. Ba zo zi kandel' esibayeni emqubeni; abanye ba sik' utshani, b'endhlal' utshani ngapansi —ku vinjelw' itshe, ukuba li nga hlab' uboya, be se ku qotuka lapo. Zi kandwa nje, kw-enzelw' ukuba zi tambe, zi vumel' ummese; kuti ne qubana e be li sesikumbeni, ba li tshaye ba li qede. Se si zo botshozwa-ke isihlangu, si botshozw' izimbobo ze mgabelo; zi botshozwe pakati naso, kw-enziwe indhlela yo mgoba, umgoba njalo, si-tsh' umsila we nsimba. A u fakw' o w'eny' inyamazana, ku fakw' umsila we nsimba.

Kuti um' umuntu e se bobosile, u se fak' ipini, e li fak' ezimbotsheni lezi—izimbobo lezi zi 'baliwe, zi shiyagalolunye esihlangwini kwe liny' itoto, kwe linye zi be



isikombisa. Kw-enziwa itoto elihle, li nga bi lide, e l'enz' isikombisa; ngob' e l'enz' ishiyagalolunye li ba lide. Uma kw-enziwa zi be shiyagalolunye zonke, si nga side; si m dhlul' umuntu. Kw-enza ukuba si bukeke kahl' isihlangu, uma itot' elinye li be magabelo ashiyagalolunye, elinye li be magabelo ayisikombisa. Uma ku botshozwe kwa runywa, kwaye kwa puma pezulu, kutiwa *umcutsho* lowo, ngob' igabelo li cutshe njalo, laze laya la puma pezulu. Sibi-ke leso sihlangu. Lesi e si hamba si pamban' amatot' aso, si bizwa ngokuti, *ubangazana;* si ya bukeka-ke, size si bukwe na zinyanga ze ziny' izizwe, zi-ti: " Wo! U ya sik' ubani, u sik' ubangazana."

So ku tatwa uti lwe lalanyati, lu datshulwe, lu bazwe. Be se kw-enziwa umsila we nsimba. U bu su tandelwa kona, enhla no-ti, ku petw' enhla na ngezansi, ikona ku nge ku-sombuluka.

Umuntu o kw-aziyo ukusika, uma e na bantu bo ku-m-bambela ma e bobosa, a nga qeda ne zitatu izihlangu nge langa.

Isihlangu, ubude baso, si kaul' ovalweni lwo muntu; umgoba waso u kaul' esilevini. No mfutshane, si yo linganiselwa kuy' ovalweni; no mude, si linganiselwe kuy' ovalweni.

Ubangazana lo, o wa uti, (ma se be buy' empini, se be zo vunul' imqubula), ba wa 'bek' amabetshu, (la a be be hlasele ngaw' empini), be se be tata ubangazana no mqubula, no gungube, no mnyakanya, na mapovela, se be-y' eNkosini, se be pet' ezihle zodw' izihlangu. Se ku-tiwa lapo, ba yo hlambis' iNkosi.

## 17

## INDHLU KA NTOMBAZI WA oLANGA

INDHLU yake ya y'akis' o kwe zindhlu zonke nje. uZwide-ke, u beti, um' e bulel' inkos' enye, ku nqunyw' ikanda layo, li yo panyekw' emsamo kwa Ntombazi. Onk' amakos' a ye w'ahlula, wa ye w'enze njalo. uZwide, amakanda u wa lengisa nje, ku kon' inkata ye-mp' emsamo. U ya ba qonela. U ya wa nyatela. Kutiwa kwa ku nga ngeni muntu ku leyo-ndhlu. U bet' o ngenayo, e sa fak' ikanda nje, a juluk' a be manzi, ati minci, a-we pansi, ngoba ku leng' izinhloko za makosi lap' emsamo. Se ku isiga, lap' umuntu omunye e bizw' e sendhlini,—umntwana, ingabe uyise, noma umnewabo ini—u-ti : " Kade ngi ku biz' u nge-zi ngob' u-ti ngi nge ngene lapo endhlini, ngob' u kwa Ntombazi ka Langa, lapa kwa ku nga ngenwa ? A ngi ngene kona lapo, ngi ku tshaye ! " Ba buze-ke a ba ng' aziyo, ba-ti : " Hau ! Kwa Ntombazi lapa, kwa ku nga ngenwa, ini ? " Se be tata lona leli e kade li kulunywa.

uNtombazi lo, udadewabo ka Zwide, noma nga udadewabo ka Langa ini ? Ngoba kutiwa : O wa oLanga,—uNtombazi wa oLanga. Kungati-ke umnewabo uLanga. Ku linganiswa ngaloko-ke, ukuti a ku yon' inkosikazi ka Zwide, inkosazana. Ku-tshiwo nge-zwi lo ku-m-biza, ukuti, uNtombazi *wa oLanga ;* li nga-tsho fut' ukuti : uNtombazi ka Langa, njengo Zwide, o kutiwa, uZwide ka Langa.



## 18

## INDHLALA KA MADHLANTULE

uMADHLANTULE kwa ku indhlal' enkulu kwa Zulu. Kwati, nga leyo ndhlala, abantu ba penduk' izigcwelegcwele.[1] Inkonyana, nxa i kulekiwe, kanti ka kuko muntu, si fik' isigcwelegcwele, si yi nqum' isisinga, e kulekwe ngaso. U se balek' e ngen' ehlatini nay' inkonyana. So kut' ehlatini, u se yi nquma ngo mkonto, i si-fa. U se bas' umlilo. Uma e nga w-okil' ekay' umlilo, u zo pehl' uzwati. U se basa, u s'os' inkonyana e yidhla. Ka sa yi qedi, u se yi panyek' emtini. Ba ya fun' abanikaziyo. Sokuti kwe siny' isikati, ba pume, se be bon' iziko lap' e be-dhlela kona. U ya-dhla, u hlala kona lapo. Omunye a lale kona, ngoba ka se na kaya. U sā puma, wa li tshiy' ikaya, wa penduk' isigcwelegcwele nje. Ko munye, ba m funyanise kuy' inkonyana, ba m bulale. Omunye, ba fik' e nga seko, se be bona nge ziko nje, na matambo. Omunye a tat' igula, a li twale, a baleke nalo, a ngen' ehlatini. A be se tat' umkonto, e se li sika, enz' umlom' u be banzi, ku ngen' isandhla a za u'dhla ngaso. A luko, pela, ukamba a zo conisela kulo. Nal' igula leli, li funwe, li funwe, ngabanikazilo. Elinye ba li tole, se be tol' isigcau (isikundhla). Se be bon' ugebezi a lu sikayo. Se be-ti : " Hau ! Naku lap' a ye-dhlela kona ; nal' ugebezi ! " Kuti-ke, amagula la, a ye se-mbelwa pansi, e se lindwa. Kuti ma li zo-tiwa, ku pandwe umhlabati, ngoba umnikazilo u ya l'azi,—ngoba, pela, u l'imbele pans' emsamo. Bati, a ba hambileyo, be yo fun' ukudhla, ngalapa kutiwa la-na ngakona, ba hlangane na banye, ba

[1] Amasela.

ba bulale, ba b'apuc' ukudhla kwabo. Abanye ba ba tiye, ngoba be na mandhla; ku-fe zon' izigcwelegcwele. Imigodi ya mabele y'ambulelw' ebusuku ku lelwe. A yeke umnikaziyo ukw-ambulel' emini, e-ti funa ba m bulale. A wu ambulel' ebusuku, be lele. A wa kipe, a wa kipeke, a 'bal' amaqoma. A be se yo tukusa endhlini yake emsamo. Lok' ukudhla-ke, ku za u'lindwa. Ku nga pekwa fut' emini. Ukupeka kwake, a peke sengati u ya kw-eba, inganti okwake. It' inkomo, kwa ku nga-tshiwo ukuti ku *hlatshiwe*, kwa kutiwa ku *gqwatshiwe*; a-ti: "Ngi gqwatshel' izingane zami, se zi file indhlala." Inkomo le e hlatshw' ebusuku qede-ke, lap' i si hlahlelwa, i botshozwe lap' ontwini, ku fakw' isibonda, siye si fike lapa ku pela umkono, ngas' esixantini. Kw-enzelwe-ke ub' u ya tshaya nge mbazo, ku nge-zw' abantu be ziny' izizwe, ngoba imbazo i ya kala. Kuti: "Ngu! Ngu! Ngu!" Uma ku fakw' uti-ke, a kuz' ukukala, kuyoti: "'Ca! 'Ca! 'Ca!" kancane. Ngoba pela, inkomo yakiti i kitshw' isifuba, ku nqanyulw' izimbambo, ku sal' imhlubulo yombili. Siti si kitshw' isito, si be si hamba si yo bekw' endhlini (kw-enzelwa ub' i yo tatwa amasela—ku-tshiwo abantu a ba hlinz' inkomo, na banye nje, a ba 'bek' ukweba—bona lab' a ba nqum' inkonyan' i kulekiwe). I zo kitshwa izito zonke, omlenze, no mkono, no mhlubulo, no sifuba, no nhloko, no sixanti, no sinqe—izito ze nkomo—konke ne zinhlonhlo, no lusi, no siyaka, no sibindi, ne papu. U se zo fun' indhlu yake, lap' e za u-yi-tukusa kona, ingabe w'ake isironq' emsamo ngapakati—si biyiwe, no ngenayo ka boni luto ngale. Enye u sed' e yi peka a ye-pule, i nga ka vutwa, ukuti 'budhlu. W-enzel' ukuba i nga boli, ngoba u zo yi-dhla kuze ku-f' inyanga. E yi-dhla na bafazi bake, na bantabake. Indoda a yi nik' isito, nayo i mu-p' isito, ngob' imkombe i y'enanana.



Ukutukusa loku kw-enziwa ngoba kuqala, ya i ngeko imizan' emncane. Umuzi wa u ba *mkulu*. U pum' impi ekaya enkulu, umuzi umunye. Umuzi lowo o wo mnumzana, umnumzana njalo, e inkosi. Mkulu njal' umuzi, ku hlangen' izinhlobo zonke, a ku luhlobo lunye. Kw-enzelwa ukuba kuqala kwa ku kon' impi, i impi nom' i yo vimbezela, i yo bulala, ku pum' imp' eningi lap' ekaya, i ba xotshe. Nom' i xotsha bona, i nga ba bulali kakulu, njenga bantu a ba ingcosana.

Umnikaz' inkomo w-esaba loko. Abant' abaningi, ba zo m pangela. U yo yi-dhla na bantabake; i yo z'i bole. Ba-dhle yona i si ne zimpetu, ku nga-tshiwo ukuti i ne zimpetu, kutiwe i si no *bomi*. Isikumba si hlezi, a si betelwanga.

Ba yo yi qeda ba yiti nya, sekuba ikon' e se pek' isikumba, naso se si-dhliwa sonke. Sa si inyama naso.

Omunye-ke, u yi gqwatsha nje inkomo yake, u bon' abantu bake se be-file indhlala, abanye se be file, ba lahlwa; se be bulewe imiti, le embiwayo. Omunye u bon' umbila kon' u kahlelayo ezifeni; u ya bon' ukuti, Wo! u yot' u vutwa bese be fil' abantabake. Omunye u bon' inkomo yak' i fakile, ya puz' uku-zala. U se zo hlaba yona, abantwana ba-dhl' inkonyana. Inkonyana ya i nga-dhliwa amadoda; ya i-dhliwa izinsizwa, zi nga ka ganwa; na bantwana ba yi-dhle.

Amazw' okucasisela.—Indhlala le ka Madhlantule—abanye bati uMadhlatule—ya vel' uTshaka e se ngumfan' eLangeni, e nga ka yi uku-yo-konz' uDingiswayo, kwa Mtetwa,—okokuti, ya ba ngo nyaka' mhlaumbe, a ba-t'abeLungu, 1800. I kona-ke kodw' enye, nayo kutiwa uMadhlantule, e ya vela ku bus' uDingana. Nga leyo-ke, abantu ba-dhl' ingcengce (o ne zi kwetshana), no 'boqo, o mpande zimnyama, zi ngango batata. Uboqo ba be wu qoba nge nsengetshe, ba wu 'bek' elangeni, u ze w'ome, u be mnyama, bese be wu vuba na masi-ke. Kutiwa lowo muti wa u nga babi. Abanye ba sik' utshani (ingoni) nge mkonto, ba se bu 'bulisw' o kwo poko; kwase ku tatw' imbewu yabo, i si gaywa, i

si y'enziw' izinkwa. Ba-ti loko-ke kwa ku ukudhla okungcono. A ba be ne zinja, ba zi bulala, ba zi-dhla.

Indhlal' enye uMdweshu. Leyo ya vela (1853) ku bus' uMpande, impi ya Bantwana ya seNdondakusuka i si zo ku-lwa. Nga leyo, abantu ba-dhl' umbezi, no boqo, na makiwan' e nga vutiwe, ne mifino. Enye, enkulu nayo, ye 'Langa li ka Mbete', ya bulal' izwe ngo nyak' o welanywa o wo Mbidhli ka Somsewu (Isitabataba) (1869).

## 19
## UKUBULAWA KWE ZANGOMA uTSHAKA

uTshaka wa tat' igazi le nkomo wa li tel' emnyango esigodhlweni sake ebusuku, e nga bonwa muntu. Kwase ku-sa kusasa, wa bikel' izinduna. Se zi-z' izinduna; kwe-z' uNgqengelele no Mdhlaka. Wa-ti : " Nank' umhlol' o ngi velele. Ngiti ngi vuk' ekuseni, nga funyanisa kunje lap' esigodhlweni. Nant' igazi! A ngi l'azi ukuba li telwa ini. Imihlola le! Ak'u butw' izangoma zonke, lonk' izwe." Nempel' izangoma zi butwe-ke. Zi fike. Kwa-tiwa a zi bule manje. " Inkos' i velelwe nank' umhlola; u sesigodhlweni se Nkosi!" Wa butana-k' uZulu—kw-ehl' umhlol' eNkosini. Za bula-k' izangoma. Zi bule, zi m nuk' umuntu; ku buye ku bul' esinye, si m nuk' umuntu. Bese ku-tiwa lez' e se zi bulile: " Hambani ni yo hlala nodwa lapaya." So ku sukum' esinye futi. Se si bula, se si nuk' umuntu. Se kutiwa a si suke-ke, si hlale ku lez' eziny' e se zi bulile. Bese ku bizw' ezinye futi, se zi bula. Se zi ba nuk' abantu. Se ku-tiwa a zi yo hlala ku leziya-ke futi. So ku bizw' ezinye. Se zi bula. Se zi ba nuk' abantu. Se zi buyiselwa lapaya, ku lez' ezinye. Zize zi pelele zonke. Zi bula njalo, zi ba nuk' abantu. Ku-tiwe: " Buyelani lapaya, ni hlale." Ku bizw' ezinye futi. Zi bule. Zi ba nuk' abantu.



Ku-tiwe: " Buyelani lapaya." Ku sale zi be zibili. Si sukum' esinye, si bule. Si-ti: " A ngi ku bon' loku, ukuti kw-enziwe umtakati. Mina ngi-ti kw-enziwe izulu nje elipezulu. A kw-enziwanga umuntu." Ku sukume fut' esokugcina, si-ti: " A ngi ku boni mina loku, ukuti kw-enziwe umuntu. Ngi nuk' izul' elipezulu. A ngi boni ukuti kw-enziwe umuntu loku, o tele lel' igaz' esigo-



Isihlahla sa magwala.

Lap'uTshaka amagwala wa ye wa bulalela kona. Na namhlanje si se kona leso sihlahla, nga senxiweni le sibili la kwa Bulawayo.

dhlweni. Mina ngi funyanisa kw-enziwe izul' elipezulu." Wa-t' uTshaka a zi bulawe *zonke*, ku tshiywe lez' izangom' ezibili e zi kw-aziyo uku-bula. Ngoba naku zona zi bonile ukuti a kuko mtakati o telile, kw-enziwe iNkosi. Za-ti: " Mina, ngi nuk' izul' elipezulu." E se-ti: " A ku tshiywe zona-ke, ngoba zona zi ya kw-az' ukubula." Kade zi qamb' amanga izangoma, lez' eziningi. Kade ku

bulaw' abantu be Nkosi njalo, zi ba qambel' amanga, zi-ti ba ya takata. Ku za u'bulawa umuntu o nukwa ilezi e zi nuk' yen' uTshaka—e zi bonile ukuti a kw-enziwanga umtakati; kw-enziwe ngamabomu, kw-enziwe iNkosi, ngob' i tand' ukubona ukuti izangoma zi bula ngempela ini—kuloku ku bulaw' abantu, kutiwa ba nukwe isangoma. uTshaka wa ye cabanga enhliziyweni yake, e-ti: " Ake ngi bone ukuba zi y'azi ini uku-bula ngempela. Wa bona-ke ukuti a zi kw-azi lez' eziningi.

INDATSHAN' ENYE E FANA NA LE KA TSHAKA.—uMaƀulane, inkosi yo Msutu, wa ye fana no Tshaka ukulinga kwak' abantu. Yena-ke, wa mumat' amaganu, wa-t'u ya gula. Wa-t'a ku bizw' izangoma, zi zo bula pela, ngoba nak' u ya gula, u vuvuk' izihlati. Za fik' izangoma. Za bula, zi nga kw-azi uku-ku-bona. Zaze za ziningi zi nga ku boni ukuti ukufa kuni. Kwase ku sukum' enye, i si hlala ngapambi kwake. I si kangez' izandhla. I si-t' inkosi ka i kipe loku o ku semlonyeni! Wa ye se wa fel' amaganu uMabulane, e wa fela ezandhleni ze nyanga. Wā-ti-ke: " Inyanga ile yodwa! A zi yeke lez' ezinye, zi nga be zi sa bula." Kodwa kaz' a zi bulala-ke yena. Wa zi yeka za hamba, za-y'e-mzini yazo.

uMabulane wa y'ake eSobana, ngapambili kwe zizwe e zi ngapambili kwa sePlitoli (Pretoria).

## 20

## UKUBAZWA KWA MAWISA NE ZAGILA

UKUQANJWA kwe wisa, umuntu u qal' a lol' imbazo, a-ti: " Ngi sa yo fun' amawisa. Ku kon' umuti e nga wu bona lapaya ehlatini, wa mawisa, umzane." A be se hamba, u se yo fika kuwo; u se wu gaula. Ukugaulwa kwe wisa loku ku nzimana, ngoba nxa u wu gaula ngamandhla, a waze wa wu zungeza kahl' umuti, u zot' um' u su-wa, u qume ngapansi; uti u ya li baz' iwisa, se ku izimfa zodwa, e zi sewiseni; kanti u bu su qal' iwisa lapa,



inhloko yalo, wa li baza wa li qeda, se u zo fika se li ne zimfa. U su zo-ti: " Weu! Kanti iwisa lami l'onakele!" A-t' omuny' o nga hlakanipile: " O! A ngi li baze nje." Sekuzoti, ma e se li qedile, wa liti nya, li be lihle, u seti u li tengisa ku muntu, u se zo-t' umuntu: " Lok' iwisa li ne zimfa nje?" U se ya li yeka; ka sa li tengi. U se buy' e pindel' ehlatini. U se hlakanipel' umuti manje, uku-wu-gaula kwake. U se zo wu zungeza, u-we uti juqu-ke lowo, masinyane, u nga bambeli pezulu. U se zo wu nquma ngenhla, enze ukub' a buy' a wu dabule. U se zo xoz' amagxolo, w-enz' ukub' a nga sindwa ma e se hamba.

Li lodwa iwisa lo mzane; li lodwa iwisa lo mtate; li lodw' iwisa lo mncaka, lelo-ke li bomvu, lite *xuƀu*; li lodw' iwisa le fiti; li lodw' iwisa lo mƀumbulo; li lodw' iwisa lo msimbiti. U se yi cinga-ke eminy' imiti, o tandayo; a wu tandile, a wu gaule. Imiti i z'i be mine nje, noma isihlanu, ya mawisa. U se yi twala njalo, u se goduka. U ya fik' ekaya, u se y'imbel' emqubeni yonke, w-enzel' ukub' i nga tshaywa umoya, i dabuke. U se kipa li be liny' iwisa. U se lol' ummese, u wu lol' emlalazini. U se li baza. O kw-aziyo, u zo li baz' a li baze, a nga li qedi nge langa, w-enzela ukuba kusasa u ya li buka, u-ti: " Konje ingabe ngi li bazele nganxanye ini; ake ngi li bukisise kahle." A li buke, a li buke, a be se-ti ko munye: " A wu li buke nawe, ukuba lel' iwisa lami li njani." U se zo-ti-ke, lo omunye: " Nga la, ku lo mqala we wisa lako, u sa fun' um' u sike, u li buyise, li qonde, kona li zo bukeka izihlati zalo zombili, no mqala walo u be muhle." U se pindela ku lona, u se li baza, u se li sika. U seti ma a li sike, a buy' a m nike, a-ti: " A u ku li 'beke." U se zo-ti-ke: " Qa! A u li nik' omunye," e nga ka penduli yena. U se li nik' omunye. U se-t' omunye: " Qa! U su li qedile; a li ngabe li sa dhlula

la." Se li pela njalo lapo; u se li qota-ke manje ngo mmese, uma li be butshelelezi, li be iwisa. U seti, ma a li qote, u se-y' emfuleni, u pet' isikumbana se mbuzi, e si ngange sandhla kangaka. U se capun' ihlabati la manzi, u se li kuhla ngalo, e li hlikihla, e li hlikihla; na sekanda u ya li tshaya, lize li be butshelelezi. U se zo li kata nga mafut' e nyama, ukuba li nga dabuki. Se li lungile-ke, se li pelile. Kut' o tandayo, elinye a l'enze isicoco ngapezulu, ngapansi a lenz' isilevu; loko-ke ukuhlobisa. Lawoke a tandwa amadoda kakulu.

Na la amanye-ke, a se zo hamba nga leyo ndhlela, i benye. Yonk' imiti i ya tamba uma umuntu e y'imbel' emqubeni. Umuti o vam' ukuba lukuni, umtate. U lukuni lowo, kanye no mncaka. Uma e li bona ukuti li se lukuni manje, a li buyisel' emqubeni, lize li tambe. Noma kanti uti lwe wisa be lu gobile, u zo li fak' emqubeni. Umquba lo u ya tshisa. U zoti la e li kip' emqubeni nge iny' ilanga, u zo li fusa ngo mlilo, a l'elule,—a l'elule lu a tambil' uti. Ati um' e bon' ukuti: "Wo! A lu tand' ukw-eluleka," a be se lu 'beka pansi, a be se lu tshayel' izibonda, zi be zibili, e zi nga mabaxa, zi lu bambe, zi lu gcinezele pansi; kona ku zoti, nxa e lu kipa, be se lu qondile. Inhloko le-ke, ikanda le wisa, u se yi kata nge nhlaba, ukuba umoy' u ngaze wa ngen' u yi dabule. Ka qal' a kate nga mafuta lapo, ngoba ku zo fik' inja, i wa kot' amafuta, bese li dabuka, ngoba li betelwe pandhl' emnyango. Inhlaba inja ka yi yi koti; inhlaba futi i ya bambelela ngqi.

Izagila lezi, int' enkulu. Ngob' isagila s'elam' iwisa. Ngoba ma u nga li pete iwisa, u y'azi ukuti u pet' isagila, ngoba si nga ku siza na ko ku lumayo. No muny' umuntu, um' e bon' ukut' u pet' isagila, a ngek' a ku landele. Isagila lesi u ya s'esaba. Izagila, ukubukeka kwazo, zi bukeka ngoba z'ahlul' uhlanya, uhlanya njalo imamba. Abafan' abancane be zi pet' izagila, b'alusile, i ya fik' imamba pakati kwabo, a ba yi tshiyi. Bati ba nga yi bona, ba yi telekela ngazo, ba yi qede.



Ukubazwa kwe sagila, a ku gaulw' umut' onkulu. Si ye-mbiwa nje esinye, esinye ku gaulw' umtana o lingene. Nge langa li linye, um' umuntu e baz' izagila zodwa, a nga zi qeda noma zi isitupa.

Imiti e bazw' izagila iyo yonke; inqobo umuti o fanel' isagila; u su ya wu gaula, noma u ya wu-mba.

Se ku hlangene konke na mawisa ne zagila, ubunandi lobo ku bantu a ba se batsha, ngoba ba ku jabulela kakulu ukuba ba ku pate, ngoba into yabo yo ku-qomisa, ne yo ku-sina, ne yo ku-tshay' isilwan' esilumayo. Noma ku sinw' endhlini, u tat' isagila a sine ngaso. Ne nkosi, uma i tand' ukusina, i tum' inceku yayo, i-ti: "Ngi-pe, nas' isagila sami." Ngob' inkosi, uma i-ya ngapandhle nje, a si sal' isagila; a li sal' iwisa. Kuti, nom' i bon' inyoka, i yi tshaye ngaso.

## 21

### UMPITIKEZI U CITSH' UKU-BULAWA INKOSI

Imikuba e ya y'enziwa uTshaka ku bantu miningi. A bon' amanqe e ndiza pezulu, a-ti: "Wo! Za lamb' izinyoni ze Nkosi!" Se ku bulaw' abantu, be yo bekw' entabeni, ba-dhliwe amanqe. E seti wū[1] amanq' entabeni. Abatatu abantu ba kwa Qwabe, uMatshongwe, uNhlanganiso, no Mpezulu, wa ba kip' amehlo, be-zwa. Wa yo ba beka pansi kwe-wa; wa ye se-ti: "oNhla-

[1] E ndiz' e qonda kona wonke.

nganiso be no Mpezulu no Matshongwe *amapuputeka*," e-tsho ngoba e se ba kip' amehlo.

Nge liny' ilanga, wā zingel' uMpitikezi wa kwa Qwabe, ngob' e 'tshel' a ba seLangeni, ba sekaya ko nina (uTshaka), ukut' a ba baleke, nang' uTshaka u zo ba bulala. Kwase ku-zwakala-ke ku Tshaka nga bantu ukuti ku-tsh' uMpitikezi, baze ba baleke a ba seLangeni. Wa ye se kip' impi yo ku bulal' uMpitikezi. uMpitikezi-ke wa ye sezwile ukuti iNkosi i za ku-m-bulala. Po-ke, wa baleka. Po, kwa ku nga balekelwa ndawo futi. Umunt' u be zula nje pakati kwe-zwe, az' a-dhliwe na zilwane nje, ngoba izilwane nga leso sikati za zi ziningi; zi-dhl' abantu. Wa ye se kwelel' emtini. I ya m fun' impi, u ya yi bon' e hlezi pezu kwo muti. Ya m funa, ya m funa, a yaze ya m bona. Y'ahluleka. Wa ye se fik' e-dhl' udak' emfuleni, ukudhl' e nga sa kw-azi, e lal' emahlatini. Wa ye se-ya kona kubo ka Mbopa-ke (ka Sitayi), e nga sa veli nga kwomkulu. Wa ye se tunywa uSitayi, e m tuma kon' eNkosini. E se-ya nje, ngob' e toliwe, e s'esab' ukw-ala. Wa ye se bona-ke ukuti: " A kuko masiza, ngoba lo (uSitayi) u zo ngi bulala uma ng' ala, uma ngi-ti a ngi-yi eNkosini. Wa-ya-ke, e hamba yedwa. Naye ma e-ya, wa ye ngayi ngob' eti u zo buy' a be kona futi. Wa ye se-ya nje, ngob' azi ukuti u se yo ku-fa. Wa fika. Wa ngen' esibayeni ezinduneni, ku Ngqengelele. Wa ye seti caba-caba, e-nyuk' e-y' esibayeni, ku hlez' izinduna pakati. Wa ye se pum' uTshak' endhlini. Wa-ti: " Ngi ya fanisa Zulu. Nang' umfokazan' obomvana, ngi fanisa sengati uMpitikezi. Kwase ku pum' unina, uNandi. uNandi u se bong' uTshaka nge zibongo zake. E se-ti ku Tshaka: " U ngaz' u bulal' uMpitikezi na? uMpitikez' u yini; u ngaz' u m bulale, ku inja nje?" Wa ye se-t' uTshaka: " Hamba, mfokazana, o madhletshan' abomvana. U ku sindisil' unyoko, hamba. Hamba: ' Nsimba ye hlane, e y'ahlul' izinja ' [1] (izinja nans' impi e bi m funa). I si ya ba luhlaz' insimba, i hlal' ogodweni pezulu." Ukusinda kwak' uMpitikezi. Wa sinda ngob' uNandi lo, udadewabo ka nina. Wa sinda nga loko.



## 22

### uTATISE

(Inganekwane)

Kwa suk' insizwa ya xabana no yise. Ya hamba y'eduka. Ya yi si-ya u-zi-bulala. Ya hamba *kakulu*, izw' elikude. Ya funyanis' izintab'ezinkulu, zi mbili. Ya hamba, yaye ya fik' eduze kwazo. Kanti lezo ntaba, izinunu. Eny' inunu e ye nsikazi, enye e ye ndoda. Ifike-k' insizwa ku zona. I-ti e ye ndoda: " Ma-dhliwe," (insizwa le). Yal' e ye nsikazi; Ya-ti: " Ma nga-dhliwa." I-t' e ye ndoda: " Ma-dhliwe bo!" I-t' e ye nsikazi: " Qa! ma ngadhliwa." Iz' i dhlul' insizwa, zi xabane zodw' izinunu, zi bambene. I hambe-k' insizwa. Iy' i dundubale kweny' intaba. I nqamule, i yo lunguza ngale kwe ntaba. I funyanis' imiz' imningi esigodini, ngapansi kwe ntaba. I fike ku leyo mizi. I fike ku ngeko muntu; i dhlule fut' i-ye ko munye, i fike ku ngeko muntu futi. I dhlule fut' i-ye kwo munye, i fike ku ngeko muntu futi. I yi qede yonk' imizi, i fika ku ngeko muntu njalo. Iti ma i se yimi, i-ti: " Hau! Kwa-yiwa ngapi?" Insizwa-ke i hamba ne zinja zi mbili. I bon' indhlwana i tunqa, i tunq' umusi. I hambe-ke, i-ye ku leyo-ndhlu. I fike ku le-ndhlu. I fik' i ngen' endhlini. I fumanis' intombi,

[1] Kwase ku ba isibongo sake-ke njalo, esikulu, ngoba u s'etiwe iNkosi.

intombi le uTatise. A-ti-k' uTatise: " Hau! A kw-ali nokuba u ya ngena la ekaya? La ekaya ku-dhliw' abantu—imizi yonke, u yi bon' i ngamagobongo nje, ya-dhliwa uMa! A kako nje, u yo funa bon' abantu, um' a zo ba-dhla. Nawe nje u za u-ku-dhla. I-t' insizwa: " Wo! A ku se na cala," u kangwa intombi le, inhle. I-ti-ke insizw' entombini: " Zi lambil' izinja zami lezi." I pume-k' intombi. I hlab' ikwel' emnyango. Zi buye zonk' izinkomo lezi za kwabo, ne zimvu ne zimbuzi; se zaze za ningi, ngoba a zi-dhliwa izinkomo ne zimvu ne zimbuzi, ngoba ku-dhliw' abantu. I tat' itole le nkomo, i-t' ezinjeni: " Sa!" Izinja zi li bambe, zi li bulale, zi li-dhle, zi li qede. A buy' a tat' elinye a zi nike. Zi li bulale futi, zi li-dhle, zi ngabe zi sa li qeda leli le sibili. Zi sute, zi li tshiye. E-z' unina. U se-zwile ukuti ku kon' umunt' ekaya. Unina lo, u no zwani olude, o lu ngange ngalo, a genca ngal' abantu. A fike-k' unina, a-ti: " We Tatise! We Tatise!" A-t' uTatise: " Weyi!" A-ti: " U kuluma no ba la endhlini?" A-t' uTatise: " A ngi kulum' na muntu." A-t' unina: " Hayi bo, ngi tshele wena bo!" A-t' uTatise: " A kuko muntu! U su we-jwayela uku-dhl' abantu." A be se-t' unina: " Ngi za u-dhla wena-ke, i sal' indoda yako leyo, ke yi hlupeke." A buy' a pinde, a-ti: " We Tatise! We Tatise!" A-ti: " Ngi za u-ngena ngi-dhl' indoda yako le." A-t' u ye-z' emnyango, zi gwavum' izinja lezi. E se-ti: " We Tatise, se ngi hamba-ke, ngi ya kude." A-t' uTatise, e se kuluma ne nsizwa le: " U qamb'amanga; a ka yi ndawo, u kohlisa mina." A be buya futi, a-ti: " We Tatise! We Tatise!" A-ti: " Ka ngi yi ndawo, ngi ya buya; ngi ya la eduze nje." A be se-t' uTatise ensizweni la: " U ya hamba-ke manje, u ya kude; a si hambe-ke." Ba puma-ke. Ba hamba-ke,



uTatise ne nsizwa le. uTatise a hlab' ikwelo, a hambe nazo zonke lez' izimpahla, ngoba ngezake, ngoba yen' u-dhl' inyama ye zinkomo; unina a ka yi-dhl' inkomo, u-dhl' abantu. Ba hambe-ke, ba hambe-ke, ba hambe-ke, njalo—be hamba be-ya kude. Ba hambe, ba hambe, ba hambe, bati ma be sezwen' e li ihlanze, e li ne miti, ba lu bon' utuli lu ka nina lu-z' emuva. A-t' uTatise: " A si baleke si yo kwel' emtini!" Ba baleke-ke nga majubane. Ba fike ba kwelele pezul' emtini. Ba hlale-ke pezulu. A fike-k' unina; a fik' a wu gaul' umuti ngo zwani. Ut' umuti, ma u su tand' uku-tenga, a-t' uTatise: " M nik' izinja! U ya-wa nje umuti lo!" I bi si-t' insizw' ezinjeni: " Sa! sa!" Se zi bamb' uzwani kuqala; se zi lu nqamula-ke uzwani, zi luti juqu. Se zi bamb' unina ka Tatise-ke; se zi m nqamula ngapakati. Se zi m bulal' e se-fa. Sokuti, ngo kufa kwake, se b'ehl' emtini lapa, b'ehlela pansi. Ngo kw-ehla kwabo, se be hamba-ke. Se be hamba, be hamba, be hamba—be lala be vuka. Se beze ba yo fika-ke kubo ka nsizwa. Insizwa i si m tshiya ngapandhle kwo muz' uTatise. I si ngen' ekaya-k' insizwa. I si yenyuka-ke, i-ya ngenhla, it' i-ya kwabo. I si funyanisa so kw-akiw' eziny' izindhlu ngasenhla. Unina u sa buyiselwa ngapandhl' esangweni. U sa ba mhlotshana; ku telwa ku yen' umlota. A fike a-ti: " Hau! Up' uMa na?" Ba-ti: " Nans' indhlu ya kwenu." Euke-ke, a-ye kona. A fik' a ngen' endhlini, e-me kwabo. A funyanis' unina no dadewabo. A-ti: " Ha! uMa u sa ba nje!" A kal' unina, a kal' udadewabo. Ba mu-zwe ngob' e se mbongoza nje unina. Manje-ke, ba pume bonk' abantu la ekaya; ba gijime ba-ye ku leyo-ndhlu la ku kalwa kona. Ba fike ba buze, ukuti: " Ini na? Kwenze njani na?" A-t' udadewabo: " Ku kal' uMa." Ba-ti: " U kala, kwenze njani na?"



A fike-k'unina, a gaul' umuti ngo zwani.



A-t' udadewabo: " Ku kal' uMa; u bon' uMalunge, e nga sa m azi; u m bon' e fika." So kuba ku kupela-ke. Se be puma, be pindel' ezindhlini zabo. Se be fika lapo, se be tshel' inkosi e ya xabana no Malunge, uma az' a hambe a buye no Tatise. Ba-ti: " Nkosi, u fikil' uMalunge." I ti-ke inkosi: " Hau! U velapi umntami na?" Ba-ti-ke: " Nkosi, nangu!" be se-t' uMalunge la kwabo: " Hamba, ntombazana," e-tsho ku dadewabo, " u yo tshel' ubaba ukuti ngi fika ne ntombi." I hambe-k' intombazan' i yo tshel' uyise. I fik' i-ti: " Nkosi, u-ti uMalunge ma ngi zo ku-tshel' ukuti u fika ne ntombi." A be se-t' uyise: " I pi-ke na?" I bi si-t' intombazana: " Nansi ngapandhle." I bi si-t' inkosi: " Hambani, ni yi tate." Bese zi puma-k' izintombi, zi yo tat' umakoti. Se zi ngena naye-ke. U ya hamb' ebaleni, u landelwa impahla yake. E-me-ke; nazo z'im' izimpahla zake kona lapo, zi gcwal' umuzi zite 'pama. Umakoti u se ngenisw' endhlini-ke. I si-t' inkosi ku Malunge: " Malunge, tata zonk' izimpahla lezi u zi fak' esibayeni." U se zi faka-ke. U se-t' uMalunge: " A ziz' ukw-anela izimvu, ne zimbuzi." U se-ti-ke: " Ca, zi kipele ngapandhle lezo, zi zo buye zi bonelw' indawo, zi 'bekwe kona. Se ku hlalwa-ke. Uyise ka Malunge u se-t' a ku buy' ezake-ke manj' izinkomo. Se zi zo hlatshisw' uMalunge ne ntombi le. Se be jabula-ke, uyise ka Malunge no muzi wake wonke, na makosikazi. Se ku bizw' iketo-ke, ku zo ketelw', umka Malunge. Li fike-k' iketo; a memezel' utshwala, ukuti a bu gayw' lonk' izwe lake. Utshwala ba bu gaye-ke, ba bu lete kwomkulu. Ku ketwe-ke. Ku sinwe, ku sinwe. Inkosan' i si-ti: " A ngi s'aki la ekaya. Se ngi zo kw-ak' o wa kwet' umuzi." Nempela-ke, inkosan' i pum' i-yo kw-ak' o wa kwab' umuzi; i pume no nina, no mkake, no dadewabo.

## 23

## UKUBULAWA KU KA MANEMBE, INYANG' ENKULU YE-MPI

uManembe, wa kwa Gcwensa, wa y' ak' eziMfolozi, nga seMangweni, umuzi ka Cetshwayo. Wa ye inyang' enkulu, e ya y' elapa impi ka Cetshwayo, iNdondakusuka i nga ka-lwi. Kute, se ku ngapambidhlana, kwa suk' uNgulungulwana, inkosana ka Manembe, wa-y' eMangweni e yo konza, e butiwe. uNgulungulwana wa ye se kwelwa umkuhlane, e se-fa. uCetshwayo kaz' a m bikel' uManembe ukugula no kufa kwo mntanake. Wa ye se-ti uManembe: " uCetshwayo w-enzani kuze ku-f' umntanami e nga ngi bikele na ? U be nga yi ku-fa ub' u be m bikile." U se kalel' amandhl' ake, o kw-elap' impi, u se-ti : " Nga ngi ng' enzanga ukuba be ng' azi ukuti umntanami u be zo m bukel' ukufa. Yek' uku-m-siza kwami yena, ng'ăhlula izinyanga zi ka Mpande e zi ku Mbuyazi, oMqalana wa kwa Nzuza ! " Wa ye se-zwake uCetshwayo ukuti u kal' u-tsho njalo. Wa-ti : " Zwanini, madoda, kant' uManembe u ya kala, u se sola, u-ti yek' ukw-elapa kwak' empini." Se zi-t' izinduna : " Ngahl' a ku bulale uManembe, ngob' e kalel' inkosana yake." So ku-tiwa a ku yo bulawa yen' uManembe. Kwase ku pakw' impi ya seMangweni. uManembe u se yi-zwa ngo mlingo, ukuti i kon' impi ezayo, i zo m bulala. U se-ti ku bafazi bake, a ba hambe ne zingane, ba citeke, ku sale yena yedw' ekaya. Se be nqaba-ke. Se beti ba pek' ukudhla-ke ; ukudhla a ku sa vutwa. Izimpotulo a zi sa capazek' eziko. Utshwala o bo bu kona, bu kanyiwe, a bu sa vumeki ukuba bu tungwe. Inkezo a yi ngen' etshwaleni, ingani bu gcwele. U se-t' umuntu u y' ak' etshwaleni,



inkezo i m tshaye ebusweni. Ya fik' impi. Ya vimbezel' umuzi. Wa yi memeza, e sesibayeni sa matole, e hlezi nje pakati, e nga catshile. Wa-ti : " Ni ya ngi bulala na ? Ngoba ku-f' umntanami, uNgulungulwana, na ? " Kwa kupela. Wa-ti : " Ngi bulaleni, ngi-fe, ngi landel' umntanami ! " Wa-ti : " A ni ku lunga ! " Ba m bulala-ke. Laye la tshon' ilang' e vuka, kanti ba m gwazile ; a vuk' a kulume, a-ti : " A ni ku lunga, loku ku-fa mina ! " Kupela-ke. Nembal' umbuso ka Cetshwayo ka waze wa lunga.

## 24

## IZIBONGO ZI KA DINGANA


uVezi [1] uNonyanda, uMgabadeli ! [2]
O wa gabadel' inkundhla ya kwa Bulawayo.[3]
O donswe nge zintab' e zi makelekete.
uVezi wa kwa Simanganyawo ;
uMbombosh' omnyama.
Uvemvane lu ka Punga no Mageba ;
Uvemvane o lu mabal' a zibadu,[4]
Ngi be ngi ya lu tinta, lwa rwaqabala,
Lu njeng' o lu ka Punga, wa seBulawini,
Lu njengo Vuma ku bangoma.

[1] Wa vez' abantu ngo kubulala kwak' uTshaka ; abantu ba vela, ba buyela kuyena.

[2] Uku-gabadela ukw-enz' int' esabekayo, e lokotwa o ne sibind' esikulu kupela.

[3] uTshaka wa bulawa kwa Dukuza, kwa Nyakamubi (umzana wak' omncane o wa u seceleni, eduze no wa kwa Dukuza). Kutiwa 'nkundhla ya kwa Bulawayo' ngob' omkul' umuzi ka Tshaka ngapetsheya, kwa Zulu, uBulawayo, lap' a buṣa kona kakulu.

[4] A makul' a banzi.



"Mgungundhlovu, O nduku zi bomvu!"
Umuz' omkulu ka Dingana; wa w'ake pakati kwe Nzololo no Mkumbane, eMfoloz' emhlope.



O buz' amanz' eMbozamo [1] and' ukuwela,
Amanz' eMbozam' o sal' e babaza;
O wel' iMbozamo, umnta ka Jama,
Wa wel' iMbozamo, kwa-tsh' iziziba,
E bi gezwa uDukuza ne Nkisimana,
Be yi geza, be 'beke kiti kwa Zulu;
Na namhlanje abanini be Mbozamo ba sa mangele,
Ku mangel' uManqondo, wa kwa Tshiyabanye,
Kwa mangal' Pampata, wa kwa Nkisimana.
Isizib' e si seMavivane,[2] Dingana,
Isizib' e si nzonzo,[3] si zonzobele,
Si minzis' umuntu, et' u ya geza,
Waze wa tshona na nge sicoco,—
Ngob' uCoco ngi m bonile,
O be puma lapa kwa Sodhlabela;
uNgama yena, wa semaPiseni, a nga vuma.
Uqambi la nkomo, u'ba zi lahlekile,
Zi ya ku-fa umdhlebe kwa Sotshangana.
Inkon' et' i sa nkona,[4] kwa puk' isihlalo,
uGwembeshe o nga manz' o ku hlalela.
uNomatshikizele,
uMatshiy' impi yake.


## 25

### UKUPUMPUTIS' INKOSI, KU BUYW' EMPINI

Mhlazan' amabut' e buy' empini ya seSandhlwana, kanye ne ya seHlobane (enqabeni ka Rawane, emtonjeni ye

[1] Umfudhlana wa nga kwa Dukuza.
[2] Igamu le siziba sa seMbozamo, nga kwa Dukuza.
[3] Si tule, site du.
[4] Sola.

Mfoloz' emhlope), kwa-ya bonk' a ba gwazile, ba-y' eNkosini oNdini, be nga ka-y' emakaya. Ba-y' ekuseni, be-ya u'pumputis' iNkosi; ba-ya ne zibamu ne mkonto—be ku pete konk' okwabo, a ba gwaze ngako. Ba-ti-ke abadala, a b'aziyo, a nga sali umunt' ogwazileyo, no hlomule. "Ni-ye nay' imkonto ekuseni, i nga sali." A ba ng' azi, ba ya buza, ukuti: "Ku-yiwa nani? Ku patwani?" Ba-ti: "Ca! I pumputiswa nge zikali e be si gwaza ngazo." Amabuto-ke a ye se ngen' esibayeni, e s'im' izinkomo zo mnkangala; ku senhla ne sibaya, lap' iNkos' i gezela kona. Se ku zo nyakaza, ku pamban'



ESANDHLWANA,
nga seNqutu, kwa Zulu.

amaviyo-ke lapo, elinye li puma nga sempumalanga, elinye li qamuke nga sentshonalanga, be hamba be-ti: "Ngăti! Ngăti! Ngăti!" Abanye ba-ti: "Si ba tshiye ini?" "Impi! Impi!" "Ngăti! Ngăti!" Lowo u-tsh' okwake. Inkosi i s'imi esibayeni sayo, lap' i gezela kona; lapa ku hlatshelwa kona e zo mzimu, e zi tetile. I si gqunqile, i s'imbi, a yi sa 'bekeki. Ngo kusuka kwayo lapo, i si wa nqamula pakati amabuto; i si-za lapa esibayeni esikulu; so ku fik' isihlalo sayo. I si hlala-ke. Amabuto a se-ma-ke, e kuleka, e-ti: "Bayēde! Wĕna wĕ ndhlovu! Wĕna wĕ ndhlovu! Bayēde! Wĕna



wĕ ndhlovu! Wĕna wĕ ndhlovu!" "Wĕna wa pakati! Wen' u-dhl' amadoda! Sil' esimnyama!" I si-ti: "Ake n'enze-ke; ni ngi tshel' e be ni-ye kuko." I sa gqunqile njalo, ka yi 'bekeki. So ku zo qamuk' indun' e bi kon' empini, nom' i nga gwazile. I si kuluma-ke, i kuluma-ke, i yi tshela. Ya-ti induna, uSitshitshili ka Mnqandi: "Impi y'onakele, Nkosi. Izinduna zi y'onile; zi yi bambile; a yab' i sa celw' intelezi; i tunqiselwe. Si sale se si z'isa nje, si yo z'ilwela." Se ku fik' uKandempemvu kona lapo, eliny' ibuto. Se be ngen' esangweni. Se b'enyuka, be-za lapa ku kon' iNkosi. iNgobamakosi i lala kon' ekaya, oNdini. uKandempemvu u puma kubo, eMabedhlana. Ba landelwa uNokenke no Mbonambi.

Na la mabuto amanye enza kona loko. A se-ma-ke. A se kuleka. Nawo-ke, a se kuluma, e-ti: "Ngăti! Ngăti! Si ba tshiye ini?" So ku gcina-ke, ngoba ku futshane ukupumputis' iNkosi; impi ka yi xoxwa mhla kwa lelo langa. I ne langa layo.

I si zo-t' iNkosi: "Ake ni hlakazeke; ni-y'emakay' enu, ni yo ncinda. Ni ya u'fika nge ye sibil' inyanga." Ku zo hlala a be be nga-yil' empini, a be be lind' iNkosi. Amabut' a se-y'emakaya-ke; e se yo fun' izinkom' ezimnyama, za maduna. Ba yo nqum' imnyezane; ba nqum' izimpondo; ba lahl' imitsha e be be yi bincile. Bese be yo kumul' imkonto, ba yi pisele kwe zintsh' izinti. I si gezw' imkonto, i lolwa, i ba mhlope.

## 26

## IZIBONGO ZI KA MPANDE

uMSIMUDE!
O wa vela nge siluba,[1]
Pakati kwa maNgisi na ma'Qadasi.[2]
Inkonjan' e dukel' ezulwini;
uNowelamuva,[3] wa oTshaka.
Mdayi! Sabela kwe li petsheya!
Izalukazi zi ya u'sal' emanxiweni,
Amaxeg' a ya u'sala semzileni.
Isikukulane si ka Ndaba!
Si kukul' omame, sa b'etshata,
Saye sa ba lahl' ezinkwazini,[4]
Ezinkwazini ze mfula,
Ezinkwazini zo Tukela.
uNdab' u wele nge la seDhlokweni.
uGagangamanzi, a nga we-si mlomo,
Amanz' odwa a zo hlal' a babaze.
Izimvubu za yi kex' imilomo,
Izingwenya za pepel' ezintabeni.
uMnguni wă hlala pansi,
Wa vumis' izindab' ezilukuni,[5]
E zi kulunywa kubo kwa Malandela.

[1] Isiqova, e sa si sekanda. Abanye ba-ti: "Wa vela nge *sibili*."
[2] amaBunu.
[3] uDingana wa ba bulala bonk' a ba ka yise, kwa sal' uMpande yedwa; yena-ke wa sinda ngo kuwel' uTukela, e wela *muva*, abafowabo bonke se be file.
[4] Inkwazi inyon' e hlal' emanzini; ya solwandhle.
[5] U kulum' izindaba zo ku pindela kwa Zulu, ukuba ku ng' enziwa njani. U ya bula-ke, amadod' a ya m vumela. U bula ngob'e se kwe liny' izwe.



Wa kand' izihlangu,
Wa zi kandel' enkamangeni.[1]
W'ak' izindhlu nge zinzala [2] zo tshani,
W'ak' amaguma ngo msingizane.
Wa buz' iMpofana ne Ndaka,
Wa-ti: "uMzinyati,
Ngi ya ku-wu-buza ngapambili, kwo Silevu."
Wa tukutela pakati kwe zinyang' ezimbili,
Pakati ku ka Nhlangula no Nhlangulana.
Wa yo puma pakati kwe Dhlinza [3] ne Tshowe,
Iziqu ze miti za 'beka pezulu;
Wa puma pakati ku ka Mpehlela no Maqwakazi,[4]
Iziqu ze miti za 'beka pezulu.

## 27

## IMBONGI YA KWA ZULU I GWAZANA NE YA KWA MZILIKAZI

KWA hlasel' uDingana, e hlasel' uMzilikazi ka Matshobana. Impi i si hamba-ke. I si wel' imful' emine. I si wel' iGwa, lapa nganeno. I si yeqa lapa ku seJozibeke (Johannesburg) lapa, i si ya u'wel' iSangqu. Se be hloma-ke lab' a ba kwa Mzilikazi, ukuba ba bone ukuti i kon' imp' ezayo lapa, e-dhl' izinkomo. I si ya u' tshel' indodana ka Zwide. I si fik' i nqab' indodana, i-ti: "Ngi ngeze nga-ya mina, ngi hlasel' impi ya kwa Zulu. Ku-f' ubaba iwo lowo mkonto, a waze wa ng'elekelela." I si ya

[1] U kandel' enkamangeni ngoba ku ngeko mquba, lapa si kandelwa kona ngo kwempela; a se kandelw' enkamangeni ikona ku nge ku pucuk' uboya.
[2] Imbewu yo tshani.
[3] Ihlati e li seTshowe (Eshowe).
[4] Izintab' e zi pakati kwo Mhlatuze no Mlalazi, eduze na manxiwa (amabili) a kwa Bulawayo, umuz' omkulu ka Tshaka.

qamuk' e ya kwa Zulu, i si hlala pansi. I si-dhl' inyama; i gwaz' izinkomo nje. So ku qamuk' inkomo, i nqunyw' izimpondo pambili, zase zi boxw' igazi pambili. Sokuti ngemuva, so ku munqw' insizi, ekugcineni kwe zimpondo, lapa zi mila kona. I si fik' i dabul' impi, inkomo le. E ye nsikazi. Se be-ti a bakiti kwa Zulu: " Ka yi bulawe!" I si s'al' induna. I-ti " Umhlola lo! A yi sukubulawa." So ku qamuka yon' impi-ke ka Mzilikazi. Inkomo ka yi sa bonakali lap' i tshone kona. I si celwa-ke impi, i si butana ndawonye, i si y'enz' umkumbi. I siti, ukuba y'enz' umkumbi, i si pakwa. I pakwa njalo, i pakwa uNzobo ka Sobadhli (uNdhlel' u semuva—u zo fika kusasa). I si-ya-ke. Ngo kuhlangana kwayo, i si ya 'bekana. So ku pum' e ya kwa Mzilikaz' imbongi. I si funa uMagolwana ka Mkatini, imbong' enkulu ya kwa Zulu. I ya memeza, i buz' impi ya kwa Zulu, i-ti: " Ka n'azi ini ukuti amanqe na magwababa ka wako ku leli lakiti na? Ka n'azi ini ukuti ku-z' iZimpangele, ne Nsinde, ne Nzanayo na?" (amabut' a ka Mzilikazi). uMagolwana u se pum' emuva ku Ndhlela o ku uyen' o pet' impi yonk' i pela—u hamba ne sibay' esikulu. U se qamuk' uMagolwana, u se-ya-ke, e kuluma, e bong' amakosi, e ba bonga kakulu. U-ti:

" Sikihli! Sikihli! Sikihli! Nya!
U ye-za na? U se fikil'
uVezi, uNonyanda, uMgabadeli! ·
O wa gabadel' inkundhla ya kwa Bulawayo.
uVezi wa kwa Simanganyawo,
uMbombosh' omnyama."

U seti ukub' a bong' a bonge, i si-za-ke e ya kwa Mzilikazi, nayo i ya bonga, i bong' e ya kub' inkosi. I-ti:

" U ye-z' uMkatshwa wa oZimangele!
O katshwe nge zind' izinyawo,
Na nge zimfutshanyana,
U ye-z' o al' uku-dhl' umlenze kwa Bulawayo."



U se-ti-ke uLukwazi ka Mazwana, wa kwa Ntombela, u se-ti: " Qude, Malongwe!" ukuba e se-ti a ba galelane, ba-lwe. U seti e sa-tsho njalo uLukwazi, i si gwaza-ke le e ka Mzilikazi, i si m andula kuqala uMagolwan' *e sa bonga*, e nga ka cing' uku-lwa. U se-ti uLukwazi: " Qude, Malongwe!" ukub' e bona ukuti i si gwaza le e ka Mzilikazi. Impi ya kwa Zulu i-mi nga maviyo, i seduze nje, i 'bekene ne ya kwa Mzilikazi, ukub' i celwe nge ntelezi. Se zi ya dumelana njal' izimbongi pambi kwempi—i si 'bekene nge mkonto ye zingcule (ya i sa patwa nga minye). I ya gwaz' e ya kwa Mzilikazi, i gwaza ku Magolwana, it' i m gwaz' emzimbeni, u se vika nge sihlangu sak' esintusi. U se kwel' uMagolwana; se be gwazana nge mkonto. Yon' i ya wu faka, i pind' i wu fak' esihlangwini, i pind' okwesibili. uMagolwana u se yi gwaza lap' esipangeni pezu kwe bele, u-y' u pum' esipangeni. U se yi tata e yi ponsa ngemuva kwe ya kwak' impi. I si m amukela-ke.

I si-yelana impi; i si ya dumelana-ke nga maviyo nga maviyo. I si hlangana, se be kuhlana nge mkonto. I si fik' i deda le yakiti, i deda esifubeni, y'enz' ukub' i ba kakele pakati, i lingis' inqina. Se beti be bona ukuba i ya deda, se be kumuka, be-ti: " 'Kumu," ukuti ka yi bonelwa le-mpi, be-tsho ukuba ku balekwa. A yi ngangati. I ya yi cita-ke. I si yi xotsha, lize li tshone. Kuti ebusuku, i kumuke-ke. I si-dhl' izinkomo-ke.

I si ya lala. Ku ya-sa kusasa, se ku fik' uNdhlela, i si pakwa-ke futi. I si yo tshis' imizi ye-zwe la kona. I si li bulala, i li qed', i li cita-ke. I si tshis' izikota. Se beze babuye ba fike lapa ku kon' izimpukane, e zi ba hlala ku be kon' izimpetu. So ku fika-ke intombazana, e puma kwa Mabelemade, kwa ba ne zicoco e zi zimbenge, e zi hlal' ukudhla pakati. I si ya yi kumul' intombazana,

i-ti: " Naze na fika ezwen' e li nga hanjwayo na? Ni zo buya no kufa. Ku zo bulal' izwe, ku bulal' iNkosi." I ya kumuka-ke. I si ya u'nqamula kwe la semaMpondweni. I si za u'buya ne zinkomo, okutiwa, " zi no kufa, a zi nga-dhliwa." iNkosi, uDingana, wa ye se-ti: " A zi bulawe, zi-dhliwe, a zi nak' ukufa. Amatumbu a nga-dhliwa, no-su." So ku ya buywa-ke; uMagolwana naye u se fik' ekaya. U se kwelwa umkono, lo a gwaza ngawo (kwesokudhla). So ku bizw'-uNondo, wa kwa Sikakane, u se zo m elapa-ke, e bulal' inkomo. U yi gwaza nga ku lo mkono we sinxele, u su zo donswa nga kwesokudhla. U su zo namatela ku Magolwana. U donswa inyanga, u qondane no mkono lapa ku buhlungu kona; u su fik' uti cumbu, uku-gwaz' inxetshan' elincane, ku pum' igazi. Se ku tatw' igazi lelo, se li fakw' odengezini—lu bomvu, lu pekw' eziko. Se ku govuzw' insizi, i xutshwa ne gazi lake. U se ncinda ngaw' umkonto lo, ngob' umkonto lo o way' imbongi ka Mzilikazi leyo. U se tshiswa ngo mkonto, ngob' umkonto lo u fakw' odengezini; umlilo umkulu. Iwona-ke umkonto o hlez' u fakw' odengezini, u bu su bekwa emkonweni kuye. Ikona ku ncinda kona loko. Ka ncindi ngo mlomo. Se ku tatw' umkonto, wona we zizwe, wa kwa Mzilikazi, we mbongi, u su ya u' fakw' esizibeni, e si licibi, e si nga gijimiyo. U sut' u nga fakwa kona, u pupum' u-ye pezulu, u ntant' emanzini. U se wu tata ngo dhlawu lwake, a sebenza ngal' iNkosi. Ngoba kw-enza-ke inyang' enkulu ye Nkosi. Ibon' a ba cel' impi, lapa se ku-ya uku-lwa. Inyanga umkonto i si wu beka ngapa ngapetsheya kwo mfula. U su lala kona. U su landwa kona kusasa, ku nga ka-si. U landwa uy' uNondo; u wu landa nge ntelezi. U wu tat' e fulatele; u se hamb' e wu bambele ngemuva kwake. uMagolwana u se ya ku-wu-tata nge-



muva-ke. Se ku ukusinda kwake, ngako kona loko nje. I si-t' iNkosi, ka giy' uMagolwana. U se giya. So ku-tiwa: " Mƙabisa nyati! Mƙabisa nyati!" So ku ukutsho kwe Nkosi, ukuti:

" Dhlala, Mƙabisa nyati!
Hlabana ngo mhlubulo;
Isiguq' e sa-dhl' esinye,
Ngoba wā-dhl' e si ka Mzilikazi.
Mbambo ze nkomo ya kwa Matshobana.
Pindela kona!
Mbambo ze nkomo ya kwa Matshobana!"

So ku ukusinda kwake emkonweni. I si buz' iNkosi, ukuti: " Wa m qaqa nje, Magolwana, na?" U-ti: " Nkosi, nga m qaqa; ngă hlala pezu kwake. Nga tat' umuntsha wake, no mkonto lo." I si-t' iNkosi: " Kwa ku insizwa ini na?" U se-ti: " Kwa ku indoda." I si-ti: " Land' isihlangu-ke sako, ngi zo bcn' amanxeba, ukuti u qinisile, umfokazana waze wa gwaza kabili na." U se si landa-ke. U se-za naso, a se vunule, a se bincile. U se-ti, e sa qamuka, u se-ma. I si-ti ka pinde a giye, e-ze naso. Ka sa giyi; u linganisa a ye ku-kuluma kona lap' e-ya ku son' isilwanyakazana leso, se be zo gwazana. U se fik' e linganisa, ukuti: " Ngāti! Wa ye se gwaza. Nga ngi sa bonga. U se-ti-ke uLukwazi (e nikelwe uNdhlela): ' Qude, Malongwe!' " uMagolwana u se linganisa-ke, e kuluma ngo mlomo, e-ti: " U ngi gwaze nje, *ngi sa ku bonga mina.*" U se-t okwesibili, u se kwela, u kwela-ke u se wu faka. O we mbongi ka Mzilikazi, u su fik' u gwaz' umsila. U seti u ya wu kumula, a u sa pumi, u ba lukuni, u se m gwaz' uMagolwana. I si-t' iNkosi-ke ka hlale pansi. U se hlaliswa pansi. I si-ti: " Kuluma-ke. (A ku vumi kodwa ukub' a kulum' e hlezi pansi.) U se kuluma, e se bonga, iNkosi e se yi

weza nga mazibuk' onke. iNkosi i si m nik' utshwal', ukub' a gcine. U se nqunyelw' izinkomo, amatshum' amatat' ezinkomo—kwe zi sekaya, ze Nkosi. Se ku-ba ukupela lapo.

## 28

## UKUKALEL' AMABELE

Loku ukubona ukuti unyaka mubi, u vam' isihlava (isangcokolo). Amantombazana-ke, a leso sigodi, a zo pum' emakaya, a hlangan' onke. Lap' e hlangene konake, a se zo suka a yo ngena nga lap' e bonayo ukuti a yo gcina nga semasimini a lapa e za u'lahla ngakona amabel' a ne sihlava. A ya fika ku leyo nsimu, a se gijima pakati kwayo, ati saka, a citeke kuyo yonk' insimu leyo. A ya kala, a-ti: "Maye, mabele!" "Maye, mabele!" "Maye, mabele!" A-tsho njalo; a kuk' okunye, A hamb' e hlutul' amabele ngamanye, pakati kwe nsimu, lana a ne sihlava. Enze njalo kuwo wonk' amasimu. A zo hamba nawo la mabele a sitshuliwe. Kuyoti, uma se be qede onk' amasimu, bese be wa tata la mabele, ba-y' ehlane—lapa ku ngeko nsimu—ba wa lahle kona. Se be-y' emfuleni; se be yo geza. Se be buya-ke, be nga bonanga be lal' endhle.

Amantombazan' a kalel' amabele, a binca njengaloku e binca mhla yonke.



## 29

## UMANTINGWANA KA NDINGIYANA U BONA LUKULU

uMantingwana wa ye nga m azi uyise; wa-f'emncane. Wā bulawa izimpi zi ka Tshaka, e za zi hamba zi vimbezela, zi tshaya zi qotula. Unina kodwa wa sinda; w'eqa nay' uMantingwana lo. U se tolwa-k' esizwen' esinye; wa nikw' umuzi. A ba lowo muzi base be muka, be-ti ba yo fun' amabele. Naye-ke, unina ka Mantingwana, wa hamba nabo, ba-ya kuwo wona lowo muzi a qed' ukusuka kuwo. Kute be lapo, ya fik' impi, ya m bulala, kanye na lab' a hamba nabo. A bā sindayo, bă buyela la ku hlezi kon' uMantingwana, be-za ne-zwi lokuti, impi i ya ba landela. Nembala ya fika, ya ba bulala, wa sinda kodw' uMantingwana. Kanti-ke ilap' e se zo kw-edukelana na lab' abanye a sinde nabo. Wa ye se pika ngo kuya pambili nje, e se dinga. Wa qabuk' e hlangana ne Ziyendane zi ka Tshaka. iZiyendane lezi zi ibuto; za zi nga tungile, zi pote imiyeko nje, e ruqwe ngo msiz' omnyama, njenge zangoma. Base be-ti ku Mantingwana ma ba twalel' amagej' abo, a ba wa pang' empini. Nembala, wa w'etshata, wa hamba. Indhlela-ke u se yi tshengiswa ibona. Ba-ti: "U yo hamb' u hamb' u z'u tshone lapaya." Be-tsho be komb' isikal' entabeni. Se be hlala pansi-ke, se be-dhl' impako yabo yo kudhla. uMantingwana yena, ka ba m nika luto. U se qubekela pambili, elok' e 'bek' emuva, e ba bona be hlezi. Wa hamba. U ya fika lapo kutiwe u yo tshona kona, u se cinga futi, u ba bona be sa hlezi. W-enel' uku-sitela lapo, amageja wa ye se wa 'bek' endhleleni; wa wa 'beka qede, u se tatela nge kul' ijubane, e yo catsha. Ute ukub' a bone kahl' ukuti ka ba m bonanga la e tshone ngakona, u

se pum' e se qonda kwe ziny' izindawo. W-etuk' e fik' enxulumen' elikulu. We-m' esangweni ngapandhle kwo muzi. Se ku qamuk' umlobokaz' e yo-k' amanzi; u se dhlul' e-y' emfuleni, e nga bonang' e kuluma naye. U buy' emfuleni, u se ngen' ezindhlini. So ku-z' izinsizwa zo muzi (u ngo ka Mteli njalo lowo muzi, wa kwa Qwabe), za m bon' umfana umlomo u su mhlope ukulamba. Zase zi-ti: "Qom' uyihlo wako!" Kut' e nga ka qomi, kwase ku qamuka yen' umnumzana. U ya fika, umfan' u se m bamba nge ngalo, u se-ti: "Woza lapa, u ngumuntu wami!" Umnumzana lowo wa ye-zwe ngo makoti. Base be m nik' ukudhla-ke. Wa ye se hlala nje lapo, e-lusa na bany' abafana. Waze wa jwayela. Kwati ukuba ku dhlul' isikatshana, kwase ku fik' impi. Leyompi ya ba bulala bonke ku lowo muzi, ya bulala nay' uMteli. uMantingwana yena wa pangwa inceku ka Tshaka, e ya i hlinz' e zo mlomo.[1] I ya fik' emzini ka Tshaka, kwa Dukuza, i si m buz' igama lak' uMantingwana. U se zi-tsho-k' uMantingwana. Inceku-ke ya i si m qamb' elayo—elinye nje, ya i si-ti kwa banye, a ba m bize ngalo, ikona e zo kw-edukelana njalo na bakubo, ba ngaze ba m tola. Izinkomo ze Nkosi se zi hlatshwa nje-ke malang' onke, zi hlinzwa. Ya-t' inceku, uMantingwana ma yi bambise. Wa pat' imbiza yo ku-kelel' izingazi ze zinkomo.

uTshaka-ke yena wa ye lutshangane, e tshanga yonk' indawo; kwati, nge liny' ilanga, b'etuk e se ngena esibayeni. Wa ye se-ti: "We, bani!" e-tsh' encekwini leyo: "Lo mfana o ka bani?" Ya i si-t' inceku: "Owami, Nkosi!" "U m tatapi?" "Ngi m tolile, Nkosi, empini ya kwa Qwabe." iNkosi-ke ya i si-ti ku mfana; "U nguba, mfana?" U se-ti: "Ngi uMantingwana." uTshaka wa ye se-t' inceku ma yi m pate kahle, ngob' emuhle, empofu. "Uz' u m funel' inkom' enhle yo ku *x*ez' ubisi, njeng' abany' abafana. Ite inceku i fik' endhlini, lap' inyam' i tutelwa kona, ya i si-ti: "'Bekani, madoda, salani se ni pez' uku-m-biza nge gam' a li qanjwa imi lo mfana; m bizeni nge li ka yise, ngob' iNkosi i si bambe lelo; ka yi l'az' elami." Kwase ku dhlul' izinyanga-ke. Ya pum' impi ya semaMpondweni, yaze ya buya, ya dhlula ya qond' enyakato kwa Sotshangana.

[1] Kutshiwo izinkomo e za zi-dhliwa uTshak' uqobo. "E zo mlomo" zinkomo zo mlomo we Nkosi.



Kwa sokuti, nge liny' ilanga, uMantingwana e hlez' endhlini yake, we-zw' e se bizwa uTshaka. U ya fik' eNkosini, u se hlal' emqubeni, eduze nayo, nga sezansana kwayo. uTshaka u kuluma ne kehla le Mpondo. uMantingwana u hlezi nje, u hlalis' o kwe ntombi (iNkosi, pela, a yi hlalelwa ngo ku qotshama; umunt' u hlala nge zinqe pansi). So ku qamuk' incek' enkulu, uMbopa, e ngena nge ntuba, eduze nje. iMpondo leli, u se li dumel' e li tshaya nge nduku. U-ti: "Hamba, lel' inkengana!" uMbopa u pet' ipande le mkonto, imkonto lena ku nge ka Tshak' uqobo. U s'etuk' uTshaka. U se-ti: "Hau! Mbopa, wa-ke wa kw-enza nini loko? Ub' u fika ngi kuluma no muntu, u bu su m tshaya nge nduku?" uMbopa kodwa kaz' m nak' uTshaka, wa ye sengati u nquma ngemva kwake. Kanti u se wu faka ku Tshaka umkont' emahlombe. Wa m gxutsha ngawo, e wu ciba, e wu yekelela. uMantingwana u s'etuka; w-etuka qede, u se bon' izinsizwa zi ka Senzangakona (abafowab' uTshaka), zi ponsek' esibayeni, low' e pet' ipande le mkonto, low' e pet' ipande. Be-za be baningana. Ka kwabe ku-sa-buzwa luto. uTshaka u se gwazwa uMhlangana no Dingana. Ba m gwaza njalo, u ya penduka, u se ba bon' abafowabo, u se-ti: "Ni ngi gwaza nje

bantaba-ka-baba, ng' enzeni?" Se be-ti: "Hlaban' uhlanya lwa kwa Mtetwa, o lu bulal' izwe! Lu qiniseni!" uTshak' u se gijima-ke, e bang' esangweni, e se-wa kona lapo, pakati kwe sibaya, e se-fa. uMantingwana belu u sa hlezi kona lapo. uTshaka wa ye nga ka m tsheli no ku-m-tshela ukub' u m funel' ukutini. Wa ye se penduk' uDingana, e se bon' uMantingwana e hlezi. Wa-ti: "Mina lapa, mfana! Gijima u land' inkabi kwe za kwa Nyakamubi, emnyama. U ya fika nayo uMantingwana, se be yi gwaza, i si-wa; se be yi boboza, be yi qaq' esifubeni, be 'bekis' ebeleni. Se be kip' inyongo; se be dabul' umswan' oswini. Se be yi tela kon' emswanini inyongo. Se be sondela kona bonk' abantu, be hlamb' izandhla, be cinsa ngo mswani (be mumat' umswani, be cinsa ngawo). Se be-ti: "Wo! U zo kw-enziwa njani uTshaka?" uMhlangana wa-ti ka rudulwe, a yo ponsw' esizibeni eMbozamo, a-dhliwe zingwenya. U yal' uDingana, u-ti: "Ingati uTshaka lo, umnta-ka-baba, u yiNkosi yo hlanga! U zo lahlwa ngo bukosi bo hlanga, njenga makos' onk a kwa Zulu. A nga lahlisw' o kwo muntu. Ku qoqwe yonk' impahla yake, onk' amakanda, i-ze lapa. Wena Mantingwana, biz' izinceku zake lapaya, zi zo m kumul' imkonto. Kwa-tiwa izinceku ma zi m twale zi m yis' endhlini. Kwa-tiwa eziny' izinceku a zi land' izinkabi ezimnyama za kwa Nyakamubi, zi hlatshwe zi be umgando; enye-ke a botshwe nge sikumba sayo. A yo m lind' amadojeyana a kwa Nyakamubi, a hlab' izinkabi ezimnyama, koze ku pelel' impahla yake (e landw' emakandeni kwa Zulu). Kwa-tiwa ku nga kali muntu, ukuti: "Nha!" Ku ngaze kwa consa nyembezi ku muntu, ukuti "'co!" Umunt' o yo kala, u yo bulawa, ngoba li fil' itshinga, uhlanya lwa kwa Mtetwa, e li bulal' izwe la kwa Zulu; e li hlup' abantu.



Kwā ya ngaloku-ke ukub' uTshak' a lahlwe kwa Dukuza, a nga lahlw' eMakosini, njenga makos' amany' a kwa Zulu. Futi, ba be ngeko a bo ku-m-twala. Impi, e ya-ya kwa Sotshangana, ya i nga ka buyi; na bant' a ba be kona, kwa-tiwa ba nga m kaleli.

Izimpahla zi ka Tshaka za fika-ke zi pum' emakanden' onkana. Igodi lake lē-mbiwa zinceku. Ezinye za bulawel' uku-m-endhlalela, zi be icansi lake. Ezinye za m ngenis' egodini, za m 'beka qede, nazo za bulawa, zi bulawel' uku-m-embesa ngapezulu.

uDingana wa ye se-ti bonk' a ba catsh' emahlatini, ngo kw-esab' izimpi zi ka Tshaka, ma ba pume be-ze kuye, be-ze kanye ne ziguli. Wa ye se ba hlabel' izinkomo, e ba buta; u se ti: *uHlomendhlini.* Abadala, kwatiwa: *uHlomendhlin' omhlope;* izinsizwa, kwa-tiwa *uHlomendhlin' omnyama.* Wa ba qinisa ngo ku ba hlabel' izinkomo. Wa ye se ba hlomisa-ke bonke, ukuze impi ka Tshaka, i si buya kwa Sotshangana, i ngab' i sa buza ukuti uTshaka lo, uDingana u m bulaleleni? I yot' ingab' i ya buza, uDingana a bese ba pendula ngo mkonto.

## 30

## IMIYALO: E YA YI-TSHIWO UGWAZELA KU BANTABAKE[1]

1. Uma ngi fika lapa, u kuluma no mntanako lo, u m sola ukuti u nga kw-enz' ukuti, mina se ngi zo lalela nge ndhlebe, bese ngi-ti nami u laya mina, kanti wen' u buti u lay' owako nje. Njengokuti: Uma be ngi qomis' intombi, ya ng' ala, ba-ti-ke abadala, a ngi nga ngabazi

[1] uGwazela, wa kwa Ngcolosi, u se wa-fa; wa ye intanga ye Ndhlondhlo, e nga butiwe kodwa kwa Zulu.

ukut' i ng'alile. Mhlaumbe ku-m' idhlozi, l'imel' intombi; mhlaumbe ku-m' idhlozi, l'imela mina: ka kw-aziwa; mhlaumbe, i zo ngi qoma qede, be se ku-fa mina, i bi si hlupeka; mhlaumbe, ku-fe yona, ku hlupeke mina.

2. Ma abantu be ngena lap' ekaya lami, uz' u ba hlekise, u nga tukuteli; ngoba, um' u tukutela, abantu be ngena lap' ekaya lami, ku yo fana nokuti u umfokazana. Ingab' u ya dumala, u dumaza ne gamu lami. U ba-pe kahl' ukudhla, u hleke.

3. Umfowenu, u ngati ngob' u-zwa nga bantu, u bu su m tukutelela. Into o yi bonayo ku mfowenu embi, u yi buze. U nga y'enz' into u nga ba tshelil' abafowenu. Kuze kuti, noma u ganwe intombi, u yo tshela bona kuqala.

4. Ku gan' intombazana, u nga yi bizi into e nge lobolo, uz' u wenzele ngokuti, nati azange si yi bize into e nge lobolo. Uma u biz' into e nge lobolo ku mkwenyana, ku fana nokuti u umfokazana, u ya panga.

5. Uma u ngen' endhlini, u ngena ku kon' amadoda, u nga kweli pezu kwawo. U ngen' u ncipe, u hambe kahle.

6. Uma u bizwa umunt' omdala, o ngangami (uGwazela), u-ti: "Baba!" Ati, uma e ku bizel' utshwala, u nga puz' u qotsheme. U hlale pansi, u zinze.

7. uGwazela wa ye biza bonke abafana bake na madodan' onke a wa bafowabo, a zo ba yala. A yale nge-zwi lokuti: "Njengaloku uhlobo lwenu lu lunye, ni zalana, *ni ngaze na-lwa nge nduku, ni-lwe nodwa.* Ngoba omunye u zo m tshaya, a m limaze. A be se hlala e nhliziyombi, lo olimele. Kuyati se ku fik' izita, se zi limaza lo omunye, lo o wa limaz' omunye, u se m bukela. Kanti w-enziwa ngob' e nhliziyombi, a m limaza. Kuze kuti nxa ku xabana abanye pakati kwenu, ni kuze, ngoba ni uzalo Kuti



uma ku suka omncane e kwela pezu kwo mdala, e fun' ukulwa, ni m bambe nina ni badala, ni m tshaye nonke, ni m enze ukub' a kaule le ndaba.

8. Uma ku fik' umuntu o isihambi, o puma kude, e ngena pakati kwenu, qede, ni m hlalise kahle, ni mu-p' ukudhla lok' e ni ku-dhlayo, kon' e yoti, um' e se puma lapo, e se hamba, a fike ngapambili a be se xoxa ngani indaba ukuti: "Ngi fike kwa ba kwa Ngcolosi, ba ngi-p' ukudhla be nga nga-zi. Kuze kw-enze ukubani nize ni dume pakati kwo mhlabati njengami.

9. Uma intombazana i si ganile, u fun' impahla u yi hambise, ngoba ma u hlezi, u linde ukuba koze ku pelel' izinkomo, i zo fik' intombazana kanti u zot' u y'etuka, i si gane kwenye indawo futi. Se ku bang' ukukuluma o ku ngamanikiniki, ku hlupe wena.

10. Uma u tate into yo muntu, u yi tate kahle, ni hleka. U yi buyisele kahle, u hleka, u nga tukuteli. Uma u tat' into yo muntu, kuti um' e se yi biza u tukutele, u yo b'u ya zi dumaza pakati kwo mhlabati, w-enz' ukub' abantu ba ngabe be sa ku siza.

11. Umfowenu, nxa e hlupekile, u m elekelele nge-nto o nayo, u m fel' umrawu. U nga-tsho ukuti, a w-enzeli wena. Ngoba nom' umfazi wake e gay' utshwala, bu ngeke bu hlale, nom' u fike umfowen' e ngeko; u nga fik' u bu tate, u bu puze ngo kutanda kwako. No mfowenu a nga tukuteli, ngob' a-zi ukuti bu puzwe umfowab' impela. Kuze kuti ma ku qamuk' indaba pakati kwenu, ni bikelane. Ni qoqane, ni yi hlanganise. Kuti, uma ni yi bona ukuti indab' e lingene, ni yi nqamule, indab' i nge ya sekaya. Ukuti ma ku fik' umfowenu, e xabene no mfazi wenu, u bu su m kuz' umfowenu, a lalele. A ngatsh' ukuti, ma e kuzwa omncane: "A ngi m delele, ngoba ngi mkulu;" a lalele, a m hlonipe, kan' emncane. U m

lay' omkulu lowo. Ukuti uma ku kuz' unyoko, u lalele futi; uma ku kuz' intombazana, u lalele. Ngob' i kuza njalo i ya bona; wena a u sa boni, ngoba naku u su tukutele. A u sa boni kahle.

12. Mina, inkosi yakiti, uHlangabeza, ya i tshay' amadoda nge sampokwe, i sa ngen' ebukosini, i se ngu mfana. Ya si lahliswa imina isampokwe. Nga-ti: "U yo ba inkosi ngani? A u z'ukuba nkosi nga madoda na? Ma u tshay' amadoda, kuyoti endawen' embi, amadoda a nga ku kuzi, kanti e-saba ngoba naku u za u'lwa nabo nxa beti ba ya ku-tshela. Ba yeke, ba sondel' eduze kwako, u nga ba futi. W-enze ukuba kona ba yo pendul' igamu li qonde. U ng-enzi ngo bukosi, ukuti wena u ngapezulu kwabo. W-enzele into kon' i yo kanya, a nga-z' a-tsho umuntu ukuti w-enze ngo bukosi nje."

13. Wena wa kweny' indhlu, uma u nge iyo inkosi, kanti mhlaumbe inkosana i se ncane, i se umfana, u nga yi tshayi nge nduku, ngoba, kuyoti i si kulile, i yo kumbula loku o kad' u y'enza kona, u yi tshaya. Uti um' u bon' enz' into e nga lungile, u m sole ngo mlomo. Kw-enz' ukuti u m hlonipe, ngoba u y'azi ukuti uyen' emkulu, kon' e zo kw-azi uku-zo-ku-siza na sentweni e ku hlupayo, ngoba yena u ngang' okuti uyihlo.

14. Icilo ni li hlonipe, ni nga l'enzi. Loku ku-tshiwo ngoba nxa ku qonywe umfowetu, e nge na nkomo, kanti intombi e ya kude, e yo munt' omkulu, kuhle-ke uma si hlanganisel' izinkomo; s'enzele uma ku nga dumali—nxa ku fik' intombi yo munt' omkulu, yaze ya hamba ngoba ku'ngeko nkomo.

15. Uma ku fik' umunt' omkulu, e ne gamu lake ngo ku zalwa, nxa e ngen' emzini wako, kanti u ya lal' emzini wako, u m hlonipe, u m bambel' imbuzi, u m hlabise. U-ti: "Ngi ya ku pekela." Ngoba kuzoti, nxa e se hamba, a xox' indaba pambili, a-ti: "Ngi lale ku mfana ka bani, wa ngi hlabis' ukuti." Se be zo-ti ngapambili: "Kanti u na mehl' umfana ka bani; u ya kw-az' ukuhlonipa."

16. Icilo ukweba; ku dhlula yonk' int' embi. Ngob' u zoti lo owebileyo, ingabe o wa kini, be se ku dumala nina nonke, ukuti uhlobo la kwa Ngcolosi; kw-enziwa abantu se be tuk' inhlamba, kanti kw-enziwe umuntu wa ba munye.



## 31

## IMPI YA SEMAQONGQO, NO KUFA KU KA DINGANA

WA-TI uDingana enduneni yak' enkulu, impi i si zo ku-lwa ne ka Mpande eMaqongqo: "Ndhlela, impi yami u y'ise nga makal' onke; w-enz' imzil' emningi. I bambe kanyekanye yonke. I nga bukelelani; it' i ya-lw' enye, enye i buka nje; i nga kw-enzi loko. A i bambe kanyekanye yonke. Ngi ngeke ngi-lwe no Mpande, 'uMpanjana-zo-msenge'." Bala-ke, ya-ya-k' impi. Loku, uDingana u kuluma njalonjalo, i se sekaya, kon' i tshay' umkumbi; i sa pakwa. Sokuti ku pambili, uNdhlel' u se yi bamb' impi, ka s'enzi njenge-zwi e be li-tshiwo uDingana. U se y'is' amabandhl' amabili nje—uDhlambedhlu, kanye ne-Zinyosi. iZinyosi futi a za-ya zonke, kwa-y' isigaba nje (iZimanganyawana, e za zi petwe uSonsukwana ka Gqwatshaza). Ya bambana,—emini. Impi-ke ya *gulan' izimpondo*. Ya xotshw' e ka Dingana, ya nga kwesokudhla; kwati, ngalapa futi, kwesobunxele, ya xotshw' e ka Mpande. Base be baleka nabo a ba ka Dingana

ngalapa, be xotshwa a ba ka Mpande. *Ukugulan' izimpondo* iloko. Ba ba xotsha kwaze kwa tshon' ilanga,—izindawo zombili. Ba ba yeka, ngoba so ku-hlwile. Ite, e ka Dingana, uDhlambedhlu, okade lu xotsh' a ba ka Mpande, lapa se lu buya, ba buya se be rub' irubo, ngoba ba ya jabula pela, kade be gwaz' abanye, be ba xotshile. Se b'enz' irubo li ka Dingana, se be-ti :

" Hamba, Mdayi !
Si-ye kiti !
Si bulal' izwe la mankengana !
Hau-u-u-u-nhu !
Hamba, Mdayi :
Si-ye kiti !
Si bulal' izwe la mankengana !
Hau-u-u-u-nhu ! "

Se be-zwa-ke, laba ba ka Mpande, ekade be xotsha lab' a ba ka Dingana. Se be-ti : " Hau ! Nal' uDhlambedhlu ! Se lu buya ! Kade be gwaz' abakiti. Nati, a si vume lelo rubo labo, ikona be zo-ti si nga bakubo. 'Kuba ku-hlwile, a ba ku si bona nga mbala." I bi si lunga-ke e ya kiti si ba dumele, si ba gwaze." Bala-ke, se be vuma lelo rubo, se be-ti :

" Hamba, Mdayi ·
Si-ye kiti !
Si bulal' izwe la mankengana !
Hau u-u-u-nhu ! "

Bal' uDhlambedhlu se lu-zwa. Se be-ti : " Ha ! Abakiti labo ! Nampa be rub' irubo e l'enziwa itina. *Abakiti !* " Ba li ruba ; ka ba hambi ; se be petile nje ; se be lunga. Laba, ba ka Nozitshada, se be qonda ku bona. Ngo kufika kwab' eduze, ngo kuhlangana kwabo, ba ba dumela nge mkonto. Ilapa se ku za uku-fa kona uNozitshada ka Maqoboza. So ku-fa oSonsukwana ka Gqwa-



tshaza. I si yi xotsh' e ka Dingana, kon' ebusuku ; ku kon' unyezi.

I si fika ku Dingana, lab' abasindileyo. Se be xoxa kanje, njenga magama ekade e kulunywa. U se tukutel' uDingan' e-fa. U se-ti : " Kant' impi yami, Ndhlela, u y'onile ? Inganti be ngi ku tshelile, nga-ti ka yi bambe kanyekanye yonke ? Kanti impi yami u yi nqume wa yi tshiya ? Kant' u 'bek' uMpande ? U bulala mina ? " Wa-ti : " Wo ! Ake ni m tel' itala, ni m zwis' umkonto." U se-t' uDingana : " Musani uku-m-tel' itala le mkonto, u be se insila yami. M bopeleleni nge ntambo lap' entanyeni, ni m *x*inye ngayo, nidane ni yi tshay' az' a-fe, a kaz' a peze ukubamb' impi yami, a yi bambelel' e ka Mpande ; ngob' impi yami u yi tukusile, ka y'alwa."

U se 'bek' eziny' izinduna-ke, oNgceba ka Nodanga, wa seLangeni. U se-ti a yo bamba nga makal' ayo wonke ; i linganisane ; i bambe kanyekanye yonk' imizila. Kanti-ke amaBunu a se-y' a bona, lap' i b'ilwela kona. A funyanis' izidumbu zi njengo tshani. E se-ti ku Mpande : " Wo ! Mpande, kanti bala u qinisile ; ka u si kohlisi, njengo Bongoza. U-lwile impela ; si bon' abantu abafileyo, na ba ka Dingana, a ba bulawa abantu bako. I si ngeyetu kusasa. Hlala-ke manje." So ku tunyelw' iBunu, li banga ku Dingana. Se li memeza, li-ti : " Kusasa ! Se si fikile ! "

I-t' eny' indoda, e ya i kon' eMaqongqo, i nge ya kwo Mpande—igama layo uKonjwayo, wa sEmbo—i-ti-ke : " Kusasa, abant' abakulu ba ka Mpande se be tat' imqele yabo, na mabeq' ensimango, a semqeleni ; ne zimpape ze-ndwa ; a ku qelisa ku bafokazana babo. Ba tat' imqubula yabo, ne m*x*ezo yabo, ba yi nik' abafokazana babo kanye ne zihlangu zabo. Bona-ke, ba tat' impahla ya bafokazana, ba faka yona ; kanye ne zihlangu, ba pat'

e za bafokazana babo. Ba y'azi ukuti impi ka Dingana i zo ba xotsha, ngoba inkulu. Ba y'azi ukuti, i bi nga ka-lwi yonke; ba y'azi ukuti i za u'bamba yonke namhlanje. Lab' abant' abakulu, a ba yi nik' abafokazana impahla yabo, ba-ti kona ku ya u'tiwa, lap' i si ba xotsha, i nga ba qinisi ukuti umfokazana, umfokazana bese be-ti uyen' emkulu—ba qinise, ba-ti: 'Nans' induna! Nas' isikulu!' Kanti isikulu se si ya qubeka njalo; kw'enz' ukuba a tol' ituba lo kusinda. Ba sizwa izwi la maBunu, e li-ti: 'I si ngeyetu kusasa.'"

uDingana u se za u't' ukub' e-zwe ukuti: Wo! Kanti se ku-z' amaBunu, ka yi se-zi e ka Mpand' impi, u se-ti: "Ka si kukule, si hambe!" ne sizwe sake, "si qonde kwa Somkande, ne zinkomo, ne sifazana, na mabuto, naye. Wa-ti: "Ngi ngeke ngi sa 'bekana ne situnyisa."[1] Ya kukula ya hamba-ke; bala, ya qond' oBonjeni kwa Nyawo.

Kutiwa kwa Somkande ku pambili impela, ngapambi kwo Bombo na maSwazi. A kw-aziwa ukuba uSomkande u luhlobo luni.

Kutiwa abakulu, a ba ku Dingana, ba fakana imilomo be bodwa, ba-ti: "Si-yapi lapo? Si hambe si bulawa umkuhlane; si tshiy' izwe lakiti kwa Zulu." Ba-ti: "A si m bulale, si buyele kiti kwa Zulu." Kwase ku-tiwa: "U za u'bulawa nga luhlobo luni na?" Kwa-tiwa: "A ku yengw' amankengana, a si bulalele yena, tina si buyel' emuva. Ngoba no Mpande, o ka Senzangakona, u ya u-si-busa." Kwase ku-tiwa: "Wo! A ku landw' amaSwazi." Bala, kwa-yiwa-k' ema-Swazini. amaSwazi a-ti: "Lok' abaNguni, ba zo si bulala na?" Wa ye se-ti-ke uZulu: "Qa! Si za u'kw-enz' icebo, amabuto a tunywe kw-eny' indawo, kuti-ke

[1] Isibamu.



nina, ni fike nga lelo langa, um' e se hambile. Be se ni m gwaza; se ni buyel' emuva ezixotsheni zenu. Amabuto a soz' a yo ngen' ezixotsheni." Ku vicwa [1] izinduna, loku amabuto a wa kw-azi wona. A wa tshelwe. At' ub' a vum' amaSwazi, kwase ku-tiwa emabutweni: "Pumani lap' ekaya, ni-y'ematangen' ezinkomo. I kon' impi e tand' uku-yo-dhl' izinkomo ze Nkosi." Izinkomo z'ake-lwe amatanga ku kuqamamana, a kuk' eduze. A tshelw' amaSwazi ukuti: "Amabuto a zo hamba namhlanje, nina-ke ni fik' ebusuku." Bala-ke, ya fika. Se be qond' esigodhlweni lap' e lala kona. Hau! Ya vimbezela, ya m hlaba nge nxeba. Wa baleka, waye wa ponsek' ehlatini, kwa Hlatikulu. Kwa sinda uMnkabayi ka Jama. Lap' esigodhlweni-ke, uKwabiti, isilomo se Nkosi, u se li gwazil' iSwazi. Lite li funwa kodwa nga kusasa, ka la bonwa. Lab' abant' abanye futi a ba ng'aziyo ukuti amaSwaz' a biziwe, ba gijima ba yo hlab' umkos' ematangen' e zinkomo. A buy' amabuto. A fik' amabuto amaSwazi e nga ka ngeni wonke emhumeni.[2] A ba gwaza, a muka nabo; be baleka, be ba pete. A memez' amaSwazi, a-ti: "Ni si bulalelani, nina baNguni? Kade ni si nxanele, nina ba kwa Sikiti.[3] Ingani si 'bitwe ngini na? Na-ti a si yo ni bulalel' iNkosi yenu, e si ni katatile;[4] ni buyel' emuva!" Kwa ikon' amabuto e-ti: "Hau! A-tin' amankengane?" Amabuto-ke, a se buyel' emuva. Se ku-tiwa iNkosi ka yi bonwa, lap' i-fele kona. I si funw' iNkosi. Se be yi tola. Be yi bon' i hlezi nje, i nga lele pansi. U se-ti-ke! "O! Amankengane a ngi kubaze lapa," e ba kombis' inxeba. "Hambani ni yo ngi funel'

[1] Cetshwa; hlanganiswa.
[2] Umgede; umpandu.
[3] uSikiti uTshaka; uma ku fungwa yena, kwa ku-tiwa "Sikiti!"
[4] Katazile; amaSwazi, pela, a ya tekeza.

ubuhlungu bami, ni ngi puzise." Za hamba-ke izinduna, zaye za bu tabat' ekaya. Se be gez' ukambana olunci-nyanyana. Se be tel' amanzi, be govuza, se be m nika. Wanel' ukuti goje nje, wa juluka wa manzi; umzimba wa u su penduk' u ba mnyama wonke. Wa ye se-fa njalo, nge sikatshana e si ingcosana nje. So ku nqunyw' abantu bo mgando,[1] kanye ne zinkomo ezimnyama zo ku m lahla. U se kukul' uZulu, u se buy' e-za kwa Zulu. Wa ye se-ti ku Ngceba uMnkabayi, ka m tate, a mu-se ku Mapita. Nembala-ke, wa m hambisa, kanye ne sigodhlo ne zinkomo. uMapita-ke yena, wa ye se zi-dhla zonk' izinkomo, kanye na mantombazan' amany' e sigodhlo; eziny' izintombi wa z'amuk' izidwaba. Zase zi tat' izikumba (ze nkomo) zi se manzi, za binca zona. Ku-tiwa za-f' ezinye, ngoba zi binc' izikumba zi se manzi, zaze z'omelela kubon' emzimbeni. Kwā tshiyw' uGodide ka Ndhlela, kwa-tiwa uyena o zo-mel' abantu a ba lahl' uDingana, ngoba uyena inkosi ka yise (inkosi ka Ndhlela, undunankulu ka Dingana). Ba buya-ke. Se be-za ku Mpand' abantu.

Ku njalonjalo, ku fana na seMaqongqo; na nge Ndondakusuka; na nga batshokobezi ku Cetshwayo; na ku Malimade,[2]—ku butw' umuz' umunye; ba xayeke pakati. Abanye ba-ye nga ku Mpande, abanye ba-ye nga ku Dingana. Na nge Ndondakusuka, omuny' a-ye eziGqozeni, omunye a-y' oSutu; kanti ba zalwa ndodanye. Na ku Malimade, omunye a be imɓuka,[3] omunye a be umtshokobezi; kanti ba zalwa ndodanye.

[1] Abant' a ba bulawa ngo kufa kwe Nkosi, ba lahlwe nayo.
[2] Sir Melmoth Osborn.
[3] O hlubuk' enkosini yake.



## 32

### IZIGA

Isalakutshelwa si bona ngo mopo.
E li sina muva li ya bukwa.
Ibele le ndhlela a li vutwa.
Ubude a bu pangwa.
Inyati i buzwa kwa ba pambili.
A kuko silima si ndhlebende kwabo.
Impangel' enhle, e kal' i gijima.
Imbila ya swel' umsila ngo kuyalezela.
I kab' a ba yi sengayo.
A ku langa li tshona li nge na ndaba.
Isitsh' esihle a si-dhleli.
Injob' i tungelw' ebandhla,
Ikikizela li hluma esiqwini.
Indhlu ye gagu i ya neta.
A ku nkwali e pandel' enye.
A ku nyati y'ahlula tole.
Umrawu u suk' esweni.
A ku qili la zi kot' emhlane.
A kuko tusi e li 'teta li lodwa.
Insimba y'esulela nge gqumutsha.

## 33

## UKUDABUKA KWE SIFUNDA SA KWA ZULU

uMalandela wa zal' uQwabe. uNina, uNozidiya, wa ye se buy' e zal' uZulu. Inkosikazi, uNozidiya, ya teng' imbuzi; ya yi sisa ku Mpungose, enduneni. I si y'andil' imbuzi, ya teng' inkomo, isitol esimhlopekazi. Leyo nkomo ya i nge ka Zulu, o wa yelam' uQwabe. Ya zal' izinkom' eziningi, ezimhlope zonke, emzini ka Mpungose. It' inkos' i hlez' ebandhla, ya bon' izinkom' ezimhlope zi qamuk' entabeni. Ya buza ukuba " leziya nkom' ezimhlope e zapi na ? " Kwa-tiwa : " Nge za kwo Mpungose." Inkosi, uQwabe, (ngoba uMalandela wa ye sefile), ya-ti ka bizw' uMpungose. Ya buz' ukuba " leziya nkom' ezimhlope e zapi na ? " Ya-t' induna : " E zo mnawe wako, uZulu. Unyoko, inkosikazi uNozidiya, wa teng' imbuzi, ye-ma kimi ; yat' i si y'andile, ya teng' inkomo. Ya-t' inkosikazi : ' Zinkomo zo mntanami omncane, uZulu'." Ya-t' inkosi : " Kanti, ngi hlezi nje, ni ya ngi fihlela, ni 'bek' uZulu na ? O ! ngi y'ahlukana nani ! " Ya suk' inkosi, ya yo kw-ak' oNgoye. Ya-t' inkosikaz' enduneni : " Hamba ne nkosi wena, mina ngi za u'dhliwa intaba." Ya-t' induna, uMpungose : " Nkosikazi, ngi nga yi landela kanjan' inkosi na ? Loku i-ti ka ngi hambe, ng'ahlukane nayo na ? Uma ngi yi landela, i nga ngi bulala. Ngi zo hamba nawe, nami ngi-dhliwe intaba, nayo le ngan' encane." Ba hamba-ke, ba-ya endaweni ya seSihlungu, pansi kwe gquma, eSi-'kume. B'ăka kona-ke. uZulu wa landelwa abant' abaningi a ba suk' enkosini, ku Qwabe. Wa fika wa busa ngabo, wa ye se ba inkosi.



## 34

## uMANJAZI

(Inganekwane)

uManjazi wa ye ngumfazi we zimu, umyeni wak' e-dhl' abantu. Umyeni wake waze wa suka wa yo tat' abantwana ba ka Gonqokazi. uGonqokazi umunt' o bopele ugodo emhlane, lu hambe lu-ti gonqonqo, gonqonqo ; e-zwakala ngaloku, kwase ku-tiwa uGonqokazi. Izimu-ke la tat' abantwana bake. La ba fak' emhlantini.[1] Wa landela-k' uGonqokazi. Wa-ti : " Nang' umunt' o web' abantwabami bo ! " E-tsh' e memeza. Waze wa li fumanisa izimu. Wa ba kip' abantabake ; wa faka lona-k' izimu lap' emhlantini. Wa-t' abantabake a ba pindel' emuva, yena-k' e twala lon' izimu. Wa l'is' emzini walo. Wa memez' uGonqokazi, wa-ti : " Manjazi, tshis' indhlu ! " Wa yi tshis' uManjaz' indhlu. Wa ye se fik' indhlu i vuta, umhlanti wa wu ponsela pakat' emlilweni. La-t' izimu : " U na manga Manjazi, u bope mina ! " Wa ye se li fakile-ke pakati, uba li-tsho njal' izimu. La se li-tsha ne-ndhlu. uGonqokazi wa ye se pindel' emuva emzini wake. Lase li puma-ke li puputeka, se li tshiswe umlilo. Lase li zi fak' odakeni nge kanda. Kwase ku ngen' izinyosi z' akela kulona. Kwase ku fik' uMagewu, umuntu, e zingela. Wa ye se-ti : " Ha ! Naz' izinyosi ! " Wa ye se fak' isandhla. Wat' u ya si kipa, s'al' uku-puma. Wa ye se-ti : " Po, mngane, u nga ngi yeki ! " Lase li-ti izimu : " Wa banjwa isinqe se ndoda ! " Wa hlala kona njalo umkon' ute ngci. Waze wa bonwa abany' abantu. Base be fika be-tsh' ekaya lake. Base be-ti : " Si bon' uMagewu e bajiwe esigodweni, et' u tap' izinyosi." Base

[1] Inqalati e yalukwayo, y-enziwe njenge saka.


be tat' amafut' emvu a ba sekaya. Se be-ya nawo kona kuyena. Se be fika-ke be wa tela. Se si ncibilik' isandhla, se si puma. U se suka-k' uMagewu, e se hamba. E se hambile-ke, u se hlangana ne gwababa. Igwababa li kwelwe ubici. Se li-ti: "Ake si tshelekan' amehlo." U se vuma. U se wa kumula. U se wa nik' igwababa. Igwababa se li m nik' a walo. Se be hamba-ke be yo qomis' izintombi, ne ziny' izinsizwa. Se be fik' ezintombini, ne gwababa li hamba nazo. Se be-ti: "Honso," b'enz' umcwayo, igama. I si-t' intombi: "Ngi za u'qoma lo mina, o mehlwamhlope." U se-t' uMagewu: "Gwababa, let' amehl' wami!" Igwababa a li sa m niki. Izintombi za qom' igwababa zonke. La cway' igwababa, la-ti: "Ho! Nso-anso! Ho! Nso-anso! Ho! Nso!" uMagewu ilok' e-ti: "Gwababa, ngi nik' amehl' wami!" La suk' igwababa la ndiza naw' amehl' a ka Magewu. uMagewu wa ye se buka nga we gwababa; a we gwababa njalo, a no bici. Wa fik' ekaya, wa ye se wa kumula, e se wa nik' inja. E se 'beka nga we-nja. Inj' i si 'beka nga we gwababa. uGonqokazi-ke nanguya, u se hambe na bantabake. So ku fik' amarobe, e ngeko fut' uGonqokazi. E se tat' abantwana ba ka Gonqokazi. So ku-tiwa: "Namp' abantwana be muka na marobe!" uGonqokazi u ya hlulek' uku-landel' abantwana, ngoba naku amarob' a ya ndiza. A se ndiza njal' amarobe nabo. E se yo ba bek' esidhlubini se nkosi. Se be tshel' inkosi. Inkos' i-ti: "Hambani ni yo ba tata." Se be-za nabo. Se kuba a be nkosi. I si ba pata, iz' i ba kulise. Kwati, se be kulile, inkosi ya ba fisa ukuba ku nga ba abafazi bayo. Ya i si b'enz' abafazi bayo. Manje-ke ba hlala, se be abafazi be nkosi. Kanti leso sizwe si-dhl' abantu. Se be buye be kulupaliswa, se be za u'dhliwa. Se be hamba be yo tez' izinkuni, a ba zo pekwa ngazo. Isalukazi se si ba tshela, si-t' a ba baleke, ba zo-dhliwa. "Ku yo tezwa nje, ku yo tezelwa nina." Se be puma-ke, se be baleka. Se be fik' abantu akade be yo tez' izinkuni; ba fika be nga seko. Se be landela ngo mkondo. Se be fika la kwa ku kubo kona; ba fika so kwe mukwa, so ku semanxiweni. Ku kon' umut' omkulu, enxiweni kubo. Se be kwelela-ke pezu kwaw' umuti. Se be fika lab' a ba ba landelayo, be pet' izimbazo. Se be ba bona, be pezu kwo muti. Se be wu gaul' umuti. U su tenga, u su za u'kuwa. Bese be-ti: "Muti ka kulu! 'Oti mbe, u buy' u hlangane, u nga-wi." Nembala, umut' u hlangane. A be se pup' uGonqokaz' e lele, e-ti: "Ngi pup' abantabami, sengati ba senxiweni." A se biz' izinja zake; e se-ti a zi m landele. Se zi m landela, e se qamuk' enxiweni. E se funyanis' umuti be wu gaula; kanti u buye wa hlangana. Ut' e qamuka, wa kombis' izinja zake, wa-ti: "Sa! Zase zi ba xepula, zi ba luma, zi ba bulal' impela, ba-fa. A ba sindile, ba baleka. Base b'ehla-k' abantwana emtini. Wa ye se hamba nabo-k' uGonqokazi, e se z' a yo fik' emzini wake. A bese ba beka kona-k' abantwana bake. Ku kon' umuzi we zimu ngezansi kwake. Izimu-ke li ya puma, se li-ti li buya, se li bona ku tunq' endhlini yalo. Se li buz' ukuti: "Ubani o bas' endhlini yami?" Kanti, ku bas' intwala. Se li-ti futi: "Uban' o bas' endhlini yami?" I si-t' intwala: "Wen' u nguba?" E se-ti: "Mina, ngi uZimu li-dhl' umuntu li m qede, lize li-dhle ne tambo lak' imbala."[1] I si-t' intwala: "Mina ngi yo ku-dhla, ngi ku tshiy' itambo li ka mhobela.[2] Lase li-t' izimu, se li yo mem' amany' amazimu. Se li-za nawo-ke. Se li-ti: "Be ngi-mi lapa!" (se li tshel' amany' amazimu). Se li memeza



[1] U-dhla konke na matambo, ku nga sali luto.
[2] Itambo le sinqe.

futi, li-ti: "Uban' o bas' endhlini yami na?" I si-t' intwala: "Wen' u nguba?" Se li-ti: "Mina, ngi uZimu, li-dhl' umuntu, li m qede." I-t' intwala: "Mina ngi yo ku-dhla, ngi ku tshiy' itambo li ka mhobela." A ye se baleka-k' amazimu, e-ti: "Ubani o yo-dhliwa ku tshiyw' itambo li ka mhobela na?" A se yo zi pons' esizibeni. Sekuti elinye li hlangana no nogwaja. Unogway' u se baleka. U se hlangana ne ntenetsha. Se yi buy' intenetsha, i-ti: "Ini, we nogwaja?" U se-t' unogwaja: "Ngi ya hamba; se ngi bon' abantu be zingela, be zo si bulala." Se zi tshelana zonke-ke izinyamazane. Se zi baleka. Se zi yo butan' esigodini esikulu. Ku kon' umuti, u vutiwe, umdadaliyane. So ku-tiwa, ake ku yo buzw' enkosini ukuba lo mut' o vutwa kangaka, umuti muni. So ku tunyw' unogwaja; so ku-tiwa: "Ake ku yo buza wena nogwaja, uwena ndod' ehlakanipile, wen' o wa si tshel' abantu be zingela, be zo si bulala." Wa hamba-k' unogwaja, wa yo buz' enkosini, ukuti umuti o vutwe kangaka na, umuti muni na?" Ya-t' inkosi: "Umdadaliyane; ni yo wu-dhla ni wu-dhle, ni tshiy' igatsh' elipezulu." Wa buya-ke unogwaja. Wa-ti: "I-t' inkosi, umdadaliyane, si yo wu-dhla si tshiy' igatsh' elipezulu." Za wu-dhla-k' izinyamazane, za li tshiy' igatsh' elipezulu. Kwa lalwa-ke. Kwat' ebusuku, wa vuk' unogwaja, wa yo-dhl' igatsh' elipezulu, e la tshiywayo. W'ehla ne zinhlamvu, e zi pete nge sandhla. Wa ye se zi fak' endhlovini ngemuva. So ku vukwa kusasa. So ku-tiwa: "Igatsha le nkosi li-ye ngapi?" E se-t' unogwaja: "Ake ku hlolwe zonk' izinyamazane ngasemuva, u za u'bonakal' o li-dhlile; kuzo pum' izinhlamvu zi-we." Zase zi-wa-ke, lap' endhlovini. Indhlovu ya i si bulawa. Ya i si hlinzwa. Kwase ku-tiwa isibindi sayo, a si twalwe unogwaja, a si-se la i zo-dhlelwa kona. Wa





Wa vuk' unogwaja, wa yo-dhl'igatsh' elipezulu.

ye se si tat' unogwaja, wa-ti: "Ngā-dhl' umuti, nga qambela ngo mdhlovu." Zase zi t' izinyamazane: "U-tini nogwaja?" U-ti: "Si ya ngi sind' isibindi se ndhlovu." A buy' a pindel' unogwaja, a-ti: "Nga-dhl' umuti, nga qambela ngo mdhlovu." Za-ti izinyamazane: "U-tini nogwaja na?" U-ti: "Si ya ngi sinda isibindi so mdhlovu." Se zi mu-zwil' izinyamazane ukuti uyen' o bulel' indhlovu kanti. Se zi bikel' inkosi, ukut' unogwaja uyen' o bulel' indhlovu. I si-t' inkosi a banjw' a bulawe. Se beti ba ya m bamba, u se baleka. Se be m xotsha. U se fumanis' umful' u gcwele, e se penduk' imbokojwana. Se zi yi tata izinyamazane, za-ti: "Uba be si m funyanisile e la, be si zo m jikijela nga lel' itshe," be-tsho be li jikijela ngapetsheya kwo mfula. Se li buye li penduk' unogwaja. Se zi kohlwa-ke izinyamazane, ukuti zi zo wela ngani. U se baleka-k' unogwaja. So kuba ukupela-ke.

## 35

## UKUBULAWA KU KA MATSHUKUMBELE KA GCWABE, WA sEMBO

WĀ-TI uZihlandhlo ku Matshukumbele: "Uwena, mfowetu, o zo ngi hambela ku Tshaka." Wa hambe-ke uMatshukumbele, wa yo konza-ke lapaya. Wa fik' uTshaka uMatshukumbele wa m xotshis' izinkomo, wa-ti ka zi-se ku Zihlandhlo. uMatshukumbele ka z' a z'isa; wa zi-dhla. Wa hamb' uMatshukumbele futi, wa yo konza. Wa fik' uTshaka wa m xotshis' izinkomo, wa-ti ka z'ise ku Zihlandhlo. Wa pinda wa zi-dhla lezo nkomo. Kwase ku kupuk' uZihlandhlo, e yo konza. Wa tula, wa tul' uTshaka; wa buza manj' uTshaka, wa-ti: "Hau! Mnawe wami, a wa bonga?" Wa-ti uZihlandhlo: "Wo! Ca, Nkosi, be ngi nga ka m bon' uMatshukumbele." Wa buya-k uZihlandhlo wa goduka, wa-y' ekaya. We-zwa uMatshukumbele, ukuti uZihlandhlo u be yo konza lapaya ku Tshaka. Wa-t' uMatshukumbele: "Wo! A ngi hambe ngi-ye ku Zihlandhlo." Wa ye se mem' amadoda njalo akwake, e wa hlomisile. U se fun' uku-yo-gwaz' uZihlandhlo. A kon' amadoda, a-te ku Matshukumbele: "uZihlandhlo, lap' eNkosini, u ya zi pika ukuti a zi-zanga kuy' uZihlandhlo." U se-t' uMatshukumbele, ub' a ku-zwe-ke: "Ca! Kuhle ukuba ngi m bulal' uZihlandhlo." Wa hloma-ke, wa-ya kuy' uMatshukumbele. uZihlandhlo wa m bon' e qamuk' esangweni, enkundhleni. uZihlandhlo u ngapakati esibayeni, ne bandhla. U-ti-ke uMatshukumbele: "U-tsho ngani ukuti izinkomo ka ngi zi letanga na?" U-ti uZihlandhlo: "Ca! Nanababe! U su zo ngi bulala na?" U-tsho-ke ngob' e kulum' e-mi, e hlomile. U-ti uZihlandhlo: "Qa, mnta ka baba! U-ti imina e ngi nga-tsho njalo na? Ingati be ngi sa ku funel' izinsimango zo kuba u bince, u yo ngi konzela ku Tshaka na? Qa, mnta ka baba! Hlala nje; ngi yo ku nika kusasa lezo nsimango." U se-ti-ke uZihlandhlo, encekwini-ke, e nyenyeza, u-ti: "Gijima u-ye ku Sambela, eMngeneleni, u fik' u-ti uMatshukumbele u se ngi bulele. Amadod' a lap' esibayeni, a ya m buka. A yi hlome kona manje impi, i fik' ebusuku. uSambela a wa gwaz' amadoda, a wa xube no Matshukumbele." Ya i si fik' i wa beka njalo ku Sambela, eMngeneleni. U se-t' uSambela: "Ca! U tukel' unanababe! A ngi na ku wa bulal' amadod' a sekaya." I si hloma njalo, e ya seMngeneleni impi. Kwati, la ku mpondozankomo, ya i si semva kwo muzi. Ngoba wā-ti uZihlandhlo, a yo fik' i-me ngemva

kwo muzi, ngemva kwe sigodhlo. Yat' um' i fike lapo, uSambela wa tum' inceku, ya-ya ku Zihlandhlo, ukuti: " Se si fikile ! " Wa puma-ke uZihlandhlo, wa puma nge li ngenhl' isango, e li ngemva kwo muzi. Wa fika i si kona impi ya seMngeneleni yonke. Wa-ti : " Ni ya bona, nanababe ! uMatshukumbele ni nga m gwazi ; a no m bamba, ngi kulume naye." uMatshukumbele u sa lele lap' endhlini yena, la kutiwe a ngenise kona. Wa buy' uZihlandhlo, wa ye se yo ngen' esigodhlweni ngasenhla. Se ku-sa-ke njalo. I si puma-ke inceku, i si memez' ukuti : " Esibayeni, umkandhlu ! " Se ku vuka na wa seSimahleni, na wa ka Matshukumbele (amadoda). A se ngena-ke, futu, futu, futu, futu. Nay' uZihlandhlo u ngen' esibayeni. A seti amadoda, um' a hlale nje, wa qamuk' uSambela, wa qamuka ngazo zonke izintuba. Base be yi gwaza njalo, le e ka Matshukumbele. uZihlandhlo u se pambana nayo e ya seMngeneleni, e se pindel' esigodhlweni. I si-t' indodana ka Matshukumbele, uLudonga,[1] la i pezu kwo tango, it' i y'eqa, u se yi gwaz' uMnqundu ka Mzukula, wa kwa Ndhlovu, inceku ka Sambela; wa m gwaza, wa m bulala. Se be ba gwazile abanye lapa ngapakati. U set' uMatshukumbele u y'eq' otangweni lapa, u se m dumel' u se m bamb' " uMhlan' o-belet' itole," wa kwa Ngcōngo, inceku ka Sambela. U se zi bonga, e-ti :

> " Se ngi ku pete !
> Mina, Ntamo ka yi dinwa iziqu,
> Ingat' abadala zi ba dinile ! "

U banjwa iqawe njalo. U se-t' uMatshukumbele : " Hau ! U ya ngi bamba mfokatana ka Msolwa. U ngi bamba nga tip' itandhlana ? " U se-t' uZihlandhlo : " Ozani naye lapa kimina." Se be-za naye-ke. U se-ti-

[1] Abanye ba-ti igamu lake uSibabili. Kumbe uLudonga lo wa ye na magam' amabili.



ke uZihlandhlo : " Hau, Mfowetu ! U ya ngi bulala ! U zo ngi gwaza ngoba ngi ngedwa ? Nazo-ke izinsimango e be ngi ku tshele zon' izolo ! U ya zi bona-ke ? Nazo-ke ! Izo-ke lez' ezimnyamana za seKombe." U se m bulala-ke njalo. Se ku yo bikwa ku Tshaka. U se-t' uTshaka : " Maye ! Ubani o bulel' uMatshuku [1] na ? " Ba-ti uTshaka wa ye m tanda kabi. uTshaka u se linganisa ukuti a nga dumel' uZihlandhlo nge zikali, a vimbezele ; u se kuz' uNandi. U se-ti : " Iqangane [2] u yo li 'beka-pi ? Ingati wa funga : ' Ngi ngeke ngi m bulal' uZihlandhlo ; umnawe wami ' na ? " Ku ye-ma-ke lapo.

## 36

## UGCUGCWA, ISEL' E L'EB' IZINKOMO ZI KA TSHAKA

Kwa qamuk' isela, li qamuka nga kwa Ntunjambili. Lase li yo wela eSiwenisezimbuzi ; lase li yo wel' uMvoti, ezansi nawo, ehlanzen' impela. Wa ye se wel' uTukela, a se hamba kwe li ka Manqondo ka Mazwana. E se ya u'wel' i Mamba ; u se ya u'wel' iNsuze, lap' i ngen' oTukela. Se ku senhlanganweni ye-zwe li ka Manqondo no Zokufa, wa semaCubeni. U se tat' izinkomo ze Nkosi, zi ka Tshaka ; u ya ze-ba ; lezo 'nkomo e za-dhliwa impi ka Tshak' emaMpondweni. U se zi tat' ezigqalabeni, enhlonhlweni. Izinkomo se zi li xotsh' isela, zi bovula, zi bon' ukuba e nquma eziny' izinkomo, ezinye e zi tshiya, ngoba zi ziningi. Z'etuk' umuntu zi nga m azi. U se zi tata,

[1] Ukuti : uMatshukumbele. E lo kufeketisa lokuti " Matshuku."
[2] Ukubina. Ku-tsho ukumilwa ukuf' esiswini, umunt' az' a-fe. Ukuba indoda i kukumal' isisu, si be sikulu. Nxa be bin' a ba kuqala, ba be-ti : " Ngi yo mil' iqangane, ngi nga kwenza loku ! "

e ya u'wela naz' uTukela. Se zi fika zi-ma-ke, pezu kwo Tukela. So ku wel' ezinye, e zi lisonto, e zi landela lezi, ngob' u nqum' ikulu. Se zi fika z'im' esiqingini, kona ngapetsheya. Se zi-dhl' umhlanga. Se be qamuka lab' a b'alus' izinkomo ze Nkosi. Se be-ti : " Lez' izinkomo ze Nkosi, zi tshiywa ini lap' esiqingini na ? Loku a zi ngaze zi nga wela na ? " Se zi balwa-ke enhlonhlweni. Ba funyanisa zi nga pelele. Se ku yo tshelw' iNkosi ukuti izinkomo a zi bonakali, a zi sa bonwa. Inkosi i si-ti a ku menyw' inqina, zi yo funwa. I si hamb' inqina, i pahla leyo ndawo lapa zi wele kona esihlabatini. Ku bonw' unyawo lo muntu, lunye. Se ku hlatshw' umkosi ku Fabase, ukuti k'elekelele. Lite inqina li sa fun' ehlangeni, kanti se zi bonakele ngapezulu, za bonw' eHlimbitwa. Kanti, ukuba zi dundubale ku Ntunjambili, zi fike za m ahlula. U se zi nquma pakati ; eziny' u se zi tshiy' esikoteni, ezinye u dhlula nazo—izinkomo zi nqab' ukuhamba, umunt' emunye, zi ningi. Ngapezulu kwa Ntunjambili ku kon' inkungu. U zi quba ku se kon' inkungu. U seti, ukuba ku-s' inkungu, u se zi yeka, eHlimbitwa enkangala. U se-y' ehlatini, lapa ku puma aMandhlalati—lapa kw-ak' inkantolo namhlanje. U se ya u'catsh' ehlatini, ukuba ku-hlwe, a be se zi tata. I si kupuka-ke le nqina ye Nkosi, e bi m funa ; i hamba ngo mzila wazo. I siti, ngo ku dundubala, i si hlangana na lezi. I si buza-ke. Abantu bakona se be-ti : " A si z'azi lez' înkomo. A si w'azi ukuba lo mbala wo mdubu u pumapi na." Se be funa lo munt' o beke lez' izinkomo, u tshonepi na ? So ku qamuk' uSikunyana, indoda ya kwo Fabase. U-ti u kon' umuntu o bonwe abafan' e kokoba ; e se zi tshiyil' izinkomo, e se buyel' emuva, lap' izinkomo zi vele ngakona. U se yo catsha. Se ku ukukakwa kwalo-ke ihlati, e li zi mileleyo. I si ngen' inqina ne ka Fabase. I si li kaka, i li-ti ngci ihlati. I si fun' i funa. I si funyanis' indhle, i si zingqata, umuntu ka-dhli luto. So kw-om' itwani, ka ku toli ndawo ukudhla. So ku funwa, ku funwa, ku funwa, se ku konkot' izinja ze Nkosi, ezimhlope, ne zi marungqu ; se zi dweb' umuti. I si butan' impi, i-ti : " Hau ! Naku lap' izinja zi konkota kona." Se ku 'bekwa pezulu. Se ku bonw' isitunzi lapa pezulu emtini. Se kw-ahlulekwa ukub' umuti ba zo ku wenza njani. Se ku landw' izimbazo, zi ba mbili. Se be wu tshaya-ke, u suz' u-we kusihlwa, ku rwalala. U su-wa umuti, e lok' e wu bambile. Se be m bamba-ke. Se ku-tiwa ka siku-bulawa. A nga tshaywa. Ma-siwe eNkosini, kwa Bulawayo. U ya fika eNkosini, iNkosi i si puma-ke. U se saba ukusondel' eNkosini, ilok' e 'beke pansi. I si-t' iNkosi : " Sondela lapa ! " I-ti : " Ngi 'beke ! " U se 'beka pansi nje, e se saba. Se beze ba m sondeze kuy' eduze. " U ngubani na ? " U se zi-tsho-ke, u-ti : " Ngi uGcugcwa." " Po, u pumapi na ? " U se-tsho-ke uTshaka, u se-ti : " Saubona, Gcugcwa ! " " Saubona, Nkosi ! Amabonabonane ; u bona mina nje, ba yo bona wena ngomuso ! " Se zi qutshwa lez'înkomo a z'ebileyo, zi qutshwa zodwa ; a zi sa hlangani na lez' a zi tshiyileyo. Se zi fik' eNkosini. Inkos' i buz' ukuti : " Izinkom' e zi ngaka, u zo z'enzani ? " I si buz' umuzi wake-ke iNkosi. Ka wu-tsho umuzi wake lap' e puma kona, ne nkosi yake ka yi-tsho. I si-t' iNkosi : " A ngi z' uku-ku-bulala ; u zo zi-fela nje." U se u ya banjwa-ke. Se kw-alukw' izintambo ; u se botshwa-ke izandhla ne zinyawo. Se zi buyisiwa-ke izinkomo ; se z'im' esibayeni. U se-siw' esangweni. iNkosi i-ti : " Hambani, ni m nqumise kabil' esangweni, ni m bopel' ezimpundwini zombili. Izinkomo-ke, se zi ya qutshwa-ke, zi yo puma—zi nkul' izinkabi, izinkomo zi ningi kakulu. Se

zi minyaniswa, zi puma ngamandhla. U ya kala-ke. Se zi m gcifiza, zi m bulala, e nga patwanga nga zandhla, njengo kutsho kwe Nkosi, ukuti u za u-zi-fela. U bulawa ik' ukudhla a ku tatileyo. Loko kudhla kwa ba ukufa kwake!

## 37

## UKUBAZWA KWE ZICAMELO NE ZINKEZO

IZICAMELO lezi zi bazwa nge mit' embili, umkuhlu no mnyamati. Umkuhlu o we hlanze, njenga pezu kwo Tukela, ilap' u tand' u-be mningi kona; umnyamati wona, u tand' ezweni la mapondo,—e li z'enza sengati e la senkangala, e li namanzi. U ya gaulwa-ke; ut' u nga-wa, u bu su nqunywa izibuku e zi ngange ngalo ngo bude. Se ngi wu xoza ngapa na ngapa; se ngi si hlab' amasond' aso. Uma ngi vuke kakulu, ngi nga buya nazo noma zi zibili izicamelo; se ngi zo zi bazel' ekaya endhlini yami. Se ngi qal' uku-si-qopa nje ngo mese. Se ngi si qeda. Se ngi yo bas' umlilo emtunzini. Se ngi si tshisa-ke nge zinsimbi, se zi bomvu. Izinsimbi lezi, e ze mpongolo no kw-apuk' egejeni le zinkabi; no celemba o se w'apuka. Ku ya hlupa uma u nge nal' unwali, umhlwehlwe we nkomo. U nga tshis' u tshise, ku ngabe ku sa ba mnyama kahle.

Isicamelo si bazwa nge mbazo. Si kitshwa pakati nge mbazo, bese ku sal' eliny' isondo pakati. Isigqiki (isicamelo) si bazwa nge mbazo kuqala, bese si bazwa ngo mese. Nxa se ku bazwe kwa qedwa, se ku tatwa umrudisane, o mil' oTukela (na seNsuze fut' u kona). U ya rayaraya nawo, u njenge pepa ba beLungu, leli a ba gudhla ngalo amapulangwe. U na mazinywana. Umrudisane u mil' u be zinswazi nje; isihlahla sawo si mpofu, si ngango munt' esinye, esinye si be sifutshane.



Kuqala, kwa ku bazwa ihluze no mganu; kodwa ka yi sa bazwa, ngoba kuti, nxa i camela, i buy' i pehlwe impehlwa, u hambe ku boboz' izimbobo, bese si buquzeka, bese s'apuka. Umkuhlu no mnyamati, ka yi pehlwa leyo miti.

Ezikulu izicamelo zi ya cijwa nazo, e zi masondo matatu. Omunye u biz' e si masondo mane, e si lal' abant' abatatu. Abantu ba vam' ukubiz' e zi masondo nga matatu.

Izinkezo zi qale zi hlatshwe, zi hlatshwe nge mbazo, a be se lu qoq' e lu qoqa nge mbazo, bese lu lunga. U se lol' umese-ke, u se wu gobagoba, iwona-ke e se za u'lumba ngawo. E se lu cija kahle nge ngwedo, yon' e ngena ngapakati. Ngasemva, u se baza ngo mese, noma ku ngo we gotshwa nje. U se lu qopa kahle, na sotini lwalo, e lu loba kahle; ikona se be zo lu teng' abantu; ilowo u-ti lu zo tengwa imi, lowo a-ti olwami. Ba lu bange nxa lu luhle. O lwa masi ukezo lu biz' utsheleni, o lwo kudhla, uma zi mbili, zi biz' utsheleni, lu lunye lu biz' uzukwa. Ka ku dhluli ku tsheleni. Isixembe, e so kugoqoz' ububende bu nga-tshi, na lap' u su bu paka, u pake ngaso. Izinkezo: Ku bazw' inqayi na masetole, ne sipampata, imit' elukuni. Isipampata si ne jwab' elihle; si tand' ukupumelela kuyo yonk' imiti e baz' izinkezo; no 'qume luhle, lu citsh' ukulingana ne sipampata. E zi ka Cetshwayo za zi bazwa ngo mncaka—u lukuni kakulu. A ba lu cijayo ba buye b'esabe, ngoba u lukuni kabi. Amatung' a bazwa ngo mdoni ne sikukuboya. A sa bazwa na namuhla loku.

## 38

## UKWONAKALA KWE ZINTOMBI, ZI MENYEZELWE UKUTI KA ZI KEHLE, ZI GAN' INDHLONDHLO

NGO kujutshwa kwe Sitimane, iNkosi (uMpande) ya biz' amadun' onke a kwa Zulu. Ya-ti: "Maduna! Ngi ni bizā-nje, ngi za u-ni-tshel' izwi, uba ngi-ti uTulwana ni ngaze na m hlupa, ngoba nga ngi nga ba patise luto ezandhleni (i-tsho uku-ba-xotshis' izinkomo). A no ba yeka nje." Ku pendul' uMatunjana ka Sibaxa, u-ti: "Hau! Ngabetu abantwana na? O-ti si nga b'endisel' uTulwana, a nga si loboleli na? Angiti, sa-lwa ne-mp' oBuya na? U su-ti a si ba-p' uTulwana njena na, a nga si lobolele na?" Ya-t' iNkosi: "Wo! Ngi y'ahluleka, Matunjana, ngoba be ngi-ti mina, ngi ni tshela lelo-zwi nje, ngoba ngi-ti nani Zulu ni ya li bona lelo-zwi. Se ngi yahluleka ukuba ba zo lobola ngani. Kodwa-ke izintombi zona ngi ya zi juba, ngi-ti a zi gane. So ku ya uti, nō m nike nkomo ntatu nje, ab' u m lobolele. Kepa-ke, ni ba yeke njal' impela, ni ngaze na ba hlupa." B'enqab' amadoda, ba-ti: "Nabo, ake ba pum' impi. Si nge ba-tulel' [1] abantabetu."

Ya puma-ke, ya-ya kwa Sambana, enyakato. Ba buyake ne zinkomo za kwa Sambana. Ya i si ba telela zona-k' iNkosi. Yat' ukuba i ba telele zona lezo nkom' iNkosi, ba lobola-ke ngazo. Kwa ilowo, o kipe nkomo nhlanu, wa ye se yi lobole njalo, wa ye se m nikela-ke uyise; u se yo yi gcagcisa. Kwa lunga-ke. Ya-t' iNkosi: "U ya jabul' o yo-k' a bon' abafazi ba ka Tulwana. Ni ba wola kangaka na? Ngoba, ni ba tata kangaka nje, ba zo-dhlani, ba zo-dhl' izidwaba zabo ini?"

[1] Ba-tsh' *ukw-etula.*



iSitimane lesi s'elanywa iNgcugce, iNgcugce-ke yona y'elanywe luTiyane.

Kwāti-ke,—se ku bus' uCetshwayo-ke,—ukub' iNkosi i tung' iNdhlondhlo, i ba jubel' iNgcugce, izintombi zā-ti: "Ucu ka lu lingan' entanyeni." [1] Ku-tsh' ibuto le zintombi, iNgcugce, e z'elam' iSitimane, e sa gan' uTulwana. Zi-ti: "Ngahle ukuba ku tung' uDhloko, no Dududu, no Mxapo. iNkosi ya-ti: "Ni yo gana bona labo-ke, iNdhlondhlo. Z'ala-ke zona, za-ti a zi ku kehla, ngoba zi-ti, nga kuhle ku tung' uDhloko, no Dududu, no Mxapo; betsho ngoba be baningi. W'al' uCetshwayo, wa-ti a zi gane yon' iNdhlondhlo, nab' oTulwana, ngob' iSitimane esinye sa gund' izinhloko, nabo ba hlalel' uDhloko no Dududu no Mxapo. iSitimane sa gunda sa yo lal' emfuleni, na sentabeni; abanye ba wela. Abanye b'ak' amagobel' eQudeni, na seNkandhla, ukuba ba-t' uTukela a lu-tshe, ba wele. iNgcugce nayo ya nqum' izinhloko, i gundel' amabuto, ukub' i-ti 'ucu ka lu lingani.' iNkosi i si ngena nga lelo-su, lokuti, ngiti lapa ngi-ti a ba gan' iNdhlondhlo, ba nqum' izinhloko na? Ku fuzisela kupi na? Ngi-ti, a zi bulawe!"



Ukuvunula kwe zinsizwa kwa Zulu, ku sa bus' uMpande.

[1] Abanye ba-ti: "Ucu ka lu hlangani."

So ku pakw' uKandempemvu ne Ngobamakosi; se kuba iSangqu (aMatshitshi)—amabut' amatatu. Ya pakw' iNgobamakosi, ya-y' emaCubeni (kwo Zokufa), na kwa Magwaza (kwo Qetuka), na kwa Ntuli (ku sa pet' uGodide). Se be zi bulala-ke iNgobamakosi, ngoba ya zi bulal' impela, i bulal' iNgcugce; yā zi bulalela kon' ekaya ko yise. iNgobamakosi lena ya yi ngamaviyo a itshumi, a na maviy' amabili. Ya bulal' amatshum' amatatu ezintombi a ne ntomb' eyodwa. I zi funyanisa zi catshe ko yise; ezinye zi na madod' emahlatini. I si zi konjiswa oyise, be-ti: " Ake ni qond eNkandhla, na seQudeni, na seKombe (lelo la li se nge li ka Godide nga leyo nkati). Ya zi funyanisa ku tat' ukusa. I qala nge zi ka Lurungu, umfowabo ka Sigananda. I ya zi funyanisa, e zi isitupa, zi ka Lurungu. I funyanis' e zi ka Matambo, uyis' omncane ka Sigananda, zi isitupa. I funyanis' e zi ka Mbango ka Matokolo, wa semaCubeni; i funyanis' e zi ka Lubiyela ka Nqapeyana, wa kwa Si-'kakane (i funyanis' izintomb' ezintatu lapo); e zi ka Mbango zi isihlanu; e zi ka Matambo zi isitupa. Ya funyanis' e zi ka Jakuza, uyis' omncane ka Sigananda futi, zi ntatu; ya funyanis' e zi ka Magananda, umfowabo Jakuza, kon' emaCubeni futi; zine-ke lapo. Lelo buto-ke, iNgobamakosi, ya i pakelwe kon' emaCubeni. Ya funyanis' e zi ka Mfelafuti ka Sifuko, wa kwa Ngcobo; i funyanise zi mbili lapo, se z'eqil' ezisitupa, se' zi ngen' ebusuku emadodeni; ne zi ka Matambo za nqamuk' ezisitupa futi, za yo gana kwa Ntuli, na kwa Magwaza. Ya funyanis' e zi ka Faku ka Pokwana, uyis' omncane ka Sigananda; i funyanis' ezine lapo.

Zonke lezi-ke a ba zi funyanisayo, ba ya zi bulala. Ka ba zi tshiyi, ba zi dubula nge zibamu. Ba be nga zi gwazi. Bā-ti nje " swahla " nge sibamu, ba-ti " swahla " nge sibamu. Umkonto ca; iNkosi yā-ti: " Ni nga ba gwazi ngo mkonto, ba ya u'kuluma; ba zo landa lapa ku ngen' umkonto, ba-ti: 'Maye, babo!' " Ngob' o gwazwayo ngo mkonto, a be landa; e mpompoza, e e qanganisa, e loyisa ngo mlomo.



Yat' i fika lapa kwo Qetuka, ya funyanisa se zi gane zonk' ebusuku. E za semaCubeni za bulawa langalinye. E zi ka Qetuka, ba zi ngena nge lesibili; ba funyanisa kute nya, ngoba ba be-zwe ku menyezwa, ku-tiwa: " I ngene!" Base be pum' ebusuku, se be hambe be zi hlom' emadoden' amadala. Ngoba, be zi-zwe umlomo we Nkosi, wokuti: " Ni ngă zi funyanisa zi gan' izinsizwa, ni zi bulale; ni bulal' izinsizwa nazo. Nxa zi gan' emadoden' amadala, ni nga-yi-ke." O! bala-ke, bă gan' amadod' amadala. Ba funyanisa kwo Godide ka Ndhlela se zi hamb' ebusuku, za gan' amadod' amadala futi. Ngoba izwi li ka Cetshwayo, la-ti, a zo gana kus' isifunda sa kona. Kwo Godide, zi gan' amadod' esifundeni sakubo; na ba kwa Qetuka b'enze njalo.

Yă-t' iNkosi: " E ni ya u'hlangana nay' intombi, i hamba ne nsizwa, ni yi bulalele kona lap' endhleleni; ni yi nqumise kabil' enhlanganeni ye zindhlela ; ne nsizwa e hamba nayo, ni ba bulale bobabili. Bati, ba nga-fa-ke bobabili, be se ni ba lalisa, ni ba hlanganisa bobabili. Ikona ku ya u'bon' izintomb' ezinye ne zinsizwa." Bala-ke, b'enze njalo. Za ba ntatu e za bulawa kanjalo, zi mbili e za banqanqiswa ne zinsizwa. O kw-on' izwe iloko. Wā-t' uHamu: " Ini len' e ni y'enzayo? Umfowetu wa bulal' izwe! Li za u'kufa. Kwa-ke kw-enziwapi loku na? uTshaka no Dingana ba-ke ba kw-enza na? A ba bonanga be kw-enza." Se be zi komb' a ba kwa Dhladhla, ba kwo Mvunyelwa, be-ti: " Naziya ezinye eKombe, ezisihlanu, se z'āk' amagobela. Yati, i si

kak' ihlati, kanti kade b'eqile; se be wel' uMzinyati, be-ti ba welela ku Ngoza ka Ludaba, eMsinga. So ku bonakala ukuti b'eqe nje, wa ba tat' umfula, uMzinyati, wa ba pons' oTukela, iloku be ndawonye na madod' abo, izintombi zi isihlanu, amadod' a isihlanu. Se kuti lab' a ba seQudeni-ke, ko Mbuzo, se be zi funyanisa z'eqile. " Naziya kwa Mdhlalose, kwo Seketwayo!" Amadod' azo a se catshile, so ku hamb' izintombi zodwa, ezine.

O! se ku ukubuya kwayo-ke iNgobamakosi. Ngo kufika kwayo ku Cetshwayo, u-ti: " Zip' izinkomo na? Lapa ni funyanise izintombi na?" Ba-ti: " Wo! Nkosi, ka si funyanisanga nkomo; a kw-akiwe zibaya, ku mil' utshani nje." Se ku pela-ke.

uKandempemvu ne Sangqu ba tshone le ko Mnyamana, na kwo Masipula, na kwo Hamu, na kwo Ntshingwayo, na kwo Magolwana, na kwo Mkanyile—y'ake ndawonye leyo mizi. Bona-ke, oKandempemvu ne Sangqu, bā zi qotula izintombi, ne zinkomo; baze ba zi tshiy' ezintabeni. Bona ba hamb' izinyanga ezisihlanu. Kwaze kwa-tiwa a kw-elekelele iNgobamakosi; izwe li kulu. Izifunda zi kulu; a ba zi qedi. Baze ba buya; iNgobamakosi ya hlangana nabo. Se ku-yiw' eNkosini-ke lapo. Amabuto a hlangana kwo Diyikana, wa semaMbateni, oKandempemvu no Sangqu se be buya. Se i penduka nabo-ke iNgobamakosi, i ba qubis' izinkomo, ne zintombi. Se be zi qub' eziny' izintombi, se be-hlulekile; amatshum' ayisitupa e zintombi. Ya i si-t' iNkosi-ke: " Ng' onile ukuba ngi-s' uKandempemvu ngakubo, lapa ku ngakubo ngakona; lapa be baningi ngakona. Lu-ti-ke uKandempemvu: " Qa! Nkosi! S'enziwe uSitshaluza no Ma'boko ka Masipula (o luKandempemvu), no Sitambi ka Masipula, a ba zi buleleyo." Se be ya gcina-ke. I si-t' iNkosi: " O! Hayi, ngi ya bonga-ke ku baba lowo



(uSitshaluza)." U se m nik' izinkab' ezimbili, e ya u'bonga. Kwati, kwe li ka Zibebu izwe, wa zi ganisa; u zi ganis' eNdhlondhlweni, yon' e zi y'alayo, na ku Tulwana. Ka za bulawa kwe lake. Na kwe li ka Seketwayo, za zi ngeko e zi bulawayo. Na kwo Diyikana, zā gana. Na kwo Mbuzo, zā gana; na kwo Lukwazi ka Zwāna; zā gana kulo lonke lelo. Na kwo Hamu, bā gana. Kwa Matshana ka Mondise, eQudeni, zā gana. Na kwo Mdhlaka ka Sonomo, wa kwa Langa, zā gana. Zā gana futi na kwe ziny' izifunda. Izwe e l'ōnayo, e la semaCubeni, li ka Zokufa, e se kona yena. Kwa-tsh' izintombi za kwake, ezona z'on' izwe ngempela. Lonke leli e li pel' eTshowe (Eshowe), za gana zonke lezo; iloku ku suke kwo Mavumengwana, na kwo Nonzama, na kwo Hashi; na kwo Gaozi; na kwo Biyela. Izwe elinye futi e l'onayo, e li ka Mnyamana, ne li ka Masipula, ne li ka Ntshingwayo, ne li ka Mnqandi, ne li ka Magolwana, ne li ka Mkanyile. Konke loku-ke kwa ba isidumo e s'onayo; imkosi yaze ya mbili i nga dhlali, zi-ti: " Ucu ka lu hlangan' entanyeni," ukuba ku nga tunganga uDhloko, noDududu, no Mxapo.

Izintombi e za qala kuqala ukw-ala e za semaCubeni. E za nqum' izinhloko e za kwo Mnyamana; e za kwo Masipula; na kwo Mnqandi. Se ku hamba ku qed' izwe nje kona loko. Ku bulawe za mbili ku Magolwana, zi funyansiwa zi gane ku bafana ba ka Ntshingwayo ka Marole. Zaze za bulawela kona.

Nō Tiyane so lw'enze njalo; lu gund' izinhloko. Lu qale lu tule nje. Sekuti ebusika, se zi gunda; se z'eqa na madoda. Ne Ncome, no Mzinyati, no Tukela, i si-tshile leyo mfula. Se ku sebusika. U se zo bika-ke uSeketwayo ka Nhlaka, wa kwa Mdhlalose. U-ti: " Ini lena na? iNkosi i y'azi ukuti izwe se li citekile na? Se be baleke

ne zinkomo zetu abafana na? A si se ku-tola luto na?" I si-t' iNkosi: "Qa! Zi ya u'buya." A ya be i sa paka buto-ke. Ya-ti a ku yo kw-*andhlulwa;* loko-ke, ukudhl' izinkomo eziseleyo; ngoba nans' indod' i pum' ekaya, ya tat' intombi, y'eq' ebusuku. Se ku bonakala ukuti izinkomo lezo zi-dhliwa kwo ntombi na kwo soka. Ukw-andhlulwa-ke loko; *o kudala* ukw-andhlulwa. Umunt' a nga wela, ku ya kw-endhlulwa. Nxa e nge na nkomo, umuzi u nge siwake, se ku zo ku-tiwa nami a ngi ket' ezami, zakwetu; no bani a ket' e zakwabo; se zi sala-ke; e zi salayo se zi tatwa-ke, zi hambe. O nge na nkomo, ku tatw' igeja lake lo kulima.

## 39

## UKUBULAWA KU KA ZIHLANDHLO KA GCWABE

KWA tunyw' umuntu, uJiyiza ka Dhlaba wa sEmbo, wo kuzalwa; wa nyenyezelwa umuntu wa kwa Qwabe, wa-ti: "Hamb' u yo vus' uZihlandhlo, ngi-zwile ukuti ku za u'hlaselwa kona." Wa suka njalo uJiyiza, wa hamba. Wa fik' ekaya, wa tat' isihlangu enqolobaneni wa libala uku-si-kanda nje. Kanti impi i si ya ngena ngalapa ku Zihlandhlo. Kwa tunyw' abantu abane noma ba be isihlanu ini, be tunywa uDingana. Ba fika be-ma ngapa-ndhl' esangweni, ba-ti ba puma ku Dingana, ba fun' inkosi. Base be-ti ma bizw' uZihlandhlo, e-ze yedwa, ngoba ba fun' ukukulum' isifuba sa ko Nkosi; (sa si ng-aziwa abantu bonk' isifuba se Nkosi). Wa ye se-ya-ke. U se hlala-ke. Se be sondela kuye, sengati ba ya nyenyeza. U se vela njalo umuntu, u se m bokoda ngo mkonto. A kuko muntu ku lab' a ba ka Zihlandhlo o bonayo. Se be suka-ke. Se beti, ukuhamba nje, se be memeza, se be-ti: "Nansi inkosi yakini, i nga-dhliwa izinj' esangwe-ni!" Ba ya qal' amadod' ukupum' esigodhlweni ngase-nhla, se be funyanis' uZihlandhlo e-fil' esangweni.

uZihlandhlo lo wa ye tandwa kakulu uTshaka, be tandwa kakulu be no Magaye ka Dibandhlela.

Kute, uma i-f' inkosi, wa-t' uJiyiza ka Dhlaba: "Be be ngi tshele ukuti ku zo bulawa; ku kohlwe mina, ukuba ngi yi vus' inkosi." Ba-ti-ke abaMbo: "Hau! Jiyiza, u-ti uwena o bu nga kw-enza loko?" Ukuciteka ku ka Jiyiza kwe la sEmbo. Wa-ya kwa Dumisa ka Mvenya; wa tolwa kona. Na namhlanje loku, amado-dan' ake a s'ake kona. Ba ya-tsho bonk' abaMbo na namuhla, ukuti: "Si ya m azis' uJiyiza, o wa ngenis' inxeba, ukuba ku-f' inkosi." U se hambela nxanye njalo, na bakubo a sa hlangani nabo.



## 40

## IZIBONGO ZI KA CETSHWAYO

uZulu la dum' obala!
Lapa ku nge munga ku nge mtolo.
uHlamvana bul' umlilo,
U baswe uMantshonga [1] be no Gqelemana.[2]
  Inzima le mnyama,
E nga bubende be ngonyama;
I bi qutshwa uMseleni, be no Nongalaza,
Be-t' i fanel' uku-ya-u'sikw' izihlang' eMkwenyantaba;[3]

[1] uCaptain Walmesley.
[2] Umfundisi o wa y' ake kwa Zulu.
[3] Umuzi ka Mbuyazi.

Ba-ti : " I yekeni ! Ubunyama bayo buy' esabeka,
I fanel' uku-ya u'cel' imvula ku Nkosinkulu." [1]
uNqabel' abant' uku-donsa.
uManz' a pum' ezimbotsheni zo Mtshezi.
Isiguqa e si zi fulele nga mahlamvu,
Enqabeni kwa Dhludhluma, ko ka Mweli.
Umsind' o ku Ntilingwe,[2] ngowani ?
U bangwe a ba seNtengweni,[3] na ba kwa 'Kinya ; [3]
U xokozelelwe a ba seNtengweni, na ba kwa Kinya,
Ba xokozelel' indhlondhlo, ya ko ka Tshana,[4]
Ba-ti : " Ndhlondhloni lena, e nga buli mapiko,
Izindhlondhlo zonke zi wa bul' amapiko ? "
O zingel' izwe la seNhlungwane ngo mbumbuluzo,
Amavak' a seNgwegweni, na wa seNdhlondhlweni,
A balek' a bangazeka.
Ikab' e li mile lodwa [5] nga seNhlungwane.
Amany' amakab' e mil' izixexeleku.

## 41

## UKULWA KU KA MPEYAN' EMFIHLWENI

uMpande wā pak' iMdhlenevu, wa pak' iSangqu, wa-ti a i-y' eMfihlweni, ngasenhla kwa seSwazini. Wa-ti : " Ku kona e zi 'Lupondo-lu-zalel'-inja.' Ngi ya u-ke ngi-zw'

[1] Inkos' endala kakulu ya kwa Zulu.

[2] Ukalo o lwa l'akile, mhla uCetshwayo e yo ku-lwa, e landel' uMbuyazi.

[3] Imizi ka Mbuyazi.

[4] Unina ka Cetshwayo, uNgqumbazi, wa ye ngo ka Mbondwe ka Tshana, wa kwa Hlabisa

[5] Ngoba wa ye yedwa, abafowabo se be hlangene no Mbuyazi, kanye ne zinduna. Ku-tiwa 'zixexeleku' ngob' abafowabo ba be baningi.





Ukuvunula kwa mabuto, ku bus' uMpande. Le ndoda, uTimuni ka Mudhli,—ikohlo la kwa Zulu.

e li ya u-zi-dhla." iSangqu-ke, se si yi yeng' iMdhlenevu. Se li tshona qede, sengati imp' i ya ngenisa, y'ak' amadhlangala. Kanti, i ngenise nje iMdhlenevu, se si sukile iSangqu. So ku ngati ba ya lala. Se si suk' iSangqu, kanti izinsaba za seSangqwini zi bu bonil' ubulongwe o bā-nyiwa zinkomo zi baleka, ub' i-zwakale ukuti i ye-z' impi ya kwa Zulu. Kanti iMdhlenevu i lele nje, se si sukil' iSangqu. Sekuti ku-ti juqu: "Ha! iSangqu ka si seko!" So ku ikona i si hloma kusasa. I si qonda le. Kanti iSangqu se si zi-dhlile. iMdhlenevu i si bona ku telek' izinkomo pambil' impela, e z'etuk' iSangqu. I si zi-dhla-ke lezo; i si buya nazo-ke. I si ya u'ngenisa. Kant' iSangqu se si-dhl' izwe le zinkomo. Sokuti iMdhlenevu, i si-dhl' izinkomo e zi umzila, zi umkwili nje. Se be ngenisa-ke, iMdhlenevu. Se ku hlatshw' izinkomo. Sekuti kusihlwa, lapa ku tat' ukusa, po! abantu be-dhl' inyama, be zukekile, a ye se ba vimbezel' amankengana. Po-ke, bate be lala njalo, ba be nqum' imnyango ye zindhlu, be linganisel' ukupuma ne sihlangu, umunt' e-m' endhlini. I sit' ub' i ba vimbezele, nans' inkonyana i kulekw' endhlini, lapa ku lel' uMpeyana kona. Se be fika be tap' izibi amankengana. Ba gcina ngazo emnyango. Bate bati lapa bet' ukutungel' umlilo, lap' umlil' uti gqamu, wa ye sehle wa nqum' isising' e si yi bopile. Ute, lap' umlil' u qal' u vut' emnyango, wa wu citsha ngo ku-pons' inkonyan' emnyango. Base be yi pete inkonyan' emnyango nga maxwa! Ba-ti uy' uMpeyana. Bate, lapa be dilikel' enkonyaneni, wa ye se pumile. U ya puma, u kwela pezu kwo muntu, u m gwaz' u m lahla pansi. Base be buyile kon' emnyango. Ba m tela nge tala, ba m gwaza lonk' ikanda, ne ntamo le. Wa ye sehle wa pind' omunye. Kwase ku-zwakal' uDikida ka Nkonyane ngenhla kwake, e-ti: "Nga-dhla



mina mkon' o vikel' isibili!" Wa ye sehle wa m lahla pansi. Kwa ku ukunqamuka kwayo, le e gwaz' uMpeyana. Lwase lu pum' izindhlu zonke, uDhlambedhlu. So ku kal' uku-ti: "Nga-dhla! Nga-dhla!" izindawo zonke. Ilapa so ku dum' umlilo. U su-tsha lo muzi a be be ngenise kuwo. Ba be yi cita-k' impi, kwa ku-sa, ku-ti gelekeqe. Kwa ilap' e se papam' uMpeyana. Kanti li sel' ixitshan' ā-y' a ngena kulo, e se papama. Se be m fudumezel' amanzi, be m toba, be m toba, loku se be m benge, ba m benga nge mkonto. So ku fik' iSangqu ne zinkomo. Se ku ya ngeniswa nje-ke. So ku tunyelw' abantu lap' eNkosini; se be zo bik' impi, ukuti i bulel' uDhlambedhlu ebusuku, kodwa ba yi cita bona. Kodwa uMpeyana ka se ku-fika, ngoba u se vuvukile, na manxeba a se 'qinile. Sekuti, uba ku bikwe kanjalo, iNkos' i si biz' uNoradu, i si-ti: "Hau! Noradu, u ya ku-zwa nje loku kwe ndodana yako na? I si za uz' i bulawe amankengana kona le. Kodwa impi i sa yi lindile, iMdhlenevu ne Sangqu; ba sa m lindile." I si-ti: "Hamba-ke, Noradu, quba nansi inkabi. U ya u'tet' amadhloz' akini. U ya u' vuka. U ya u' fika naye lapa." I si m nik' o'kul' ugelekeqe. Ka sa vuki lapo. Wa fika qede uNoradu, wa teta, wa teta; bala, wa vuka, njengezwi le Nkosi. Wa sinda, wa buyel' ekaya. Lwa sind'

> uHlalu o lu qund' imkonto ya seMfihlweni;
> uSihlangu si betelwa nge mkonto,
> Izikonkwana zi hlezi;
> uManxeb' a ngang' amanxuluma ka yis' uManqondo;
> uMtiyaqwa Mpeyana.

## 42

## uHLATI: "uJOJ' O WA MILA NSIB' EMLENZENI"

uHlati wā lahla uSenzangakona. Kwase ku-tiwa-ke ka-dhliwe intaba, ne viywana o wa ye lahla kanye nalo; e se nqanyulelw' izinkomo, ku-tiwa ka hamb' e-dhla. So ku fik' impi ya kwa Ndwandwe, i zo hlasela kwa Zulu. I si dhlul' impi ya kwa Ndwandwe, e sehlatini. U se yi ngena ngemuva-ke impi. U se gwaz' abantu, u se b'enz' ucaca.[1] Kwa kupela-ke. Wa ye se buyiselwa kwa Zulu. Ngo ku-buyiselwa kwake, i si m nqumel' izinkomo iNkosi, i si m akel' umuzi-ke. I si m bonga-ke, i si-ti: *uJoj' o wa mila nsib' emlenzeni*, ngoba impi wa yi ngena ngemuva.

Wa ba ne nhliziy' enhle, ngoba wa ye se citiwe, kwa-tiwa ka-dhliwe intaba. Omuny' umuntu wa ye se ya ku-yi-buka nje, a-ti: "Loku se ngi xotshiwe kwa Zulu, ngi se zo-lwelani?" Ngo kugwaza kwake loko, kwa bonakala ukuti ka na nhliziyo ebuhlungu, ukub' e se kitshw' ekaya.

## 43

## INSUMANSUMANE E Y'ĒNZIWA uTSHAK' EZIMPOHLWENI

U yă memez' uTshaka, ngo kutshona kwe langa, e sesi-godhlweni ngapakati. U-ti: "Ba memezeleni, ba vunul' umpakati. A u vunul' umpakati, u yo soma." (Ba nqunyiselwe-ke, ba iMvokwe; kwa-tiwa a ba nga somi

[1] U bulal' abaningi.



ne zintombi.) Ba ya vunula-ke. Kuti citi-ke! A ku sali no yedw' umpakati. Ba ya hamba-ke, ba-ti du. U-ti uTshaka: "Hau! Kwa lula lap' ekaya na? Ku-yiwe ngapi lap' ekaya na?" "Au, Nkosi, ka kuko no yedwa." "Ahle kube, bala, ba li-zwile lel' igama, ba hamba na? Kanti ngi ba nqumisele nje, kanti izintombi ba ya zi tanda na?" "Au, Baba, ka muko, nom' emunye!" Weu! A i pake-ke, i ya u-ba-dhla. U se ya wu biz' uMbelebele, u-ti: "iZimpohlo a ni yo zi-dhla. Ni kukul' ezinkomeni. Ni fak' ifotsholo. Nga li bona kwa Dukuza, ukuti, ma ni fikile na bon' umhlambi we zinkom' ekaya, ni zi qube zonke; nifike ni fak' ifotsholo-ke."[1] U-t' uNoradu, o wa ye iMpohlo: "Hau! Nga mangal' ukuti loku zi jutshwe uye iZimpohlo na? Wa-ti a si gqoke, si yo soma na?" Ba-ya-ke, be yo soma. I ya zi-dhla-ke. Kuti, nxa i si zi-dhlile, ku vel' umfoka-zana wa seZimpohlweni, u-ti: "Za-dhliw' izinkomo zetu! Be si pakwe ngabomu. Be si jutshwe uye, e-ti a si ya u'soma. Ube kazi, zi ngakaya, zi ya u'buya zonke na?" Lab' a ba qub' izinkomo, se be li fak' eNkosini, be-ti: "Umfokazana wa seZimpohlweni, u-ti, 'Kazi zi sa ukubuya zonke na? Loku be si jutshwe uye na?" I si-t' iNkosi: "Hau! We, wena ka Mqomboyi![2] Na ngazi zabo ba zi tela, na mpaka zabo ba zi leta. Hayi! Nge-zwi labo lokuti: *Zo buya zōnke nā?*'" Ba-ti kwa tunq' umusi emlonyeni. Elok' e pindela, e-ti: "Hayi! Nge-zwi labo lokuti: '*Zi sa uku-buya zōnke nā?*'" uNoradu wa-ti: "Wa si kolisa lo muntu o wa kuluma lel' izwi." U-ti: "Za hlatshwa, za hlatshwa nga lelo-zwi, za ba ukucakalala izinkomo zetu. U-ti, uba size si m etuk' uTshaka, e hlab' izinkomo kangakaya.

[1] Ifotsholo la li ng'aziwa kwa Zulu; la l'aziwa uyen' uTshaka, e-ti wa li bona kwa Dukuza.

[2] uNgomane.

Lok' inyama yake ya i nga lingani ne ya seMgungu-ndhlovu." Kwase kuba kupela-ke. Ka pind' a zi buyise. Isilwane si nxanel' ukubulal' abantu, ingani ba pakwe iso.

Ku-tiwa lowo mfokazana wa puma, wa paqaza nge jubane, wa baleka, wat' e sentabeni, wa penduka, w'ema, wa-ti: "Kuya lu ba vukile-ke unya lwab' a ba kwa Zulu!" Wa tshaya wa cita, wa baleka. A ba m bamba. Waze wa-f' uTshaka e nga bonwa lowo muntu. E se njengo Rubu [1] ngo kucatsha.

## 44

## IZIBONGO ZI KA DINUZULU

uMamonga [2] wo Sutu!
uMamonga ka bulali, u ya sizila,
U qot' imbokodo ne sisekelo,—
U fana ne ndhlov' emnyama,[3] ya soNdini.
uSilwa na nkunzi mbili,
Enye nge ya kwa Ngenetsheni,[4]
Enye nge ya seBanganomo.[5]
uMgwazi ka dinwa zingqapeli.
Isikon' [6] e si mazinga.
Umuzi ba u pum' ehlatini,
Ba wu labalabela.

[1] Lo o w-etwes' uTshaka nge sikumba—Isifundo 3.

[2] Ku-tshiwo ngob'e se iNkosi; se be kobele kuye bonk' abantu; e se but' amabuto. Lel' igama li suk' ekwongeni (onga), ukub' a kule az' a be iNkosi; kad' e isibaxa, isimonga, e sa kula.

[3] uCetshwayo.

[4] uHamu ka Mpande.

[5] uZibebu ka Mapita.

[6] Inkom' enkone; e 'mazinga' i na mabal' amnyama ingabe abomvu pezul' emhlandhleni.



Itole la ko ka Msweli,
E l'anyise li guqile.
Indaba e ngi yi-zwe ngi mncane,
Ngaze nga kula, nga yi bona nga mehlo.
uSifuba si ngungu,[1] si ngungubele;
Nyakana si bobokayo,
Umunt' u ya u' zi-zw' izindaba.
uMakip' imbila,
Ku lale yen' esixotsheni; [2]
uNdab' u hlom' ehlatini,
U be njengo hlanya.
uMpangela langa li nga ka pumi kwa Ndunu,[3]
Lite li puma,
La li puma nge zingazi za madoda.

## 45

## ABALOBOKAZI BA KA CETSHWAYO BA M CIBA NGE MNYAKANYA

KWĀT' oNdini, wat' uCetshwayo w'abel' abalobokazi bake umnyakanya, ukuba se ku zo ngen' umkosi; e-ti ikona be yo vunul' emkosini. Ba-ti o ka o-ka-Seketwayo mkulu, uyen' o tandwayo; owabo mncane. O-ka-Masipula, wa-ti: "Si ngeke si yi fake le mnyakanya tina. A si yi pindelisele kuye." Bala, ba yi ciba, yaze ya imbundu emnyango kwa Nkosi. Ba yi cib' elawini layo njalo, eSikwateni.[4] U se tata-ke yena (uCetshwayo),

[1] Ngob' e tule ne zindaba; e qung' enhliziyweni yake.

[2] Impi a-lwa nayo, e ya i ngenis' esixotsheni.

[3] Kwa Nongoma; mhla e tshay' e qotul' e ya kwa Mandhlakazi.

[4] Isikwata ulaka; kungati isisusa se gamu le lawu iloko.

u se-ti : " Ba y'ale ba y'alile ; a i-ye ko Kandempemvu." Nembala, ya-ya ; ba faka yon' e ya balobokazi. Imnyakanya le e ye sakabuli, e li tandwayo ezintini.

Kwa kungati ba zo bulawa. Ka z' a ba bulala. Kwā jez' uNhlamule ka Masipula, oyen' a qale kuqala ukuti : " A si y'ale le mnyakanya, a si yetu. Eyetu i nga lingana ne ya ko-ka-Seketwayo." Lowo mlobokazi u no mdhlunkulu wa kwake ; lowo futi u no mdhlunkulu wa kwake.

Amakosikazi, a ku les' esimhlop' isigodhlo, a m tshelezel' uNhlamul' eNkosini, a-ti : " iNkosi a yi m hlaulise nje, ku pele loko. Si ya bona ukuti w-onile. Ka pind' o kwa ngomuso." iNkosi ya i tukutele, i-ti : " Ini ukubani u tshel' abanye ukuti a ba zo ngi ciba ngo mnyakanya emehlweni na ? "

uNhlamule wa hlauliswa nge nkabi—kwa landw' inkabi kubo, emhlope elunga.

## 46

## INKASA-KABILI, I SA U'PIND' I SUKE NJE NA?

uBilibana ka 'Bangela, wā-ti : " A no ngi buzela ku Noradu, ukuti, inkasa-kabili le, imbala i sa u'pinda si suke nje na ? Loku sa bona si kasa, si se zingane ; sa bona si suka na ? Ni ngi buzele ukuti namuhla imbala si sa u'suka njena na ? " U-ti-ke uNoradu : " Ka ng' azi nami, wena ka Bangela, loku, nō Mazwana ka Yengwayo, a ngi bonanga ngi ba bona be kasa, ba buya ba suka. A ba sukanga." Kwase ku ba ukupela njalo ; kwa ba ukuguga kona lapo.



U-ti-ke uBilibana : " Wo ! A ku tshelw' iNkosi ukuti se s'ahlulekile. a ku vumi ukuba si suke ; iloku sa suka kona kuqala ; iloku sa suka, si kumuk' emabeleni ko mame. A si s'azi ukuti namuhla si sa u'suka na."

iNkosi (uMpande) i si-ti : " Ni kwel' inganekwane. Njengo bani na ? E na-ke na m bon' e buy' e suka na ? uBilibana u za uku-buza ko bani loko na ? Loku nami se ngi kasa na ? U za u'tshelwa uban' o kw-aziyo. Loku tina si m az' umuntu at' a nga guga, u b'u gugile na ? " U-t' uBilibana : "Ca ! Ngi-t' a kw-azisw' iNkosi, ukuba a ngi se ku-vela. A ku sa vum' ukuba ngi suke." " Po-ke, uBilibana, noma e s'ahluleka njalo, a zo bikwa ngo mlomo na ? Ip' inkab' e ni fika nayo na ? " Base be penduka njalo, se be land' intusi ye nkabi yake, e si ya ku-m-bika, ukuti u s'ahlulekile. iNkos' i si-ti : " Hau ! Yek' indoda yakwetu, uBilibana ! ' I si-t' iNkosi : " Se ni yo ngi kalela ko ka Bangela. Se ngi bon' ukuti umuzi wa kwa Dukuza u su limal' impela, loku so ku-f' amadod' awo." [1]

## 47

## UKUFA KU KA SOKUFOCA

uSokufoca wat' e se bulawa iNkosi uDingana, eMgungundhlovu, kwa ku fik' utshwala bake, bu pum' emzini wake. Wa ye se biz' eziny' izinduna. Base bu tungwa-k' utshwala. Bute lapa bu tungwayo, kwase ku bonakal' into i pupuma pakati esicunyini, into njalo ku umhlapo. U sut' ukub' u pum' umhlapo, se ku vutuzw' izingubo, zi vutuzwa zinduna ; se zi bu tshiy' utshwala, zi-ti : " Hau !

[1] uBilibana wa ye uDhlangezwa (iZigcwelegcwele).

Ini le, Sokufoca, na ? " uSokufoca u-ti : " Nami a ngi kw-azi, ngoba namp' utshwala bu ya fika nje. Nami ngi ya bon' ukuti be ku bulawa mina, mina Sokufoca." Izinduna-ke se zi-ti : " Qa ! Be ku nga bulawa wena. Ini u si bizel' ubulima na ? Int' enjena na ? " Se zi vutuz' izingubo e zi ze-mbete ; se zi puma. Se zi bu tshiy' utshwala. U se-ti-ke uSokufoca a bu yo citwa. Se zi-t' izinduna, uba zi pume, se zi yo bik' eNkosini, ukuti : " Nkosi, nang' umhlola ! Si bon' insumo, uSokufoca e si bizel' utshwala." I si buza-k' iNkosi : " Intoni na ? " " Au ! Nkosi, umhlapo nje. Ku bilikiqel' umhlapo." iNkos' i si-ti : " Weu ! uSokufoca o wenz' amanyal' anjalo na ? " " Au ! Nkosi, si bona ku puma loko. U be si bulala sonke." Se ku ukukuza kwe Nkosi, i-ti : " Hau ! U be bulal' izinduna zami, u be-ti a sale yedwa, ngoba ku njan' na ? " I si ya m biza-ke iNkos' uSokufoca. " Loku, Sokufoca, e ngi ku-zwayo, e ngi ku-zwa ku xoxwa zinduna loku na ? " " Weu ! Nkosi, ka ngi kw-azi nami. Utshwala bu vel' ekaya. Nami ngi bona se ku puma kona loko." I si-t' iNkosi : " Hamba-ke, Sokufoca, ngi sa zo-ke ngi ku fune loko." U se hamba-ke. I si ya ku funa-ke iNkosi. I si-t' a ku-yiw' ezinyangeni. Izinduna za-ti : " Be ku bulawa tina." iNkosi ya-ti : " Ake ku yo bulw' ezinyangeni." Se zi buya zi m nuka-ke uSokufoca, ukuti : " Qa ! Be ku fakwe uy' uSokufoca. Be be bang' ubuduna ne ziny' izinduna lezi." A set' ub' a fike lawo mazwi-ke, i si-t' iNkosi : " Nga vela nga m bona, ngob' a balek' a tshiy' uSondoda.[1] Kant' umtakati ! " Kwa kupela-ke. iNkosi ya i si-ti, ka yo

[1] uSondoda kwa ku iqawe, e lati l'ilwa, ba m tshaya nge sikul' isinkemba so mkonto ; wat' e gwaza, umhlehlo wa u su ngapandhle. Baze ba m tunga lap' impi se be yi xotshile. uSokufoca, kanti iqawe naye, wa ye baleka nga lelo langa.



bulawa njalo. Wa bulawa. I si bu nqumisela njal' utshwal' iNkosi ; i-ti a bu nga letwa kwomkulu (eMgungundhlovu). I si-ti : " Izintandane zak' uSokufoca a zi-ze kimi." Se zi kupuka, zi yo ba isigodhlo. Sekuti inkosana yake, uFokoti, i si m nqumel' izinkomo. I si-ti ka yo kw-aka. U s'aka-ke njal' uFokoti.

PRINTED IN ENGLAND BY WILLIAM CLOWES AND SONS, LIMITED, BECCLES.

